# Okuqukethwe

**Izithombe nezifinyezo** ..... iv

**Isifinyezo Sezinsiza ze-Funda Wande**
INcwadi kaThisha: Yini ongayifundisa ..... v
UmHlahlandlela weNdlela yokuFundisa: Indlela yokufundisa ..... v
IziNcwadi zoMfundi neziNcwadi eziNkulu: lokho ongakufundisa ..... v
Ithemu yesi-2 okuqukethwe ..... vi
Ithemu yesi-2 uhlelo lwamasonto onke ..... viii

**Imisebenzi yesiFundo sokuziVocavoca: Ithemu yesi-2** ..... 1

**Izinhlelo zesifundo**

**Isonto loku-1** Uyini umndeni? ..... 2
**Isonto lesi-2** Ukunakekela umndeni wami ..... 14
**Isonto lesi-3** Izingozi ekhaya ..... 26
**Isonto lesi-4** Ukuzigcina uphephile ekhaya ..... 38
**Isonto lesi-5** Umzimba wami omangalisayo ..... 60
**Isonto lesi-6** Ngaphakathi komzimba wami ..... 62
**Isonto lesi-7** Izinzwa zami ..... 74
**Isonto lesi-8** Ukuzigcina uphephile emagciwaneni ..... 86
**Isonto lesi-9** Ukuzigcina uphephile kwabanye ..... 98
**Isonto lesi-10** Ukuhlanganiswa nokubuyekeza ..... 110

**Isampula yohlelo lokuhlola, Ithemu yesi-2** ..... 112

**Ukwazi ukuFunda nokuBhala uLimi lwaseKhaya: amasampula ama-rubhrikhi nohlu lwezinto okumele zenziwe zokuhlola**
UkuLalela nokuKhuluma ..... 113
ImiSindo ..... 114
UkuFunda nokuQondisisa ..... 115
UkuBhala Kahle ngeSandla ..... 116
Ukubhala ..... 117

**AmaKhono eMpilo: amasampula amarubhrikhi nohlu lwezinto okumele zenziwe zokuhlola** ..... 118
I-LQ kanye ne-QMQPP ..... 118
UBuciko obuBukwayo ..... 119
UBuciko boKwenza ..... 120
IsiFundo sokuziVocavoca ..... 121

**Irubhrikhi eyisibonelo ye-DBE** ..... 122

**Isampula lamakhasi okuhlola angakopishwa** ..... 130

# Izithombe nezifinyezo

| ULimi lwaseKhaya | |
|---|---|
|  | UkuLalela nokuKhuluma |
|  | UkuFunda |
|  | ImiSindo |
|  | UkuBhala nokuBhala Kahle ngeSandla |
|  | UkuFunda ngamaQembu okuHolwa uThisha |
|  | UkuSebenza ngokuZimela |
|  | Ukuhlola kanye nembuyisambiko (LL nama-KE) |

| AmaKhono eMpilo | |
|---|---|
|  | ULwazi lokuQala nokuQondene noMuntu uQobo kanye nokuPhila eMphakathini |
|  | UBuciko obeNziwayo |
|  | IsiFundo sokuziVocavoca |

| Izithombe ezisetshenziswe ku-NF | |
|---|---|
|  UkuBhala |  Faka umbala noma udwebe |

INcwadi kaThisha – NT
INcwadi yomFundi – NF
UMhlahlandlela weNdlela yokuFundisa – HNF
UkuFunda ngamaQembu okuHolwa uThisha – i-FQHT
OkuQondene noMuntu uQobo kanye nokuPhila eMphakathini – i-QMQPP
ULwazi lokuQala – i-LQ
ULimi lwaseKhaya – LK
UkuFunda ngaBabili – FB
UkuSebenza ngokuZimela – SZ
Izincwadi Zokusebenzela ze-Rainbow – DBE

# Isifinyezo Sezinsiza ze-Funda Wande

Uhlelo lwe-Funda Wande uhlelo oluhlanganisiwe Lokwazi ukuFunda loLimi lwaseKhaya kanye namaKhono eMpilo lwabafundi beBanga loku-1 ukuya kwelesi-3 olusekelwe ohlelweni lwezifundo ze-CAPS. Ngokulandela uhlelo, abafundi bazofunda ukufunda nokubhala ukuze bathole incazelo futhi bathuthukise ulwazi oluyisisekelo, amakhono nolwazimagama. Lokhu kuzobalungiselela amabanga aphakeme nokunye ukufunda ulimi.

## UMhlahlandlela kaThisha: Yini ongayifundisa

Kukhona iziNcwadi zikaThisha zawo wonke amathemu ebangeni ngalinye lamaBanga aphansi. Kuyireferensi yansuku zonke kothisha abamatasatasa, ukuze ikusize ngokuhlela kwakho, ukuhlela ngokulandelana kanye nokuhlola.










INcwadi ichaza okuqukethwe yisifundo ngasinye - lokho okufanele ukufundise nokuthi kulandelane kanjani. Uhlelo lwamasonto onke nohlelo lwamathemu nakho kuyahlinzekwa. INcwadi kaThisha (i-NT) iphinde ihlinzeke ngemisebenzi yokuhlola ehlongozwayo ekupheleni kwe-NT ngayinye. Izifundo nemisebenzi yokuhlola kusekelwe, futhi kwenziwa, okusohlelweni lwezifundo lwe-CAPS.

## UMhlahlandlela weNdlela yokuFundisa: Indlela yokufundisa




UMhlahlandlela weNdlela yokuFundisa (HNF) ohlukile,ojwayelekile unikeza imihlahlandlela mayelana nezinqubo kanye neziphakamiso zendlela yokufundisa uhlobo ngalunye lwesifundo ohlelweni lwe-Funda Wande. Ungasetshenziswa ekuqaleni kwethemu ngayinye ekuqeqesheni noma lapho uhlela futhi nganoma yisiphi isikhathi ofuna ukuhlola ukuthi ulandela izinyathelo zesifundo ngendlela efanele yini futhi usebenzisa isifundo kahle yini. **NgoMsombuluko sikhombisa amakhasi athile ku-HNF asekela ukufundisa izifundo.**

Ohlotsheni ngalunye lwesifundo, i-HNF iyachaza:

1. **inhloso** yalolu hlobo lwesifundo: kungani sifundisa lezi zifundo
2. **ukuqhubekela phambili** eminyakeni emithathu: indlela nemibhalo enikezwe ohlelweni ethuthuka ngayo emabangeni amathathu ukuqinisekisa ukuthi abafundi bathola amakhono athe xaxa nolwazi
3. **indlela yokufundisa isifundo**: indlela yokufundisa isifundo, ngokulandelana okucacile, kwesinyathelo ngasinye; kucaciswa injongo yesinyathelo ngasinye nanoma yimuphi umehluko phakathi kwamabanga amathathu
4. **ukwehlukanisa**: indlela yokubhekana nabafundi emazingeni ahlukene kulolu hlobo lwesifundo
5. **UkuHlola ngokuphathelene nokufunda**: indlela yokusebenzisa lolu hlobo lwesifundo ukuhlola inqubekela phambili yabafundi yansuku zonke.
6. **UkuHlola ngokuphathelene nokufunda**: indlela yokuhlola ngokusemthethweni amakhono nolwazi olufundiswa kulolu hlobo lwesifundo ithemu ngayinye, ngokusekelwe ohlelweni lwezifundo lwe-CAPS

I-HNF iyincwadi yereferensi yabo bonke othisha besiGaba esiyiSisekelo, iBanga 1–3, okufanele bayisebenzise kanye ne-NT.

## IziNcwadi zoMfundi neziNcwadi eziNkulu: Yini ongayifundisa










**NgeziNcwadi zoMfundi (ama-NF)** ziqukethe amakhasi asetshenziswa abafundi phakathi nezifundo. Amakhasi ahlelwe ngokulandelana okufanayo nokwenziwayo kuma-NT. Abafundi babhala zonke izimpendulo zemibuzo encwadini yokubhalela, ngaphandle kweBanga 1 Amathemu 1 no–2.

**IziNcwadi eziNkulu** zidizayinelwe ukusetshenziswa lapho abafundi behleli kumata ezifundweni zokuFunda ngokuHlanganyela kanye namaKhono eMpilo. Ziyatholakala kuwo wonke amathemu eBangeni loku–1 naseBangeni lesi–2.

## Ithemu yesi-2 okuqukethwe

| Isonto | Indikimba | Indaba efundwa ngokuzwakalayo | Indaba eFundwa ngokuHlanganyela | Umbhalo onika ulwazi wamaKhono eMpilo | I-BK ne-QMQPP | UkuLalela nokuKhuluma |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **1** | Umndeni wami: Uyini umndeni? | *Okungalindelekile kosuku lokuzalwa* | Usuku lokuzalwa lukagogo | Imindeni ehlukene (izithombe) | 1. Umndeni wami (dweba)<br>2. Imisebenzi yomndeni | 1. Abalingiswa endabeni (xoxa)<br>2. Umlolozelo womunwe |
| **2** | Umndeni wami: Ukunakekela umndeni wami | *UKagiso, uBhubesi kanye noJakalase* | Ikhadi elikhethekile | Indlela yokwenza ikhadi lezilokotho (imiyalelo) | 1. Ukunakekela umndeni wami (xoxa)<br>2. Ukwenza ikhadi (ukuhlela ngokulandelana) | 1. Abalingiswa endabeni (ukudlala indima kanye namakhono okucabanga ngokuhlolisisa)<br>2. Yisho umlolozelo |
| **3** | Ukuphepha ekhaya: Izingozi ekhaya | *UGundane laseDolobheni kanye noGunda ne lasePulazini* | UGundane laseDolobheni kanye noGundane lasePulazini | Izingozi ekhaya | 1. Izingozi ekhishini (hlonza)<br>2. Uphawu lobuthi (dweba) | 1. Khuluma ngendaba<br>2. Yisho umlolozelo |
| **4** | Ukuphe pha ekhaya: Ukuzigcina uphephile ekhaya | *UMnumzane uQhude Ozitshelayo* | UMnumzane uQhude Ozitshelayo | Imililo ekhaya (izimbangela ezahlukene, nokumele ukwenze) | 1. Izinombolo ezishayelwa ezimweni eziphuthumayo<br>2. Izimo eziphuthumayo (okumele ukwenze, ukuxazulula inkinga) | 1. Qagela isiphetho sendaba<br>2. Yisho umlolozelo |
| **5** | Umzimba wami: Umzimba wami omangalisayo | *Umfowabo kaRefilwe* | Imizimba ehlukene | Umzimba wami omangalisayo (izingxenye eziyinhloko) | 1. Amalunga omzimba wami (lebula)<br>2. Ubuso bami (hlonza izingxenye) | 1. Xoxa ngenhloso yendaba (imibuzo evulelekile)<br>2. Umusho wokunyakaza |
| **6** | Umzimba wami: Ngaphakathi komzimba wami | *UMnumzane Mathambo* | UPhila uphuka ingalo | Ngaphakathi komzimba wami (umdwebo) | 1. Hlonza uhlaka lwamathambo<br>2. Ngaphakathi kanye nangaphandle kwemizimba yethu (ukuhlukanisa ngamaqoqo)<br>3. **UkuHlola uLwazi lokuQala koku-1**: Hlola izingozi endlini | 1. Xoxa ngendaba<br>2. Cula iculo |
| **7** | Umzimba wami: Izinzwa zami | *INdoda eyiKhekhe likaJinja* | INdoda eyiKhekhe likaJinja | Izinzwa zakho | 1. Qondanisa inzwa nengxenye yomzimba<br>2. Hlonza ukunambitheka olimini | 1. Cabanga-ngababili-yabelana<br>2. Umdlalo wokulalela |
| **8** | Ukugcina umzimba wami uphephile: Ukuzigcina uphephile emagciwaneni | *UFlorence Nightingale* | UBusi kanye noGogo | Ukuzigcina uphephile emagciwaneni (iphosta enika ulwazi) | **UkuHlola amaKhono eMpilo koku-1**: Lebula izingxenye zomzimba | **UkuHlola ukuLalela nokuKhuluma koku-1:** UFlorence Nightingale<br>**UkuHlola ukuLalela nokuKhuluma kwesi-2:** Ukhuluma ngomdwebo wakhe |
| **9** | Ukugcina umzimba uphephile kwabanye | *UKiki* | UKiki | Imithetho yokulwa nobuqhwaga | 1. Yini okumele ngiyenze (ukuxazulula inkinga)<br>2. Imithetho ye-PANTS | 1. Buyekeza isonto.<br>2. Iculo lomnyakazo |
| **10** | Ukuhlanganiswa nokubuyekeza | | | | | |

| Isakhiwo Solimi | UkuBhala | FQHT kanye nokuSebenza ngokuZimela | Imisindo | UBuciko bokuSungula | IsiFundo sokuziVocavoca |
|---|---|---|---|---|---|
| Bheka uMhlahlandlela weNdlela yokuFundisa ikhasi lama-20 ukuya kwelama-21 ukuze uthole izakhiwo zolimi ezizofundiswa kule themu. Fundisa phakathi nezifundo zokuFunda nokuBhala ngokuHlanganyela. | Usuku lwami lokuzalwa | Amaqembu ama-2 ngosuku nothisha ukuSebenza ngokuZimela | Ukububukeza | Okubonakalayo: Ukulingisa onodoli bephepha:<br>1. Iculo (iqembu)<br>2. Umlolozelo womunwe | Iziteshi zomsebenzi |
| | Umlayezo wokubonga | Amaqembu ama-2 ngosuku nothisha ukuSebenza ngokuZimela | c, m | Okubonakalayo: Ukulingisa ikhadi lokubonga:<br>1. Izigqi zokushaya izandla<br>2. Iculo (iqembu) | Iziteshi zomsebenzi |
| | Dweba isithombe bese ubhala umusho omayelana nendaba | Amaqembu ama-2 ngosuku nothisha ukuSebenza ngokuZimela | f, b | Okubonakalayo: Ukulingisa Iphosta: Chaza umthetho wengozi (ngababili) | Iziteshi zomsebenzi |
| | Bhala isiphetho sakho sendaba | Amaqembu ama-2 ngosuku nothisha ukuSebenza ngokuZimela | g, n | Okubonakalayo: Ukulingisa indlu eyibhokisi:<br>1. Ukushaya izingcingo ngokuphathelene nezimo eziphuthumayo<br>2. Izinhlelo zokubalekela umlilo (amaqembu) | Iziteshi zomsebenzi |
| | Gcwalisa ifomu | Amaqembu ama-2 ngosuku nothisha ukuSebenza ngokuZimela | h, d<br>Ukubizela | Okubonakalayo:<br>1. Isihlahla Sezandla Ezisizayo<br>2. Ukulingisa umlingiswa ongupopayi: Imisho yokunyakaza kweqembu | Iziteshi zomsebenzi |
| | Izindaba zami<br>**UkuHlola ukuBhala Kahle ngeSandla koku-1:** Kopisha umusho | Amaqembu ama-2 ngosuku nothisha ukuSebenza ngokuZimela | j, k | Okubonakalayo: Ukulingisa ukusebenzisa imfucuza:<br>1. Yethula onodoli<br>2. Ukudlala indima yokubuzana imibuzo | **UkuHlola isiFundo sokuZivocavoca koku-1:** Umzila wezithiyo |
| | Yisho izingxenye zomzimba | **UkuHlola ukuFunda kwesi-1:** Ukufunda komuntu ngamunye nothisha ukuSebenza ngokuZimela | **UkuHlola Imisindo kwesi-1:** Lalela futhi ubhale izinhlamvu zamagama<br>**UkuHlola Imisindo yesi-2:** Bhala amagama owabize lwe<br>p,q | Okubonakalayo:<br>1. Iphethini elibhalwe ngokungahleliwe<br>2. Indoda eyiKhekhe likaJinja<br>**UkuHlola ubuCiko boKwenza koku-1:** amaqembu enza iculo elifushane elineminyakazo | Iziteshi zomsebenzi |
| | **UkuHlola ukuBhala koku-1:** Bhala imisho mayelana nezindaba zakho | **UkuHlola ukuFunda kwesi-2:** Ukufunda isifundo sokuqondisisa | s,t<br>Ukububukeza | **UkuHlola uBuciko bokuBonakalayo koku-1:** Dweba izindaba zakho Ukulingisa: amakwaya amancane | Iziteshi zomsebenzi |
| | Bhala mayelana ne-alien enobungani | Amaqembu ama-2 ngosuku nothisha. UkuSebenza ngokuZimela | Ukububukeza<br><br>Ukubizela | Okubonakalayo:<br>1. Imbali yobungani<br>2. Ukulingisa i-alien enobungani: yekisa ubuqhwaga (ukudlala indima) | Iziteshi zomsebenzi |

## Ithemu yesi-2 UHlelo lwamaSonto Onke

Ukulungiswa ngokuphathelene nesikhathi semiyalelo Sohlelo lokuFunda Lokubuyisa Isikhathi Esilahlekile lwe-DBE lukhonjiswe ngokubomvu. Lapho usebenzisa Uhlelo Lokubuyisa Isikhathi Esilahlekile, lungisa izinhlelo zesifundo ngale ndlela elandelayo:

- Faka izifundo ezimbili **uBuciko bokuBonakalayo** esifundweni esisodwa noma ushiye isifundo esisodwa ngaphandle.
- Faka izifundo ezimbili **uBuciko boKwenza** esifundweni esisodwa noma ushiye isifundo esisodwa ngaphandle.
- **EsiFundweni sokuZivocavoca**, qhubeka usebenza ngeziteshi ezine zomsebenzi, kodwa ushintsha abafundi kuzo amasonto amabili.
- Izifundo **ezengeziwe ze-FQHT** zingasetshenziselwa ukuphinda imisebenzi nokuqinisa amakhono afundiswa phakathi nesonto. Nikeza imisebenzi yokuSebenza ngokuZimela evela encwadini yokusebenzela ye-DBE noma ku-e-classroom.

| IBANGA LOKU-1 (Okungaphansi ko-LL) | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **UMsombuluko** | **ULwesibili** | **ULwesithathu** | **ULwesine** | **ULwesihlanu** |
| **IZIBALO* imiz. 85 x izinsuku ezi-4 + imiz. 55 x usuku olu-1 / imiz. 96 x izinsuku ezi-5 Zohlelo Lokubuyisela Isikhathi Esilahlekile** | | | | | |
| **OKUSHIWO NGOMLOMO** | | | | | |
| **imizuzu eyi-15/ imizuzu eyi-10 Yokubuyisela Isikhathi Esilahlekile** | Umhlangano Wasekuseni (Izindaba) | Umhlangano Wasekuseni (irejista, ikhalenda, isimo sezulu) | Umhlangano Wasekuseni (irejista, ikhalenda, isimo sezulu) | Umhlangano Wasekuseni (irejista, ikhalenda, isimo sezulu) | Umhlangano Wasekuseni (Izindaba) |
| **Imiz. 15** | UkuLalela nokuKhuluma (Indaba efundwa ngokuzwakalayo) | UkuLalela nokuKhuluma | | UkuLalela nokuKhuluma (iculo/ inkondlo) | |
| **ULWAZI LOKUQALA KANYE NE-QMQPP** | | | | | |
| **Imiz. 15** | ULwazi lokuQala QMQPP (isifundo esisekelwe emibhalweni)(imizuzu engama-30 / imizuzu engama-20 yoHlelo Lokubuyisela Isikhathi Esilahlekile) | ULwazi lokuQala QMQPP (umsebenzi) | ULwazi lokuQala QMQPP | | |
| **UKUFUNDA NOKUBHALA** | | | | | |
| **USHINTSHO: lola amapensela, ukhiphe izincwadi, wenze okokuvocavoca izandla** | | | | | |
| **Imiz. 15** | Imisindo (umsindo wohlamvu lwegama olusha) | Umsebenzi wemisindo | Imisindo (umsindo wohlamvu lwegama olusha oluvela esontweni lesi-5) | Imisindo (ukuxuba nokuhlukanisa) | Imisindo (umdlalo noma ukubizela) |
| **Imiz. 15** | UkuBhala Kahle ngeSandla (ukunyakaza okukhulu) | UkuBhala Kahle ngeSandla (ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela) | UkuBhala Kahle ngeSandla (ukunyakaza okukhulu) | UkuBhala Kahle ngeSandla (ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela) | |
| **USHINTSHO: iculo** | | | | | |
| **Imiz. 15** | | UkuFunda ngokuHlanganyela koku-1 (gxila esifundweni sokuqondisisa) | UkuFunda ngokuHlanganyela kwesi-2 (gxila ekuhumusheni) | UkuFunda ngokuHlanganyela kwesi-3 (gxila empendulweni) | |
| **Imiz. 15** | | | UkuBhala ngokuHlanganyela | UkuBhala ngokuZimel | UkuBhala ngokuZimela |
| **USHINTSHO: ukuzelula nokuzinikina / iqembu liya kumata ukuze lenze FQHT** | | | | | |
| **Imiz. 30** | UkuFunda ngamaQembu okuHolwa uThisha nokuSebenza ngokuZimela | UkuFunda ngamaQembu okuHolwa uThisha nokuSebenza ngokuZimela | UkuFunda ngamaQembu okuHolwa uThisha nokuSebenza ngokuZimela | UkuFunda ngamaQembu okuHolwa uThisha nokuSebenza ngokuZimela | UkuFunda ngamaQembu okuHolwa uThisha nokuSebenza ngokuZimela |
| | | | | | Ukuhlola nembuyisambiko |
| **AMAKHONO EMPILO** | | | | | |
| **Imiz. 30** | IsiFundo sokuziVocavoca (FQHT Kohlelo Lokubuyisa Isikhathi Esilahlekile) | IsiFundo sokuZivocavoca | IsiFundo sokuziVocavoca (FQHT Kohlelo Lokubuyisa Isikhathi Esilahlekile) | IsiFundo sokuZivocavoca | IsiFundo sokuziVocavoca (FQHT Kohlelo Lokubuyisa Isikhathi Esilahlekile) |
| **Imiz. 30** | UBuciko bokuBonakalayo | UBuciko bokuBonakalayo (I-FHQ Yohlelo lokubuyisela isikhathi esilahlekile) | UBuciko boKwenza | UBuciko boKwenza (FQHT Kohlelo Lokubuyisa Isikhathi Esilahlekile) | |
| **Imizuzu engama-30/ Imizuzu engama-35 Yokubuyisa Isikhathi Esilahlekile** | ULimi lokuQala loKwengeza* | ULimi lokuQala loKwengeza* | ULimi lokuQala loKwengeza* | ULimi lokuQala loKwengeza* | ULimi lokuQala loKwengeza* |
| **Imiz. 15** | ULimi loKwengeza lwesi-2* | ULimi loKwengeza lwesi-2* | ULimi loKwengeza lwesi-2* | ULimi loKwengeza lwesi-2* | |

*Akufakiwe kulezi zinhlelo zesifundo

# Imisebenzi yesiFundo sokuziVocavoca: Ithemu yesi-2

Khetha imisebenzi emine ngesonto, ugxile kumakhono ahlukene



## UKUNYAKAZISA AMALUNGU OMZIMBA

- Hamba, gijima bese ugxuma usebenzisa izimpawu zokushintsha ukusukela ekuhambeni ukuya ekugijimeni noma ekugxumeni
- Okungekona ukunyakazisa amalungu omzimba: ukushwila – izindlela ezahlukene zokushwila; ukushwila wedwa kanye nomlingani

## UKUTHUTHUKA KWEZINZWA

- Ukwenza isikokela – imidlalo efana nethi "shaya ibhola"
- Phonsa izikhwama zikabhontshisi emoyeni bese uzinqaka



## ISIGQI

- Imidlalo esebenzisa izintambo – Ingqathu/Ugqaphu/Kgati/Ntimo (abafundi ababili bashaya intambo bese owesithathu egxuma phezu kwayo ngesikhathi abanye abaseqenjini becula imilolozelo)
- Landela imiyalelo usebenzisa isigubhu ukuze ukhombise ukushintsha kwesigqi
- Bashaya izandla ngababili, ngesikhathi besho umlolozelo



## IZINHLANGOTHI

- Jikela kuleyo ndawo kwesokunxele bese ujikela kwesokudla.
- Khahlela ibhola kulokho okuqondiwe usebenzisa unyawo Lwesokunxele/ Lwesokudla; phonsela ibhola phakathi kwehuphu ngesandla Sesokunxele/ Sesokudla.
- Ugxuma ngomlenze wesokunxele nowesokudla (landela umholi)



## UKUZIMELELA

- Abafundi bahamba phezu kwezintambo - beya emuva, phambili nangasemaceleni, bephambanise noma ngaphandle kokuphambanisa izinyawo zabo.
- Bahamba phezu kwezintambo bebeke izandla emakhanda, bebelethe izandla, bebeke izandla ezinqulwini
- Yima ngamanzonzwane, qojama, hamba ngendawo engaphambili yonyawo, hamba kancane ngezithende.

## UKUSEBENZISANA KWEZITHO ZOMZIMBA

- Ibhola likanobhutshuzwayo elishaywa ngezandla ngamabhola amakhulu
- Ukusebenzisana konyawo nehlo, ukubingelelana ngokuthintana ngezinyawo
- Phonsa/nqaka isikhwama sikabhontshisi nomlingani



## EZEMIDLALO NEMIDLALO

- Dlalani imidlalo yokunqaka, lokhu kuchaza ikati phakathi kwamajuba, qala ngokuxoxa ngemithetho
- Umqhudelwano wokuhamba – ukuhamba ngamanzonzwane, ukuhamba ngezithende, ukuhamba ngezinyawo ezithinta phansi
- Imidlalo yokudlulisela komunye

## UKWAZI NGENDAWO

- Ukudlala imidlalo efana nekati phakathi kwamajuba endaweni ebekelwe lokhu
- Izimo zabantu – yakha izimo ngezinombolo 1, 2, 3 noma izinhlamvu zamagama A, B, C, njll. ngeketanga elenziwe ngabantu
- Inkambo yesithiyo: yeqa/hamba ngaphansi kwezithiyo, ukukhasa, ukucaca, ukweqa njalonjalo



# Uyini umndeni?

**UKULUNGISELELA**

**Amaflashikhadi**

umndeni | umama | ubaba | ugogo

usuku lokuzalwa

**UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA (FQHT) NOKUSEBENZA NGOKUZIMELA (SZ)**

Thatha amaqembu amabili e-FQHT usuku ngalunye imizuzu engu-15 ngalunye (imizuzu engama-30 ngayinye yohlelo lokubuyisela isikhathi esilahlekile).

Nika umsebenzi ozimele ezingeni elifanele lamanye amaqembu, usebenzisa le mithombo:

- Imisebenzi yokusebenza ngokuzimela e-NF
- Izincwadi zokusebenzela ze-DBE kanye namaphosta noma izinsiza zakho zemisebenzi.

**IZINSIZA ZEMISEBENZI**

- Iphepha elingu-A4, ipensela kanye nesikelo
- amakhrayoni noma ama-koki
- izikhwama noma izitsha zezinhlamvu zamagama zesonto
- izinsiza ezidingekayo emisebenzini ekhethiwe yesiFundo sokuziVocavoca



# Okungalindelekile kosuku lokuzalwa



Ngolunye usuku umama ka-Amanda noQuinton bafika ekhaya bevela emsebenzini base bebizela wonke umuntu ndawonye. 'Wusuku lukagogo lokuzalwa ngoLwesihlanu,' kusho yena. 'Uzoba neminyaka engama-50, nokuwusuku lokuzalwa olukhethekile. Mina no-Anti Merle besilokhu sihlela umcimbi omncane womndeni azowugubha. U-Anti uMerle kanye nomalume u-Reuben kanye namawele bazoza la ngemva komsebenzi. Ngizokwenza amasemishi kanye nama-scone, futhi ngithenge iziphuzo ezibandayo ezimbalwa.'

'Mmm. Nci, nci,' kusho u-Amanda noQuinton kanye kanye.

UMama waqhubeka wathi, 'U-Anti uMerle uthe uzobhaka ikhekhe le-vanilla bese ethenga namabhelunde kanye namashibusi.'

'Ngabe ikhekhe lizoba namakhandlela?' kubuza u-Amanda.

'Ngoba angazi ukuthi sizowabeka kanjani amakhandlela angama-50 ekhekheni!'

'Mhlawumbe singabeka amakhandlela amahlanu ekhekheni,' kusho uQuinton, owayemuhle kakhulu ezibalweni. 'Ikhandlela ngalinye limele iminyaka eyi-10. I-10 elihlukaniswe ngaku-5 lenza amashumi amahlanu.'

'Kumele ikhekhe libe nezimbali eziphinki **ze-icing**' kusho u-Amanda. 'UGogo uyawathanda ama-rose aphinki.'

Futhi ngaphambi kokuthi sisike ikhekhe, kumele simculele uMini Emnandi Kuwe,' kusho uMama.

'Ngonge imali encane yokuthenga isipho esincane,' kusho uMama. 'Ngabe kukhona amacebo onawo ngokuphathelene nalokho?'

'Ngabe linjani ibhola likanobhutshuzwayo' kubuza uQuinton?

'Alifanele,' kusho u-Amanda, 'UGogo akalidlali ibhola. Ingaba njani i-alice-band enhle ensomi?'

'Akufanele lokhu nakuwena,' kushi uQuinton. 'Angeke agqoke i-alice-band ensomi.'

'Nginecebo,' kusho uBaba. 'Mhla sigcina ukuya kaGogo, wathi wephukelwe umboko wethiphothi lakhe eliyintandokazi futhi kudingeka ukuthi asebenzise elakhe elidala elirusile. Kungani singamthengeli ithiphothi elihle?'

'Yicebo elihle,' kusho uMama. 'Ngizobheka ezitolo kusasa.'

'Amanda noQuinton,' kuqhubeka uMama, 'ngaphambi kokuthi niyolala, ngifuna nenzele uGogo ikhadi elikhethekile **lokugubha** usuku lokuzalwa lukagogo. **Angalijabulela** ikhadi alenzelwe ngesandla. Amanda, udweba kahle, mhlawumbe ungadweba ikhekhe losuku lokuzalwa eliphinki. Kanti wena Quinton, ungabhala okuthi Ube Nosuku Lokuzalwa Oluhle Gogo ngesandla sokubhala esihle.'

## ULWAZIMAGAMA

**i-icing** – ingxube kashukela esetshesiselwa ukuhlobisa

**umgubho** – umcimbi kujatshuliwe

**ukujabulela** – ukwazisa okuthile

# UMSOMBULUKO



## UMHLANGANO WASEKUSENI

### Izindaba

**Lungiselela**

- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**

- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**

- Sebenzisa uhlaka oluthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**

- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.

**Imiz. 15**






## INDABA YOKUFUNDA NGOKUZWAKALAYO

### *Okumangalisayo kosuku lokuzalwa*

**Ngaphambi kokufunda**

- Kuyini ukwenzelwa into ongayilindele?

**Funda indaba ngokuzwakalayo, ukhombisa imizwa**

- Ungaphazamisi ukufunda ukuze uchaze noma ubuze imibuzo.

**Ngemva kokufunda**

- Abafundi basho lokho abakuthandile ngendaba noma lokho ababezibuza ngakho.
- Chaza kafushane ulwazimagama olugqanyisiwe
- Uma unesikhathi, buza ukuthi:
  – Yisiphi isipho esincane ongathanda ukusinika uGogo wakho?
  – Ngabe uke wenzelwa idili losuku lokuzalwa ongalilindele? Sixoxele ukuthi kwenzakalani.

**I-NT ikh. 3**

**Imiz. 15**





## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP

### Imindeni ehlukene

**Ulwazi lokuqala**

- Uyini umndeni?

**Funda ku-NN**

- Bheka izithombe bese ufundela umbhalo abafundi.
- Ngabe iyefana le mindeni emithathu?
- Ngabe uhluke kanjani umndeni ngamunye?
- Ngabe umndeni wakho ufana kanjani nomunye wale mindeni?

**Xoxa**

- Ngabe ihluke kanjani imindeni?
- Ngabe ifana kanjani imindeni?
- Tshela umlingani wakho ngomndeni wakho.

**NN ikh. 1**

**Imiz. 30**






## IMISINDO

### Buyekeza imisindo

**Hlonza bese usho ukuthi**

- Siyini lesi sithombe?
- Yimuphi umsindo owuzwayo ekuqaleni kwegama?
- Nikeza amanye amagama aqala ngalo msindo.
- Funda umusho. Thola izinhlamvu zamagama.

**I-NF ikh. 2**

**Imiz. 15**

**I-HNF amakh. 8–13**





## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

- Buyekeza ukwakheka kwezinhlamvu esezivele zifundisiwe.
- Bonisa ebhodini futhi uchaze ukunyakaza kwezandla.
- Abafundi bakopisha ezincwadini zabo zokubhalela.
- Qaphela futhi usize. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.

**Imiz. 15**

**I-HNF amakh. 31–37**





## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

**I-NF amakh. 6–9**





## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

### Amaqembu A no-B

**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.

**Imiz. 30**

**I-HNF amakh. 24–27**





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

### Iziteshi zomsebenzi

**Lungiselela**

- Khetha imisebenzi emine ehlukene evela ekhasini loku-1 lesonto.
- Beka noma yiziphi izinsiza ozidingayo.
- Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu amane esonto.

**Yethula iziteshi zomsebenzi**

- Bonisa izinsiza bese uchaza imisebenzi emine.
- Cela abafundi abazethembayo ukuthi bakhombise imisebenzi.

**Umsebenzi wekilasi lonke**

- Uma unesikhathi, dlala umdlalo onjengokunqaka, ushumpu, umacashelana.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

**Imiz. 30**

**I-HNF amakh. 51–52**





## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO

### Onodoli bephepha

**Lungiselela**

- Nikeza ikhasi elingu-1 x A4 kumfundi ngamunye, isikelo, ipensela.
- Izandla nezinyawo zikanodoli kufanele zidlulele ekugcineni kwekhasi eligoqiwe.
- Bonisa indlela yokugoqa nokusika umndeni wonodoli bephepha.

**Abafundi bayasonga bese besika bekhipha**

- Zungeza futhi usize

**Imiz. 30**



# ULWESIBILI



## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?



## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA Abalingiswa

I-NT ikh. 3

Imiz. 15




Khumbuza abafundi ngendaba yedili losuku lokuzalwa. Bhala amagama abalingiswa ebhodini.

**Xoxa**

- Ngobani abalingiswa endabeni? (*abantu noma izilwane indaba ekhuluma ngazo*)
- Yini umuntu ngamunye okwakudingeka ayenzele idili?

**Amaqembu ama-5**

- Bekani indaba ngamafuphi ndawonye.
- Ilungu ngalinye leqembu lisho lokho okwenziwa ilungu elilodwa lomndeni.



## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP Umndeni wami

I-NF ikh. 3

Imiz. 15




**Yethula**

- Uyini umndeni?
- Buyekeza ulwazimagama lwelungu lomndeni.
- Qedela umsebenzi

**Cabanga ngabantu abasemndenini wakho**

- Abafundi bazidweba ngepensela.
- Abafundi badweba umndeni wabo ngaphansi.
- Ngababili, abafundi baxoxa ngokuthi bakhethe ukudweba bani nokuthi kungani.



## IMISINDO Isakhiwo samagama esabiwe

Imiz. 15

| | | |
|---|---|---|
| m | a | o |
| k | e | t |
| l | i | o |
| i | p | l |

**Lungiselela**

- Nika amakhadi ezinhlamvu zamagama esonto.
- Abafundi basika bakhiphe amakhadi ezinhlamvu zamagama.
- Bonisa amakhadi afanayo othisha ngokungahleliwe ebhodini.

**Yakhani amagama ndawonye**

**imoto** **iloli** **ikopi** **ipaki** **ikati** **lima**

- Bizela umfundi ebhodini ngokuphathelene negama ngalinye.
- Yisho igama ngokuzwakalayo. Buza ukuthi: Uyini umsindo wokuqala? Ngakho, ngabe yiluphi uhlamvu lwegama lokuqala? Njalo njalo.
- Vumela umfundi ukuthi athole amakhadi ezinhlamvu zamagama bese ewabeka endaweni efanele.
- Abanye abafundi bazama ukukopisha igama ngamakhadi abo.

**Faka izinhlamvu zamagama esitsheni/esikhwameni ukuze uzisebenzise futhi**



## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37



- Buyekeza ukwakheka kwezinhlamvu ezezivele zifundisiwe.
- Bonisa ebhodini futhi uchaze ukunyakaza kwezandla.
- Abafundi bakopisha ezincwadini zabo zokubhalela.
- Qaphela futhi usize. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.



## UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA (1)

***Usuku lokuzalwa lukagogo***

**i-NN amakh. 2–5**

**Imiz. 15**




**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi usuku lokuzalwa lukaGogo.
- Buza umbuzo woSuku **loku-1** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: umndeni, umama, ubaba, ugogo, usuku lokuzalwa**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

**I-NF amakh. 6–9**



**Imiz. 30**

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu C no-D**

**I-HNF amakh. 24–27**



**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

**Imiz. 30**

**I-HNF amakh. 51–52**



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Iqembu ngalinye lenza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO

**Onodoli bephepha (kuyaqhubeka)**

**Imiz. 30**




**Khipha onodoli bephepha**

**Dweba izici nezingubo konodoli bephepha**

- Abafundi benza umndeni ngonodoli babo bephepha.
- Dweba ubuso nezingubo zalowo nalowo.
- Tshela umlingani wakho ukuthi ubani osemndenini wakho wonodoli.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

# ULWESITHATHU



## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?



## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP

*Imisebenzi yomndeni*

I-NT ikh. 4
Imiz. 15




**Ingxoxo yabangababili kanye nekilasi**
- Abafundi babheka izithombe.
- Abafundi baxoxa ngemibuzo ngababili.
- Abafundi babelana ngemisebenzi yabo yomndeni nekilasi.



## IMISINDO

*Buyekeza imisindo*

I-NF ikh. 5
Imiz. 15




**Yisho imisindo**
- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Qedela ikhasi le-NF**
- Siyini lesi sithombe?
- Yimuphi umsindo owuzwayo ekuqaleni kwegama?
- Nikeza amanye amagama aqala ngalo msindo.



## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37



- Buyekeza ukwakheka kwezinhlamvu esezivele zifundisiwe.
- Bonisa ebhodini futhi uchaze ukunyakaza kwezandla.
- Abafundi bakopisha ezincwadini zabo zokubhalela.
- Qaphela futhi usize. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.



## UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA (2)

*Usuku lokuzalwa lukagogo*

i-NN amakh. 2–5
Imiz. 15




**Funda eNcwadini eNkulu**
- Fundela ikilasi usuku lokuzalwa lukaGogo.
- Buza umbuzo woSuku **lwesi-2** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: umndeni, umama, ubaba, ugogo, usuku lokuzalwa**
- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.



## UKUBHALA NGOKUHLANGANYELA

**Lungiselela**
- Kopisha lesi siqalo somusho ebhodini.
- Sifunde ngokuzwakalayo
- Cela amavolontiya nanokuphathelene nemicabango yawo.

**Bhala iziphakamiso zabafundi abathile**
- Cela imibono.
- Cela abafundi ukuthi bapele amagama afanele.
- Cela abafundi ukuthi bagcizelele ukuphela komusho.

**Fundani imisho ndawonye**

Imiz. 15






## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NF amakh. 6–9



Imiz. 30



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu E no-A**

**Ukufunda kokuqala**
- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

I-HNF amakh. 24–27



Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52





## UBUCIKO BOKWENZA

**Lingisa iculo**

**Lungiselela**
- Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu.
- Amaqembu alungiselela iculo alithandayo.

**Yethula lokhu**
- Amaqembu aculela ikilasi.

Imiz. 30



# ULWESINE

## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?

## UKULALELA NOKUKHULUMA Cula/yisho

Imiz. 15

**Umlolozelo womunwe**

- Xhumanisa umlolozelo nendikimba yaleli sonto.
- Fundisa inkondlo kanye neminyakazo.
- Abafundi bahlanganyela lapho bengakwazi khona.

| | |
|---|---|
| **Iminwe iyithi**<br>Sithupha esinguThando, sithupha esinguThando, ukuphi?<br>Nangu mina, nangu mina, wena unjani?<br>(nyakazisa izithupha) | (Phinda noKhombisile wokuKhomba, uMdanyana Omude, uThembisile umngani wendandatho, uCikicane Ongumncanyana) |

## IMISINDO Ukwakha amagama ngokuzimela

Imiz. 15

**Ukubizwa ngamagama kwezinhlamvu zamagama kusetshenziswa amakhadi**

- Abafundi basakaza amakhadi ezinhlamvu zamagama edeskini.
- Uthisha usho umsindo.
- Abafundi baphakamisa ikhadi elihambisana nohlamvu lwegama.

**Ukwakha amagama ngokuzimela**

- Ukusebenzisa amagama avela esifundweni sokwakha amagama sangoLwesibili:
  - Yisho igama bese usiza abafundi ukuthi babone futhi babale imisindo.
  - Abafundi bakha amagama ngamakhadi abo.
  - Bheka (umfundi oyedwa ubhala igama ebhodini)
  - Bakopisha leli gama ezincwadini zabo zokubhalela.

imoto
iloli
ikopi
ipaki
ikati
lima

## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37



- Buyekeza ukwakheka kwezinhlamvu esezivele zifundisiwe.
- Bonisa ebhodini futhi uchaze ukunyakaza kwezandla.
- Abafundi bakopisha ezincwadini zabo zokubhalela.
- Qaphela futhi usize. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.

## UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA (3) *Usuku lokuzalwa lukaGogo*

i-NN amakh. 2–5

Imiz. 15




**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi usuku lokuzalwa lukaGogo.
- Buza umbuzo **woSuku lwesi-3** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: umndeni, umama, ubaba, ugogo, usuku lokuzalwa**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.
- Beka amaflashikhadi oDongeni lwamaGama.



## UKUBHALA NGOKUZIMELA — Usuku lwami lokuzalwa

Imiz. 15



**Phinda ufunde imisho yokuBhala ngokuHlanganyela esukela izolo**

**Bhala ebhodini: Ngosuku lwami lokuzalwa ngifuna....**

**Abafundi babhala lokho abafuna ukukwenza ngosuku lwabo lokuzalwa.**
- Zama ukupela amagama ngokucabanga ngemisindo esemagameni.

**Uthisha uyababandakanya**
- Cela abafundi ngabanye ukuthi bakufundele imisho yabo.
- Phendula kokuqukethwe.



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 6–9



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu B no-C

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA — Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UBUCIKO BOKWENZA — Yenza isigqi somunwe

Imiz. 30



**Lungiselela**
- Ngamaqembu, lungiselela umlolozelo womunwe Owokubuyisa isikhathi ofundiswe phambilini.

**Yethula lokhu**
- Yethula ekilasini.
- Iqembu elihamba phambili lizofundisa abeBanga R isigqi somunwe.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## ULWESIHLANU



### UMHLANGANO WASEKUSENI — Izindaba

**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**
- Sebenzisa uhlaka oluthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.

Imiz. 15






### IMISINDO — Ukubizela

- Yisho igama ngalinye ngokunensa, kabili.
- Abafundi bayalalela bese bebhala igama ngalinye.
- Ngemva kwalokho, bhala amagama ebhodini ngenkathi ubonisa ukuthi ungawazwakalisa kanjani.
- Abafundi bayalungisa uma kunesidingo.

Imiz. 15

imoto
iloli
ikopi
ipaki
ikati
lima



### UKUBHALA NGOKUZIMELA — Usuku lwami lokuzalwa (kuyaqhubeka)

**Amaqembu: Funda imisho yakho**
- Abafundi bafundela iqembu imisho yabo.

**Khetha**
- Amaqembu akhetha umfundi oyedwa ukuthi afundele ikilasi umusho wawo.

**Hlela**
- Abafundi balungisa abakubhalile ngokusekelwe embikweni ovela eqenjini labo.

Imiz. 15





### UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NF amakh. 6–9





### UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu D no-E

**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## UKUHLOLA NOMBIKO

Imiz. 15



**Cabanga ngesonto**
- Yini oyijabulele ngaleli sonto esikoleni?
- Yini ongayijabulelanga?

**Hlola ukuSebenza ngokuZimela komfundi**
- Nikeza umbiko futhi ufundise kabusha uma kudingeka.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## UKUBUKEZA KUKATHISHA KWAMASONTO ONKE

**Kuleli sonto, ngenze lokhu okulandelayo:**
- **ngithathe izi-NF** ngase ngiphawula ngokuphathelene nokuBhala
- **ngihlole futhi ngalungisa amanye amakhasi ezi-NF** futhi ngahlonza izindawo ezikhathazayo noma abafundi abathile abadinga usizo olwengeziwe
- **ngibhekisele emuva Ekubukeni Isonto Ngeso Elibanzi** futhi ngahlonza nanoma yisiphi isifundo engingakwazanga ukusiphothula
- **ngiskene i-lap book yami** futhi ngaphawula nganoma yibaphi abafundi abadinga isikhathi esengeziwe sokufundisa umuntu ngamunye noma ukuzijwayeza ukufunda komuntu ngamunye nami ngesonto elizayo.

**Ngihlelele isikhathi ngesonto elizayo ngokuphathelene nalokhu:**
- **noma yikuphi ukuzama ukufika lapho kumele isifundo sibe khona** noma imbuyisambiko jikelele edingekayo.
- **ngamunye,** ukufundisa umuntu ngamunye, isb. uma ikilasi limatasatasa ngokuthile, noma ekuseni kakhulu.

**Sengilangazelela isonto elizayo** ukuqinisekisa ukuthi ngikulungele futhi nginakho konke engikudingayo ukuze ngiqale isonto.



# Ukunakekela umndeni wakho

## UKULUNGISELELA

**Amaflashikhadi**

ikhadi | ukunakekela | umlayezo | uthando

## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA (FQHT) NOKUSEBENZA NGOKUZIMELA (SZ)

Thatha amaqembu amabili e-FQHT usuku ngalunye imizuzu engu-15 ngalunye (imizuzu engama-30 ngayinye Yohlelo lokubuyisela isikhathi esilahlekile).

Nika umsebenzi ozimele ezingeni elifanele lamanye amaqembu, usebenzisa le mithombo:

- Imisebenzi yokusebenza ngokuzimela e-NF
- Izincwadi zokusebenza ze-DBE, iphosta yokuxhumana ye-DBE noma izinsiza zakho

## IZINSIZA ZEMISEBENZI

- ipensela kanye nesikelo
- amakhrayoni noma ama-koki
- iphepha lomfundi ngamunye
- izikhwama noma izitsha zezinhlamvu zamagama zesonto
- izinsiza ezidingekayo emisebenzini ekhethiwe yesiFundo sokuziVocavoca
- izinto zokubala zomdlalo wezinhlamvu zamagama zesiBungu



# UKagiso, uBhubesi kanye noJakalase



Endulo lapho izilwane zazikwazi ukukhuluma khona, kwakunomfana **onomusa** futhi omnene obizwa ngokuthi uKagiso. Wayenenhliziyo enhle kuzo zonke izilwane ezazihlala ehlane. Akazange azizingele njengabafowabo. Wapha ukudla uKhozi ngenyama, washiyela amathambo uJakalase, futhi wayevame ukushiya utshani obusha baMpala.

Endleleni eya emfuleni ngolunye usuku ekuseni, uKagiso wadlula ogibeni abafowabo ababevame ukubamba ngalo izilwane. Kwakuyimbobo ejulile embozwe utshani obude. Wezwa ukubhonga kuvela emgodini. UBhubesi wayewele khona futhi engakwazi ukuphuma!

Lapho uBhubesi ebona uKagiso, washo ngezwi elihle ukuthi, 'Mfana omncane, ngicela ungisize ngiphume kulo mgodi.'

UKagiso wathi, 'Ngiyaxolisa Bhubesi, ngingathanda ukukusiza, kodwa ngiyazi ukuthi udla abafana abancane abanjengami. Uma ngikukhipha, uzongidla.'

'Cha akunjalo', kusho uBhubesi. 'Ngiyakuthembisa ukuthi ngeke ngikudle. Ungangethemba.'

Ngakho-ke, ngenxa yokuthi uKagiso wayengumfana onomusa, wafaka isiqu sesihlahla esifile emgodini wase ekhuphuka ngalo uBhubesi.

Kodwa uBhubesi wayengesona isilwane **esithembekile** futhi wabamba uKagiso futhi walungiselela ukumluma ekhanda. UKagiso **wayethukile**.

Ngaleso sikhathi, kwabe sekudlula uJakalase ohlakaniphile. Wayemazi uKagiso, umfana omnene, futhi wayefuna ukumsiza. Ujakalase wayemncane kakhulu kunoBhubesi kodwa wayenecebo elihlakaniphile!

'Kwenzakalani la, we Bhubesi?' kusho yena.

'Bengikhalakathele emgodini wabazingeli ngibe-ke sengisizwa yilo mfana,' kuphendula uBhubesi. 'Kodwa manje-ke ngilambile futhi ngizomudla.'

'Ini?' kusho uJakalase . 'UBhubesi Onamandla okhalakathele kuloya mgodi! Uhlakaniphe kakhulu ukuthi ungangena lapho. Ake ungibonise ukuthi kwenzeke kanjani.'

'Ubala lolo,' kusho uBhubesi. Wabeka uKagiso phansi waya emgodini. 'Wawumbozwe utshani ngakho angizange ngiwubone. Ngawela emgodini kanje.' Ngokushesha ngokuphazima kweso, uJakalase wakhipha isiqu sesihlahla emgodini ukuze uBhubesi aphinde abhajwe futhi.

'Hheyi wena!' wamemeza uBhubesi, 'Ngikhipheni lapha! Kungani ususe isiqu sesihlahla, Jakalase?'

Kusukela ngaleso sikhathi, uBhubesi ubelokhu ezonda uJakalase futhi uzohlala ebona uJakalase ebaleka futhi ecasha lapho ebona uBhubesi.

## ULWAZIMAGAMA

| | | |
|---|---|---|
| **onomusa** – omnene, ongeyena onobudlova noma ononya | **othembekile** – umuntu ongamethemba | **othukile** – ukwesaba kakhulu |

# UMSOMBULUKO

## UMHLANGANO WASEKUSENI — Izindaba

**Imiz. 15**

**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**
- Sebenzisa *uhlaka o*luthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.




## INDABA EFUNDWA NGOKUZWAKALAYO — *UKagiso, uBhubesi kanye noJakalase*

**I-NT ikh. 15**
**Imiz. 15**



**Ngaphambi kokufunda**
- Ngabe ugogo wakho uke akuxoxele izindaba? Sitshele ukuthi zimayelana nani.
- Tshela abafundi ukuthi lena indaba ugogo wakho akuxoxele yona.

**Funda indaba ngokuzwakalayo, ukhombisa imizwa**
- Ungaphazamisi ukufunda ukuze uchaze noma ubuze imibuzo.

**Ngemva kokufunda**
- Abafundi basho lokho abakuthandile ngendaba noma lokho ababezibuza ngakho.
- Chaza kafushane ulwazimagama olugqanyisiwe
- Uma unesikhathi, buza ukuthi:
  - Yini eyafundwa nguKagiso?
  - Kungani uJakalase esabalekela uBhubesi?

## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP — Indlela yokwenza ikhadi lezilokotho

**NN ikh. 6**
**Imiz. 15**

**Ulwazi lokuqala**
- Liyini ikhadi lezilokotho?
- Uwanikeza nini amakhadi ezilokotho ezinhle? (*izikhathi ezikhethekile futhi ukuze nje ubonise uthando noma ukwazisa.*)
- Xoxa ukuthi kungani kuyinto enhle ukuyenza (ukuthatha isikhathi nokwenza umzamo kubonisa abantu ukuthi unendaba nabo).

**Funda ikhasi**
- Bheka izithombe bese ufunda imiyalelo.

**Xoxa ngekhasi**
- Chaza ukuthi lezi yiziqondiso zokwenza okuthile (isinyathelo ngesinyathelo, izinombolo, ngokulandelana okuthile).
- Buza: Ungalenza yini ikhadi uma ulandela le miyalelo?
- Xoxa ngezinye izinhlobo zemiyalelo (njengezindlela zokupheka, ukusetha idivayisi noma isisetshenziswa, ukudlala umdlalo omusha).




## IMISINDO — Umsindo Cc

**I-NF ikh. 10**
**Imiz. 15**

**Buyekeza imisindo**
- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Yethula umsindo omusha**
- Lalela futhi usho umsindo omusha.
- Qaphela okwenziwa umlomo wakho.

**Khomba amagama analowo msindo**
- Abafundi bahlinzeka amagama engeziwe ngomsindo.

**Funda umusho**
- Fundani umusho ndawonye ngokunensa.
- Kokelezela umsindo omusha.





## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

### Ukunyakaza okukhulu

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37




- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 14–17



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

### Amaqembu A no-B

30 imiz.

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

### Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Lungiselela**

- Khetha imisebenzi emine ehlukene evela ekhasini loku-1 lesonto.
- Beka noma yiziphi izinsiza ozidingayo.
- Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu amane esonto.

**Yethula iziteshi zomsebenzi**

- Bonisa izinsiza bese uchaza imisebenzi emine.
- Cela abafundi abazethembayo ukuthi bakhombise imisebenzi.

**Umsebenzi wekilasi lonke**

- Uma unesikhathi, dlala umdlalo onjengokunqaka, ushumpu, umacashelana.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.



## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO

### Yenza ikhadi lokubonga

30 imiz.



**Khipha** iphepha, amakhrayoni/ama-koki, ipensela, isikelo

**Nika imiyalelo**

- Abafundi bacabanga umuntu othile emndenini wabo abangathanda ukuthumela ikhadi lokubonga kubo.
- Khombisa ukugoqa nokuthi asebenza kanjani makhadi.
- Batshele ukuthi bacabange ngalokho abazokudweba futhi baqinisekise ukuthi bagcwalisa ikhasi.

**Zungeza futhi usize**

- Benze baqale ngepensela.
- Bazoqeda imidwebo yabo ngoLwesibili.

## ULWESIBILI



### UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?



### UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA — Abalingiswa

I-NT ikh. 15

Imiz. 15

**Khumbuza abafundi ngendaba: UKagiso, uBhubesi kanye noJakalase**

**Xoxa**

- Bhala amagama abalingiswa ebhodini.
- Bangobani abalingiswa abakule ndaba?
- Yini eyenziwa umlingiswa ngamunye futhi kungani?

**Dlala indima yabalingiswa ngamaqembu amathathu**

**Sebenzisa amakhono okucabanga**

- Amaqembu axoxa ngokuthi abalingiswa abathathu bangaba abangani.






### ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP — Ukunakekela umndeni wami

I-NF ikh. 11

Imiz. 15

**Buyekeza**

- Uyini umndeni?
- Sibabonisa kanjani abantu ukuthi siyabanakekela? Funda umbhalo nabafundi bese nixoxa ngezithombe.

**Funda** umbhalo nabafundi bese nixoxa ngezithombe.

**Xoxa**

- Abafundi baxoxa ngezithombe ngamaqembu.
- Njengekilasi, xoxani ngendlela yokunakekela umndeni wenu.
- Khuluma ngokuthi ubani onakekela abafundi.






### IMISINDO — Isakhiwo samagama esabiwe

Imiz. 15

**Lungiselela**

- Nika amakhadi ezinhlamvu zamagama esonto.
- Abafundi basika bakhiphe amakhadi ezinhlamvu zamagama.
- Bonisa amakhadi afanayo othisha ngokungahleliwe ebhodini.

**Yakhani amagama ndawonye**

cela cula ucilo icala

casha ucingo

- Bizela umfundi ebhodini ngokuphathelene negama ngalinye.
- Yisho igama ngokuzwakalayo. Buza ukuthi: Uyini umsindo wokuqala? Ngakho, ngabe yiluphi uhlamvu lwegama lokuqala? Njalo njalo.
- Vumela umfundi ukuthi athole amakhadi ezinhlamvu zamagama bese ewabeka endaweni efanele.
- Abanye abafundi bazama ukukopisha igama ngamakhadi abo.

**Faka izinhlamvu zamagama esitsheni/esikhwameni ukuze uzisebenzise futhi**

| | | |
|---|---|---|
| c | o | n |
| g | a | l |
| u | e | a |
| h | s | i |



### UKUBHALA KAHLE NGESANDLA — Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37

- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha incwadi efundiswe ngoMsombuluko (bheka iseluleko ku-HNF).
- Bonisa ebhodini futhi uchaze ukunyakaza kwezandla.
- Abafundi bakopisha ezincwadini zabo zokubhalela.
- Qaphela futhi usize. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.



## UKUFUNDA NGOKUHLANYELA (1) *Ikhadi elikhethekile*

i-NN amakh. 7–10

Imiz. 15

**Funda**

- Fundela ikilasi Ikhadi elikhethekile.
- Buza umbuzo **woSuku loku-1** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: ikhadi, ukunakekelwa, umlayezo, uthando, ukwanga**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Abafundi baqondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.




## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 14–17

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



30 imiz.

## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA Amaqembu C no-D

I-HNF amakh. 24–27

**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA Iziteshi zomsebenzi

30 imiz.

I-HNF amakh. 51–52

**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Iqembu ngalinye lenza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO Dweba ikhadi lokubonga

30 imiz.

**Hambisa imidwebo yayizolo, amakhrayoni/ama-koki**

**Qedela imidwebo**

- Abafundi bafaka imibala kulokho abakudwebe izolo.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.



## ULWESITHATHU



### UMHLANGANO WASEKUSENI

**Imiz. 15**

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?



### ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP — Ukwenza ikhadi

**i-NN ikh. 6**
**Imiz. 15**

**Ingxoxo yabangababili kanye nekilasi**

- Abafundi babheka izithombe.
- Abafundi baxoxa ukulandelana ngababili.
- Abafundi babhala izinombolo ukuze babeke izithombe ngokulandelana okufanele.






### IMISINDO — Umsindo Mm

**I-NF ikh. 12**
**Imiz. 15**

**Buyekeza imisindo**

- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Yethula umsindo omusha**

- Lalela futhi usho umsindo omusha
- Qaphela okwenziwa umlomo wakho.

**Khomba amagama analowo msindo**

- Abafundi bahlinzeka amagama engeziwe ngomsindo.

**Funda umusho**

- Fundani umusho ndawonye ngokunensa.
- Kokelezela umsindo omusha.






### UKUBHALA KAHLE NGESANDLA — Ukunyakaza okukhulu

**Imiz. 15**

- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.




Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





### UKUFUNDA NGOKUHLANYELA (2) — *Ikhadi elikhethekile*

**I-NN amakh. 7–10**
**Imiz. 15**

**Funda**

- Fundela ikilasi Ikhadi elikhethekile.
- Buza umbuzo **woSuku lwesi-2** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: ikhadi, ukunakekelwa, umlayezo, uthando, ukwanga**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.





## UKUBHALA NGOKUHLANGANYELA

**Lungiselela**
- Kopisha lezi ziqalo zomusho ebhodini.
- Yithi: Make sibhale ikhadi lokubonga ndawonye ngokuphathelene nelungu lomndeni. Sizolibhalela bani?
- Cela amavolontiya nanokuphathelene nemicabango yawo.

**Bhala iziphakamiso zabafundi abathile**
- Cela imibono.
- Cela abafundi ukuthi bapele amagama afanele.

**Fundani imisho ndawonye**

Imiz. 15






## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NF amakh. 14–17



30 imiz.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

### Amaqembu E no-A

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda kokuqala**
- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

### Iziteshi zomsebenzi

30 imiz.

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Iqembu ngalinye lenza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.



## UBUCIKO BOKWENZA

### Izigqi zokushaya izandla

30 imiz.



**Lungiselela**
- Yisho umlolozelo womnyakazo bese wenza umnyakazo.
- Babonise isigqi (shaya izandla, shaya izandla, qhafaza izandla, shaya izandla, shaya izandla, shaya izandla, shaya izandla, shaya izandla)
- Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu.

**Yethula lokhu**
- Abafundi bayashintshana ukuze benze isigqi ukuze abanye eqenjini labo balandele.

# ULWESINE



## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?



## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA — Cula umlolozelo

Imiz. 15

- Xhumanisa umlolozelo nendikimba yaleli sonto.
- Fundisa inkondlo kanye neminyakazo.
- Abafundi bahlanganyela lapho bengakwazi khona.

**Izibuko zikagogo**

Nazi izibuko zikagogo,
*(iminwe ezungeze izibuko)*
Lesi yisigqoko sikagogo
*(izandla ekhanda)*
Le yindlela asonga ngayo izandla zakhe
*(ukusonga izandla)*
Futhi uzibeke emathangeni akhe.
*(izandla ezisongiwe phezu kwamathanga)*

Nazi izibuko zikamkhulu
*(izibuko ezinkulu)*
Nasi isigqoko sikamkhulu
*(isigqoko esikhulu)*
Le yindlela asonga ngayo izingalo zakhe
*(songa izandla)*
Kanjalo nje
*(kuyafana)*



## IMISINDO — Ukwakha amagama ngokuzimela

Imiz. 15

**Ukubizwa ngamagama kwezinhlamvu zamagama kusetshenziswa amakhadi**

- Abafundi basakaza amakhadi ezinhlamvu zamagama edeskini.
- Uthisha usho umsindo.
- Abafundi baphakamisa ikhadi elihambisana nohlamvu lwegama.

**Ukwakha amagama ngokuzimela**

- Ukusebenzisa amagama avela esifundweni sokwakha amagama sangoLwesibili:
  - Yisho igama bese usiza abafundi ukuthi babone futhi babale imisindo.
  - Abafundi bakha amagama ngamakhadi abo.
  - Bheka (umfundi oyedwa ubhala igama ebhodini)
  - Bakopisha leli gama ezincwadini zabo zokubhalela.

cela
cula
ucilo
icala
casha
ucingo



## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA — Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37

- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha incwadi efundiswe ngoLwesithathu (bheka iseluleko ku-HNF).
- Bonisa ebhodini futhi uchaze ukunyakaza kwezandla.
- Abafundi bakopisha ezincwadini zabo zokubhalela.
- Qaphela futhi usize. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.





## UKUFUNDA NGOKUHLANYELA (3) — *Ikhadi elikhethekile*

I-NN amakh. 7–10

Imiz. 15

**Funda**

- Fundela ikilasi Ikhadi elikhethekile.
- Buza umbuzo **woSuku lwesi-3** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: ikhadi, ukunakekelwa, umlayezo, uthando, ukwanga**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.
- Beka amaflashikhadi oDongeni lwamaGama.


Ikhadi elikhethekile
Ngabe yini lena?
Kazi yini le engaphakathi?
7



## UKUBHALA NGOKUZIMELA — Umlayezo wokubonga

Imiz. 15



**Phinda ufunde imisho eniyibhale ndawonye izolo**

**Abafundi babhala umlayezo wabo wokubonga**

- Bhala imisho yenu.
- Zama ukupela amagama ngokucabanga ngemisindo esemagameni.



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 14–17



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu B no-C

30 imiz.

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda okwesibili**

- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA — Iziteshi zomsebenzi

30 imiz.

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Iqembu ngalinye lenza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UBUCIKO BOKWENZA — Yenza iculo

30 imiz.



**Lungiselela**

- Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu.
- Amaqembu alungiselela iculo alithandayo.

**Yethula lokhu**

- Amaqembu aculela ikilasi.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

# ULWESIHLANU

## UMHLANGANO WASEKUSENI — Izindaba

Imiz. 15




**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?

**Abangababili**
- Sebenzisa uhlaka oluthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.

## IMISINDO — Umdlalo wesibungu wezinhlamvu zamagama

I-NF ikh. 13
30 imiz.




**Dlala ngababili**
- Nikeza umfundi ngamunye into yokubala.
- Abadlali bayashintshana.
- Umdlali uvala amehlo akhe bese ethinta ikhasi ngomunwe owodwa bese esho inombolo eseduze kakhulu.
- Umdlali uhambisa lelo nani lezindawo.
- Umdlali usho futhi uhlamvu lwegama afike kulo futhi unikeza igama ngalelo hlamvu lwegama.
- Abanye abadlali bahlola ukuthi baqinisile yini.

## UKUBHALA NGOKUZIMELA — Qedela ikhadi lokubonga

Imiz. 15



**Buyekeza**
- Khumbuza abafundi ngamakhadi okubingelela nendlela enza ngayo abantu bazizwe bekhethekile.

**Qedela ikhadi**
- Abafundi bakopisha umlayezo obhalwe izolo ekhadini lokubonga abalidwebe kuleli sonto.
- Nikeza ilungu lomndeni olenzele lona lapho ufika ekhaya.

## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 14–17



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

30 imiz.

## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu D no-E

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## UKUHLOLA NOMBIKO

Imiz. 15



**Cabanga ngesonto**

- Yini oyithandile ngamasonto akho okuqala esikoleni?
- Yini ongayijabulelanga?

**Hlola ukuSebenza ngokuZimela komfundi**

- Nikeza umbiko futhi ufundise kabusha uma kudingeka.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA Iziteshi zomsebenzi

30 imiz.

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## UKUBUKEZA KUKATHISHA KWAMASONTO ONKE

**Kuleli sonto, ngenze lokhu okulandelayo:**

- **ngithathe izi-NF** ngase ngiphawula ngokuphathelene nokuBhala
- **ngihlole futhi ngalungisa amanye amakhasi ezi-NF** futhi ngahlonza izindawo ezikhathazayo noma abafundi abathile abadinga usizo olwengeziwe
- **ngibhekisele emuva Ekubukeni Isonto Ngeso Elibanzi** futhi ngahlonza nanoma yisiphi isifundo engingakwazanga ukusiphothula
- **ngiskene i-lap book yami** futhi ngaphawula nganoma yibaphi abafundi abadinga isikhathi esengeziwe sokufundisa umuntu ngamunye noma ukuzijwayeza ukufunda komuntu ngamunye nami ngesonto elizayo.

**Ngihlelele isikhathi ngesonto elizayo ngokuphathelene nalokhu:**

- **noma yikuphi ukuzama ukufika lapho kumele isifundo sibe khona** noma imbuyisambiko jikelele edingekayo.
- **ngamunye,** ukufundisa umuntu ngamunye, isb. uma ikilasi limatasatasa ngokuthile, noma ekuseni kakhulu.

**Sengilangazelela isonto elizayo** ukuqinisekisa ukuthi ngikulungele futhi nginakho konke engikudingayo ukuze ngiqale isonto.

# Izingozi ekhaya

## UKULUNGISELELA

**Amaflashikhadi**

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ingozi | idolobha | ipulazi | ikhaya | kuphephile |

## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA (FQHT) NOKUSEBENZA NGOKUZIMELA (SZ)

Thatha amaqembu amabili e-FQHT usuku ngalunye imizuzu engu-15 ngalunye (imizuzu engama-30 ngayinye yohlelo lokubuyisela isikhathi esilahlekile).

Nika umsebenzi ozimele ezingeni elifanele lamanye amaqembu, usebenzisa le mithombo:
- Imisebenzi yokusebenza ngokuzimela e-NF
- Izincwadi zokusebenza ze-DBE, iphosta yokuxhumana ye-DBE noma izinsiza zakho

## IZINSIZA ZEMISEBENZI

- amakhrayoni noma ama-koki nepensela
- amashidi amakhulu ephepha (i-A4 noma amakhulu, amhlophe noma anemibala)
- upende wephosta noma amakhrayoni ekhandlela noma amapeni anechopho le-felt
- izikhwama noma izitsha zezinhlamvu zamagama zesonto
- izinsiza ezidingekayo emisebenzini ekhethiwe yesiFundo sokuziVocavoca





# UGundane laseDolobheni kanye noGundane lasePulazini



Kwasukasukela, uGundane laseDolobheni wayovakashela umzala wakhe uGundane lasePulazini. Ngesikhathi efika, wezwa ukukhonkotha okukhulu. WUFF WUFF WUFF. Kwakunenja **enolaka** ngemva kwakhe. 'Sizani bo!' wamemeza wathi, 'inunu!' futhi wagijima ngesivinini ngangokunokwenzeka waya endlini yasepulazini.

Kodwa akazange ayibone inkomo enkulu ensundu. MOOOO, kusho inkomo. 'Sizani bo!' kumemeza uGundane laseDolobheni, 'inunu enkulu nakakhulu!'

UGundane laseDolobheni lalikhathele futhi ligodola. Wasondela kakhulu emlilweni egcekeni futhi inhlansi yathinta isikhafu sakhe. Isikhafu sabamba umlilo. 'Sizani bo,' kumemeza yena ngesikhathi egxumela ebhakedeni lamanzi. **Wagwedla** waze wafika onqenqemeni wase ephumela ngaphandle. Manje wayesekhathele futhi egodola futhi emanzi.

'Ngeke ngikwazi ukuhlala epulazini,' kuzicabangela uGundane laseDolobheni. 'Kuyingozi kakhulu kimina, ' futhi wagijima waya ekhaya edolobheni lapho ayephephile khona.

Ngempelasonto elandelayo, uGundane lasePulazini wayovakashela umzala wakhe edolobheni. Ngesikhathi ewela emgwaqeni, wezwa uPUUUUUUUUUU imoto igwegwesa idlula ngakuye. 'Sizani bo!' kumemeza yena, ngesikhathi egxuma esuka lapho.

Endlini kaGundane laseDolobheni walandela ukunuka kwesinkwa esisha esibhakiwe waze wayongena ekhishini. Wayesathi udla izimvuthuluka zesinkwa wezwa SHWIII, ngesikhathi umbese omkhulu ugeja umsila wakhe. 'Phuma ekhishini lami!' kumemeza umpheki. 'Sizani bo!' kumemeza uGundane lasePulazini, **ebaleka** enqamula ekhawunteni kanye nangaphezu kwesitofu esishisayo. Wabe esememeza ethi, 'AWE, AWE, AWE!'

Wabona okungathi umnyango odongeni wase efaka isandla ezimbobeni ukuze awuvule. 'MAYEEEE,' kumemeza yena ngesikhathi ebanjwa ugesi emzimbeni wakhe wonke. Ngenhlanhla uGundane laseDolobheni wamuzwa wase ecima iplagi.

'Idolobha liyingozi kumina!' kusho uGundane lasePulazini. 'Ngiyagoduka njengamanje,' Wabe esegijima waze wayofika epulazini lapho ayezizwa ephephile khona.

Ngakho-ke, amagundane omabili athola ukuthi ayekuthokozela ukuhlala lapho ayelokhu ehlala khona. Kwakukhona izingozi kodwa kwakuyizingozi ababazi ngazo futhi bekwazi ukuzigwema.

## ULWAZIMAGAMA

| | | |
|---|---|---|
| **-enolaka** – okusabekayo, okwasendle | **gwedla** – ukubhukuda ugwedle ngokushesha | **ukubaleka** – ukugijima ngamagxathu amancane |

# UMSOMBULUKO



## UMHLANGANO WASEKUSENI — Izindaba

**Imiz. 15**




**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**
- Sebenzisa uhlaka oluthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.



## INDABA EFUNDWA NGOKUZWAKALAYO — *UGundane laseDolobheni kanye noGundane lasePulazini*

**I-NT ikh. 27**
**Imiz. 15**



**Ngaphambi kokufunda**
- Liyini idolobha? Ngitshele igama ledolobha elikhulu olaziyo.
- Ngabe uke waya epulazini? Ngabe uboneni?

**Funda indaba ngokuzwakalayo, ukhombisa imizwa**
- Ungaphazamisi ukufunda ukuze uchaze noma ubuze imibuzo.

**Ngemva kokufunda**
- Abafundi basho lokho abakuthandile ngendaba noma lokho ababezibuza ngakho.
- Chaza kafushane ulwazimagama olugqanyisiwe
- Uma unesikhathi, buza ukuthi:
- Ngabe ungathanda ukuhlala edolobheni noma emakhaya? Ngobani?



## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP — Izingozi ekhaya

**NN ikh. 11**
**Imiz. 15**




**Ulwazi lokuqala**
- Buza abafundi ukuthi lichaza ukuthini igama elithi ingozi.
- Khulumani ngezingozi ezenzeka ekhaya.

**Funda ikhasi**
- Xoxa ngezithombe bese ufunda umbhalo nabafundi.

**Xoxa ngekhasi**
- Xoxa ngezinto eziyingozi ezisesithombeni.
- Abafundi babona ama-socket epulagi, izintambo zikagesi, imibese ebukhali, amanzi abilayo, imithi kanye namaphilisi, umentshisi).
- Xoxa nganoma yiziphi izingozi abafundi abazibone emakhaya abo.



## IMISINDO — Umsindo **Ff**

**I-NF ikh. 19**
**Imiz. 15**




**Buyekeza imisindo**
- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Yethula imisindo**
- Lalela futhi usho umsindo omusha.
- Qaphela okwenziwa umlomo wakho.

**Hlonza amagama analeyo misindo**
- Abafundi bahlinzeka amagama engeziwe ngemisindo. Funda umusho
- Fundani umusho ndawonye ngokunensa.
- Kokelezela umsindo omusha.



## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA — Ukunyakaza okukhulu

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37




- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.

> Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 23–26



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu A no-B

30 imiz.

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

> Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA — Iziteshi zomsebenzi

30 imiz.

I-HNF amakh. 51–52



**Lungiselela**

- Khetha imisebenzi emine ehlukene evela ekhasini loku-1 lesonto.
- Beka noma yiziphi izinsiza ozidingayo.
- Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu amane esonto.

**Yethula iziteshi zomsebenzi**

- Bonisa izinsiza bese uchaza imisebenzi emine.
- Cela abafundi abazethembayo ukuthi bakhombise imisebenzi.

**Umsebenzi wekilasi lonke**

- Uma unesikhathi, dlala umdlalo onjengokunqaka, ushumpu, umacashelana.

> Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.



## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO — Dizayina iphosta

30 imiz.




**Khipha amaphepha kanye namapensela.**

**Uhlelo**

- Abafundi bazokwenza iphosta ewubukhulu obubodwa esifundweni esilandelayo.
- Phinda ufunde imithetho ephathelene nengozi ku-NN ekhasini 11 bese ukhetha umthetho owodwa ongathanda ukuwufundisa kuBanga R.
- Dizayina iphosta yokufundisa umthetho.
- Usebenzisa ipensela, bhala umthetho ezinhlamvini zamagama ezinkulu kuphosta yakho.
- Dweba isithombe esingaphelele ukuze ukhombise izingane ezincane mayelana nengozi.
- Isithombe kumele sigcwalise isikhala. Kumele sicace futhi sibe lula.

**Zungeza futhi usize**

# ULWESIBILI

## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?

## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA — Khuluma ngendaba

I-NT ikh. 27
Imiz. 15



**Khumbuza abafundi ngendaba:** *UGundane laseDolobheni kanye noGundane lasePulazini*

**Xoxa**
- Abafundi basebenza ngababili. Bayashintshana ngokukhuluma nokulalela.
- Ngabe isifundisani indaba?
- Ngabe ungathanda ukuhlala kuphi? Chaza ukuthi kungani.

## ULWAZI LOKUQALA NE-PSWB — Izingozi ekhishini

I-NF ikh. 20
Imiz. 15




**Buyekeza**
- Ngabe kukhona ziphi izingozi ekhaya?

**Funda ikhasi bese uhlonza izingozi ezingaba khona ezisesithombeni**
- Besebenzisa ipensela, abafundi bamaka zonke izingozi ezisekhishini ngo-X.
- Ngabe zingaki izingozi abazitholile? (ziyisishiyagalombili: umentshisi, amaphilisi, ibhodwe, umbese, iplagi, izintambo zikagesi, izinsiza zokuhlanza, amathoyizi aphansi)

**Xoxa**
- Kungani kuyingozi ngakunye? (kungabangela umlilo, ushevu, ukuzisika, ukubanjwa ugesi, ukushibilika/ukuwa)
- Xoxa ngokungenziwa okuphephile – ukubeka izinto kude noma phezulu kakhulu, ukucela umzali ukuthi alungise izintambo, ukugcina ibhodwe livalwe ngesivalo njalo njalo.

## IMISINDO — Isakhiwo samagama esabiwe

Imiz. 15

| | | |
|---|---|---|
| b | u | i |
| s | u | u |
| o | n | i |
| | d | f |

**Lungiselela**
- Nika amakhadi ezinhlamvu zamagama esonto.
- Abafundi basika bakhiphe amakhadi ezinhlamvu zamagama.
- Bonisa amakhadi afanayo othisha ngokungahleliwe ebhodini.

**Yakhani amagama ndawonye**

ufudu ifindo ubuso ifu ubisi ifoni

- Bizela umfundi ebhodini ngokuphathelene negama ngalinye.
- Yisho igama ngokuzwakalayo. Buza ukuthi: Uyini umsindo wokuqala? Ngakho, ngabe yiluphi uhlamvu lwegama lokuqala? Njalo njalo.
- Vumela umfundi ukuthi athole amakhadi ezinhlamvu zamagama bese ewabeka endaweni efanele.
- Abanye abafundi bazama ukukopisha igama ngamakhadi abo.

**Faka izinhlamvu zamagama esitsheni/esikhwameni ukuze uzisebenzise futhi**

## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA — Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela

Imiz. 15
I-HNF amakh. 31–37



- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha incwadi efundiswe ngoMsombuluko (bheka iseluleko ku-HNF).
- Bonisa ebhodini futhi uchaze ukunyakaza kwezandla.
- Abafundi bakopisha ezincwadini zabo zokubhalela.
- Qaphela futhi usize. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba..



## UKUFUNDA NGOKWABELANA (1)

*UGundane laseDolobheni kanye noGundane lasePulazini*

I-NN amakh. 12–15

Imiz. 15




**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi UGundane laseDolobheni noGundane lasePulazini
- Buza umbuzo **woSuku loku-1** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: ingozi, idolobha, ipulazi, ikhaya, ukuphepha**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 23–26



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

30 imiz.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu C no-D**

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi **Sawubona** ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

30 imiz.

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Iqembu ngalinye lenza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO

**Yenza iphosta (iyaqhubeka)**

30 imiz.



**Khipha imidwebo yayizolo kanye amakhrayoni/ama-koki.**

**Nikeza abafundi imiyalelo**

- Abafundi bakopisha idizayini yephosta abayidwebe izolo ephepheni elikhulu.
- Khuthaza abafundi ukuthi basebenzise ipensela, ukwenza izinhlamvu zamagama/amagama abe makhulu, kanye nokusebenzisa imibala egqamile.
- Bakhumbuze ukuthi iphosta kumele ifundise izingane ezincane, ngakhoke kubalulekile ukuthi ziyithande futhi ziyiqonde.

**Dweba ngepensela kuqala, bese usebenzisa imibala**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

# ULWESITHATHU



## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?



## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP — Uphawu lobuthi

**Xoxa**

- Buyini ubuthi? (yizinto ezilimaza noma ezibulala izinto eziphilayo, isibonelo, izibulali zinambuzane, ubuthi bokubulala amagundane, upharafini kanye nezinto ezifana nophethiloli noma i-bleach)
- Kwenzekani uma uphuze uphoyizini? (isibhedlela)
- Wazi ngani ukuthi into ethile inobuthi?
- Khumbuza ikilasi ukuthi akumele liphuze noma yini elingayinikwanga abazali balo uma kungenzeka ukuthi kanti inobuthi.

**Ikhasi leNF**

- Buza abafundi ukuthi uphawu lusho ukuthini.
- Xoxa ngokuthi kungani kuyisithombe kungewona amagama.
- Faka umbala ophuzi ophawini.

I-NF ikh. 21

Imiz. 15






## IMISINDO — Umsindo Bb

**Buyekeza imisindo**

- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Yethula umsindo omusha**

- Lalela futhi usho umsindo omusha.
- Qaphela okwenziwa umlomo wakho.

**Hlonza amagama analeyo misindo**

- Abafundi bahlinzeka amagama engeziwe ngemisindo.

**Funda umusho**

- Fundani umusho ndawonye ngokunensa.
- Kokelezela umsindo omusha.

I-NF ikh. 22

Imiz. 15






## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA — Ukunyakaza okukhulu

- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37






## UKUFUNDA NGOKWABELANA (2) — *UGundane laseDolobheni kanye noGundane lasePulazini*

**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi UGundane laseDolobheni noGundane lasePulazini
- Buza umbuzo **woSuku lwesi-2** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: ingozi, idolobha, ipulazi, ikhaya, ukuphepha**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.

I-NN amakh. 12–15

Imiz. 15





## UKUBHALA NGOKUHLANGANYELA

**Lungiselela ibhodi**
- Kopisha leli balazwe lendaba ebhodini. Ibalazwe lendaba libeka ngamafuphi indaba. Lisisiza ukuthi sikhumbule indaba.
- Fundani izihloko ndawonye.
- Tshela abafundi ukuthi bangasebenzisa amagama esikhundleni semisho kubalazwe lendaba.

**Bhala iziphakamiso zabafundi abathile**
- Cela amacebo okugcwalisa izikhala. Abafundi bazenzela abalingiswa, indawo (lapho bekhona), okwenzekayo (isakhiwo sendaba) kanye nesiphetho.

**Fundani amagama ndawonye.**

Imiz. 15

Abalingiswa: ________
Izindawo: ________
Kwenzekani?
1. ________
2. ________
3. ________
4. ________
Isiphetho: ________



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NF amakh. 23–26



30 imiz.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu E no-A**

**Ukufunda kokuqala**
- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

I-HNF amakh. 24–27



Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

30 imiz.

I-HNF amakh. 51–52





## UBUCIKO BOKWENZA

**Chaza umthetho wobungozi**

**Ngababili**
- Besebenzisa amaphosta abo, abafundi bachazela izingozi abalingani babo. Basebenzisa izenzo kanye neminyakazo yomzimba ukuze bakhombise ukuthi bachaza ukuthini.
- Bachaza imiphumela omunye nomunye bese besho ukuthi kungagwenywa kanjani.

**Nikeza imbuyisambiko**
- Abalingani banikezana imbuyisambiko ezosiza lapho sebethula lokhu ekilasini.

**Yethula lokhu**
- Abafundi bayazijwayeza ngaphambi kokwethula lokhu ekilasini kusasa.

30 imiz.

Imbuyisambiko

Ngabe bekuwenza umqondo?

Ngabe bengikhuluma ngokucacile?

# ULWESINE

## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?

## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA Cula/yisho

Imiz. 15

**Yisho umlolozelo**

- Xhumanisa umlolozelo nendikimba yaleli sonto.
- Fundisa inkondlo kanye neminyakazo.
- Abafundi bahlanganyela lapho bengakwazi khona.

**Umama wami uthe**
Umama wami uthe
Akumele nanini
sidlale ngomentshisi noma ngokhuni.
Uma senze njalo uye athi ingane
egangile ayihloniphi

## IMISINDO Ukwakha amagama ngokuzimela

Imiz. 15

**Ukubizwa ngamagama kwezinhlamvu zamagama kusetshenziswa amakhadi**

- Abafundi basakaza amakhadi ezinhlamvu zamagama edeskini.
- Uthisha usho umsindo.
- Abafundi baphakamisa ikhadi elihambisana nohlamvu lwegama.

**Ukwakha amagama ngokuzimela**

- Ukusebenzisa amagama avela esifundweni sokwakha amagama sangoLwesibili:
  - Yisho igama bese usiza abafundi ukuthi babone futhi babale imisindo.
  - Abafundi bakha amagama ngamakhadi abo.
  - Bheka (umfundi oyedwa ubhala igama ebhodini)
  - Bakopisha leli gama ezincwadini zabo zokubhalela.

ufudu
ifindo
ubuso
ifu
ubisi
ifoni

## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37



- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Abafundi bazijwayeza ukubhala uhlamvu lwegama ezincwadini.
- Zungeza futhi usize abafundi. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.

## UKUFUNDA NGOKWABELANA (3) *UGundane laseDolobheni kanye noGundane lasePulazini*

I-NN amakh. 12–15

Imiz. 15




**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi UGundane laseDolobheni noGundane lasePulazini
- Buza umbuzo **woSuku lwesi-3** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: ingozi, idolobha, ipulazi, ikhaya, ukuphepha**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.
- Beka amaflashikhadi oDongeni lwamaGama.



## UKUBHALA NGOKUZIMELA

**Dweba futhi ubhale incazelo**

Imiz. 15



**Phinda ufunde imisho yokuBhala ngokuHlanganyela esukela izolo**

**Abafundi badweba omunye wabalingiswa bamagundane**
- Cabanga ngokuthi yimuphi umlingiswa wegundane ongathanda ukumdweba.
- Cabanga ngengxenye yendaba ongathanda ukuyidweba (enye yezingozi, isiphetho, igundane elithatha uhambo, igundane eliphephile ekhaya njalo njalo).

**Bhala imisho mayelana nomdwebo wakho**
- Zama ukupela amagama ngokucabanga ngemisindo esemagameni.



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 23–26



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu B no-C**

30 imiz.

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

30 imiz.

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UBUCIKO BOKWENZA

**Fundisa umthetho wobungozi**

30 imiz.



**Lungiselela**
Ikilasi leBanga R limele izethameli zangempela kanye nenjongo yangempela yokwenza iphosta kanye nokuyethula. Khuluma nozakwenu ukuze ubone ukuthi kungahlelelwa yini lokhu.

**Yethula lokhu**
- Abafundi babonisa amaphosta abo ikilasi leBanga R.
- Bachaza ingozi bese bechaza ukuthi yini engenzeka.
- Baphakamisa isisombululo.
- Khuthaza abafundi ukuthi babheke ekilasini bese bekhuluma ngokucacile futhi kalula ukuze bachaze ingozi.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## ULWESIHLANU



### UMHLANGANO WASEKUSENI — Izindaba

**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**
- Sebenzisa uhlaka oluthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.

Imiz. 15






### IMISINDO — Ukubizela

- Yisho igama ngalinye ngokunensa, kabili.
- Abafundi bayalalela bese bebhala igama ngalinye.
- Ngemva kwalokho, bhala amagama ebhodini ngenkathi ubonisa ukuthi ungawazwakalisa kanjani.
- Abafundi bayalungisa uma kunesidingo.

Imiz. 15

ufudu
ifindo
ubuso
ifu
ubisi
ifoni



### UKUBHALA NGOKUZIMELA — Incazelo (kuyaqhubeka)

**Fundela umusho wakho iqembu lakho**

**Abafundi bachaza imidwebo**
- Khetha abafundi abambalwa ukuze bachaze ukuthi badwebeni nokuthi kungani.

Imiz. 15





### UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NF amakh. 23–26





### UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu D no-E

30 imiz.

I-HNF amakh. 24–27

**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.



Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## UKUHLOLA NOMBIKO

Imiz. 15

**Cabanga ngesonto**
- Yini oyithandile ngamasonto akho okuqala esikoleni?
- Yini ongayijabulelanga?

**Hlola ukuSebenza ngokuZimela komfundi**
- Nikeza umbiko futhi ufundise kabusha uma kudingeka.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

30 imiz.

I-HNF amakh. 51–52

**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.



## UKUBUKEZA KUKATHISHA KWAMASONTO ONKE

**Kuleli sonto, ngenze lokhu okulandelayo:**
- **ngithathe izi-NF** ngase ngiphawula ngokuphathelene nokuBhala
- **ngihlole futhi ngalungisa amanye amakhasi ezi-NF** futhi ngahlonza izindawo ezikhathazayo noma abafundi abathile abadinga usizo olwengeziwe
- **ngibhekisele emuva Ekubukeni Isonto Ngeso Elibanzi** futhi ngahlonza nanoma yisiphi isifundo engingakwazanga ukusiphothula
- **ngiskene i-lap book yami** futhi ngaphawula nganoma yibaphi abafundi abadinga isikhathi esengeziwe sokufundisa umuntu ngamunye noma ukuzijwayeza ukufunda komuntu ngamunye nami ngesonto elizayo.

**Ngihlelele isikhathi ngesonto elizayo ngokuphathelene nalokhu:**
- **noma yikuphi ukuzama ukufika lapho kumele isifundo sibe khona** noma imbuyisambiko jikelele edingekayo.
- **ngamunye,** ukufundisa umuntu ngamunye, isb. uma ikilasi limatasatasa ngokuthile, noma ekuseni kakhulu.

**Sengilangazelela isonto elizayo** ukuqinisekisa ukuthi ngikulungele futhi nginakho konke engikudingayo ukuze ngiqale isonto.



# Ukuzigcina uphephile ekhaya

## UKULUNGISELELA

**Amaflashikhadi**

umnyango | yedwa | isihambi | ukungqongqoza | umlilo

## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA (FQHT) NOKUSEBENZA NGOKUZIMELA (SZ)

**UkuFunda ngamaQembu okuHolwa uThisha (FQHT) nokuSebenza ngokuZimela (SZ)**
Thatha amaqembu amabili e-FQHT usuku ngalunye imizuzu engu-15 ngalunye (imizuzu engama-30 ngayinye Yohlelo lokubuyisela isikhathi esilahlekile).

Nika umsebenzi ozimele ezingeni elifanele lamanye amaqembu, usebenzisa le mithombo:

- Imisebenzi yokusebenza ngokuzimela e-NF
- Izincwadi zokusebenza ze-DBE, iphosta yokuxhumana ye-DBE noma izinsiza zakho

## IZINSIZA ZEMISEBENZI

- isikelokanye neglu
- itheyiphu enamathelayo/i-masking tape
- amakhrayoni/ama-koki
- ibhokisi elingenalutho leqembu ngalinye
- izikhwama noma izitsha zezinhlamvu zamagama zesonto
- izinsiza ezidingekayo emisebenzini ekhethiwe yesiFundo sokuziVocavoca
- izinto zokubala zamagama esiBungu



# UMnumzane uQhude Ozitshelayo




UMnumzane uQhude wayehlala noNkosikazi Kati endlini encane ehlathini. UNkosikazi Kati wayeyisilwane esinengqondo kakhulu kodwa uMnumzane uQhude, empeleni, uMnumzane Qhude **wayezitshela kakhulu** futhi eyisiphukuphuku kakhulu. Wayekuthanda ukuzibuka esibukweni usuku lonke. Wayephenduka ngale ndlela nangale futhi athi 'Ngaze ngawuswahla lwensizwa we bantu! Buka izimpaphe zami ezinhle! Buka imilenze yami emi kahle!'

Ngolunye usuku uNkosikazi Kati wathi, 'Kufanele ngiye edolobheni ngakho-ke uzoba wedwa ekhaya. Khumbula ukuthi, kukhona impungushe embi ehlathini futhi iyathanda ukudla amaqhude. Uqiniseke ukuthi ukhiya umnyango uma sengiphumile futhi angavuleli muntu, kungakhathaliseki ukuthi uthini.

'Yebo, yebo, kulungile,' kusho uMnumzane Qhude, kodwa wayengalalele ngempela. **Wayesachazwe** umlomo wakhe ocwebezelayo.

'Buka nje ukuthi ngiwuswahla olunjani lwensizwa,' kusho yena lapho ezibuka esibukweni.

Kusenjalo, NGQO, NGQO, NGQO emnyango. 'Ubani lowo?' kumemeza uMnumzane Qhude.

'Yimina,' kusho izwi elimnandi. 'Ngisanda kungena endlini ekamakhelwane. Ngezwa kuthiwa kukhona uswahla lwensizwa ehlala lapha. Eqinisweni, umuntu omuhle ukudlula bonke. Ngabe kuyiqiniso lokho?'

UMnumzane Qhude **walungisa kahle izimpaphe zakhe**. 'Yebo kunjalo,' kusho yena. 'Kuyiqiniso lokho. Igeza lensizwa enhle kunazo zonke ezweni ngempela lihlala lapha.'

Izwi elimnandi lathi, 'Awu bandla, ngicela ukungena endlini ngizobona lolu swahla lwensizwa?'

UMnumzane Qhude wayejabule kakhulu, wakhohlwa konke okwakushiwo uNkosikazi Kati. 'Noma kanjani,' esho ngesikhathi eqala ukuvula umnyango.

Kodwa, kwakungeyena umakhelwane omusha. Kwakuyiqili elinguMnumzane Jakalase owayezenza umakhelwane. Futhi uMnumzane Jakalase wayelambile.

Ngenhlanhla, uNkosikazi Kati wayesevele esendleleni eya ekhaya evela ezitolo. Ngesikhathi efika emaphethelweni ehlathi, wabona uMnumzane Jakalase esezongena ngaphakathi.

'Sheshisa, Mnumzane Qhude, uvale umnyango!' kumemeza yena. Wavayizelisa isambulela sakhe futhi wagijima ngokushesha ngangokunokwenzeka eqonde endlini encane.

Futhi iphela lapha le ndaba. Ngabe uMnumzane Qhude wayemlalele uNkosikazi Kati futhi wavala umnyango ngci ngesikhathi noma ngabe uMnumzane uJakalase wakwazi ukungena ngaphakathi? Sizozinqumela isiphetho sethu sendaba esifundweni esilandelayo.

## ULWAZIMAGAMA

**ize** – uyaziqhenya kakhulu ngokuthi ubukeka kanjani, uyaziqhayisa

**ukuzitshela** – ukucabanga ukuthi into noma othile uyamangalisa

**ukulungisa izimpaphe** – chitha isikhathi nomzamo uzenza ubukeke ukhanga

# UMSOMBULUKO



## UMHLANGANO WASEKUSENI — Izindaba

**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**
- Ngababili Sebenzisa Uhlaka Lwami Lwezindaba ekhasini elingemuva lel-NF ukuze uxoxele umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.

Imiz. 15






## INDABA EFUNDWA NGOKUZWAKALAYO — *UMnumzane uQhude Ozitshelayo*

**Ngaphambi kokufunda**
- Yethula indaba.
- Buza imibuzo embalwa ukuze uxhumanise indaba nokwenzeke empilweni yomfundi.

**Funda indaba ngokuzwakalayo, ukhombisa imizwa**
- Ungaphazamisi ukufunda ukuze uchaze noma ubuze imibuzo.

**Ngemva kokufunda**
- Abafundi basho lokho abakuthandile ngendaba noma lokho ababezibuza ngakho.
- Chaza kafushane ulwazimagama olugqanyisiwe
- Uma unesikhathi, buza ukuthi:
  - Yini oyifundile ngoMnumzane Qhude?
  - UMnumzane Jakalase wamenza kanjani uMnumzane Qhude ukuthi avule umnyango?

I-NF
ikh. 39
Imiz. 15





## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP — Imililo ekhaya

**Ulwazi lokuqala**
- Lisho ukuthini igama elithi ukuphepha?

**Funda ikhasi**
- Bheka izithombe bese ufunda isihlokwana esingezansi ngasinye.

**Xoxa ngekhasi**
- Xoxa ngezinto eziyingozi ezisesithombeni.
- Xoxani ngemininingwane yemililo nendlela yokubhekana nemililo.
- Buza abafundi ukuthi ukhona yini kubo owake wabhekana nomlilo ekhaya noma esakhiweni.

NN
ikh. 16
Imiz. 15






## IMISINDO — Umsindo **Gg**

**Buyekeza imisindo**
- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Yethula imisindo**
- Lalela futhi usho umsindo omusha.
- Qaphela okwenziwa umlomo wakho.

**Hlonza amagama analeyo misindo**
- Abafundi bangahlinzeka amagama engeziwe ngemisindo.

**Funda umusho**
- Fundani umusho ndawonye ngokunensa.
- Kokelezela umsindo omusha.

I-NF
ikh. 27
Imiz. 15





## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

**Ukunyakaza okukhulu**

- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.

**Imiz. 15**

**I-HNF amakh. 31–37**






## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

**I-NF ikh. 32–35**



**Imiz. 30**



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu A no-B**

**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.

**I-HNF amakh. 24–27**





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

**Lungiselela**

- Khetha imisebenzi emine ehlukene evela ekhasini loku-1 lesonto.
- Beka noma yiziphi izinsiza ozidingayo.
- Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu amane esonto.

**Yethula iziteshi zomsebenzi**

- Bonisa izinsiza bese uchaza imisebenzi emine.
- Cela abafundi abazethembayo ukuthi bakhombise imisebenzi.

**Umsebenzi wekilasi lonke**

- Uma unesikhathi, dlala umdlalo onjengokunqaka, ushumpu, umacashelana.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

**Imiz. 30**

**I-HNF amakh. 51–52**





## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO

**Yenza indlu yebhokisi**

**Khipha izikelo, iglu, i-sticky tape/i-masking tape, amakhrayoni/amakoki, ibhokisi elingenalutho leqembu ngalinye**

**Uhlelo**

- Iqembu ngalinye lizokwenza indlu.
- Cela abafundi ukuthi bacabange ukuthi bazolenza kanjani ibhokisi labo ukuthi libe yindlu encane enezicabha kanye namafasitela.

**Zungeza futhi usize**

- Qala noma yikuphi ukusika ngokubhoboza ikhadibhodi ngechopho lesikelo. Angavumeli abafundi ukuthi benze lokhu.

**Sungula uhlelo lokukhipha abantu uma kunesimo esiphuthumayo**

- Amaqembu kufanele abonise ukuthi abantu bangaphuma kuphi endlini yabo yamabhokisi uma kuba nomlilo.

**Imiz. 30**



# ULWESIBILI

## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?

## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA — Qagela ukuphela kwendaba

I-NT ikh. 39
Imiz. 15



**Khumbuza abafundi ngendaba: UMnumzane uQhude Ozitshelayo**

**Xoxa**
- Abafundi basebenza ngababili. Bayashintshana ngokukhuluma nokulalela.
- Ngabe umfundi ngamunye ucabanga ukuthi iphele kanjani indaba?
- Isiphetho sendaba esingaba khona singaba yilezi:
  - UMnumzane Jakalase wangena ngaphakathi wase wadla ngokushesha uMnumzane Qhude.
  - UMnumzane Qhude wezwa uNkosikazi Kati wase evala umnyango ngokushesha.
  - UNkosikazi Kati wafika ekhaya wasindisa uMnumzane Qhude.
- Abafundi ababili ngabanye benza isiphetho sendaba bese babelana ngaso nekilasi.

## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP — Izinombolo zezimo eziphuthumayo

Imiz. 15

**Xoxani ngezimo eziphuthumayo**
- Yini into ephuthumayo?
- Ngabe yiziphi izibonelo zezimo eziphuthumayo? (umlilo, ukuphangwa, izingozi ezimbi kakhulu, ukugwinya ubuthi, umuntu oqulekile, umuntu owophayo).
- Yini okumele uyenze uma kukhona isimo esiphuthumayo?

**Xoxa ngezinombolo zezimo eziphuthumayo**
- Yenza uphenyo ngezinombolo zezimo eziphuthumayo zendawo yangakini ngaphambi kwesifundo.
- Uma kukhona inombolo yocingo, ungashayela ucingo izinombolo zezimo eziphuthumayo
- Bhala izinombolo zezimo eziphuthumayo ebhodini. Fundani njengekilasi.

**Dlalani indima yokubiza izinombolo ngababili.**
- Kopisha izinombolo ku-NF yakho.
- Lapho ubiza inombolo, umlingani kumele acindezele inombolo ocingweni.




## IMISINDO — Isakhiwo samagama esabiwe

Imiz. 15

**Lungiselela**
- Nika amakhadi ezinhlamvu zamagama esonto.
- Abafundi basika bakhiphe amakhadi ezinhlamvu zamagama.
- Bonisa amakhadi afanayo othisha ngokungahleliwe ebhodini.

**Yakhani amagama ndawonye**

ugogo igeja unesi kune igosa ugesi

- Bizela umfundi ebhodini ngokuphathelene negama ngalinye.
- Yisho igama ngokuzwakalayo. Buza ukuthi: Uyini umsindo wokuqala? Ngakho, ngabe yiluphi uhlamvu lwegama lokuqala? Njalo njalo.
- Vumela umfundi ukuthi athole amakhadi ezinhlamvu zamagama bese ewabeka endaweni efanele.
- Abanye abafundi bazama ukukopisha igama ngamakhadi abo.

**Faka izinhlamvu zamagama esitsheni/esikhwameni ukuze uzisebenzise futhi**

| | | |
|---|---|---|
| g | e | i |
| g | n | a |
| o | o | j |
| u | k | s |

## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA — Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela

Imiz. 15
I-HNF amakh. 31–37



- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Abafundi bazijwayeza ukubhala uhlamvu lwegama ezincwadini.



## UKUFUNDA NGOKWABELANA (1) *UMnumzane Qhude Ozitshelayo*

**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi UMnumzane Qhude Ozitshelayo
- Buza umbuzo **woSuku loku-1** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: isicabha, wedwa, umuntu ongaziwa, ukungqongqoza, umlilo**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.

I-NN amakh. 17–20

Imiz. 15






## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NF amakh. 32–35



Imiz. 30



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA *Amaqembu C no-D*

**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

I-HNF amakh. 24–27



Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA *Iziteshi zomsebenzi*

**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Iqembu ngalinye lenza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52





## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO *Yenza indlu yebhokisi (kuyaqhubeka)*

Imiz. 15

Abafundi basebenzisa lezi zindlu emsebenzini wabo woBuciko boKwenza ngoLwesine lapho kumele badlale khona indima yohlelo lokukhipha abantu ezimweni eziphuthumayo.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

# ULWESITHATHU



## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?



## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP

Yini obungayenza?

I-NF ikh. 29

Imiz. 15

**Ukuxoxa kwabangababili ngokuphathelene nokungenzeka**

- Ngababili, abafundi bakhuluma ngesithombe ngasinye.
- Kumele batshelane ukuthi kwenzekani noma yini engenzeka esithombeni ngasinye.
- Baxoxa ngalokho ebebengakwenza uma bebelapho

**Abangababili babelana ngezimpendulo nekilasi**






## IMISINDO

Umsindo **Nn**

I-NF ikh. 30

Imiz. 15

**Buyekeza imisindo**

Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Yethula umsindo omusha**

- Lalela ukuze usho umsindo.
- Qaphela okwenziwa umlomo wakho.

**Khomba amagama analowo msindo**

- Abafundi bangahlinzeka amagama engeziwe ngomsindo. Funda umusho
- Fundani umusho ndawonye ngokunensa.
- Kokelezela umsindo omusha.






## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Ukunyakaza okukhulu

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37

- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.








## UKUFUNDA NGOKUHLANYELA (2)

*UMnumzane uQhude Ozitshelayo*

I-NN amakh. 17–20

Imiz. 15

**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi UMnumzane Qhude Ozitshelayo
- Buza umbuzo woSuku lwesi-2 ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: isicabha, wedwa, umuntu ongaziwa, ukungqongqoza, umlilo**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.





## UKUBHALA NGOKUHLANGANYELA — Isiphetho sendaba

Imiz. 15

**Lungiselela ibhodi**
- Abafundi bacabanga ngeziphetho ezahlukene baqhamuke nazo izolo.
- Kumele benze umusho wesiphetho sendaba esisodwa.

**Bhala iziphakamiso zabafundi abathile**
- Cela imibono.
- Cela abafundi ukuthi bapele amagama afanele.

**Fundani imisho ndawonye**

UMnumzane Jakalase wadla uMnumzane Qhude.

UMnumzane Qhude wezwa uNkosikazi Kati wase evala umnyango.

UNkosikazi Kati wasindisa uMnumzane Qhude

UNkosikazi Kati waxosha uMnumzane Jakalase



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 32–35



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu E no-A

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda kokuqala kweQembu E**
- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

**Ukufunda kwesibili kweQembu A**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA — Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.



## UBUCIKO BOKWENZA — Ukudlala indima yezingcingo zezimo

Imiz. 30



**Lungiselela ukudlala indima**
- Abafundi basebenza ngababili ukudlala indima ekushayeni ucingo lwezinsiza zezimo eziphuthumayo kanye nowemukela izingcingo.
- Batshele bacabange ngalokho okuzobuzwa owemukela izingcingo ezinsizeni zezimo eziphuthumayo, ukuthi kumele aphendule kanjani umuntu, nokuthi yini okumele bayitshele umuntu owemukela izingcingo.

**Ukudlala indima yezingcingo zezimo eziphuthumayo**
- Abafundi bayashintshana ukuze babe opharetha kanye nomuntu oshaye ucingo.
- Bahlala bafulathelane bese beshayelana izingcingo.
- Khetha ababili abangababili ukuze bamele ukudlala indima.

**Imbuyisambiko**
- Abanye ekilasini banikeza imbuyisambiko.

# ULWESINE

## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?

## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA — Abalingiswa

Imiz. 15

**Yisho umlolozelo**

- Xhumanisa umlolozelo nendikimba yaleli sonto.
- Fundisa inkondlo kanye neminyakazo.
- Abafundi bahlanganyela lapho bengakwazi khona.

**We Bhuti Wami**
Awusibonanga isigelekeqe qe, qe, qe.
Esifake isigqoko, isigqoko, isigqoko.
Esimhloshana, shana
shana.

## IMISINDO — Ukwakha amagama ngokuzimela

Imiz. 15

**Ukubizwa ngamagama kwezinhlamvu zamagama kusetshenziswa amakhadi**

- Abafundi basakaza amakhadi ezinhlamvu zamagama edeskini.
- Uthisha usho umsindo.
- Abafundi baphakamisa ikhadi elihambisana nohlamvu lwegama.

**Ukwakha amagama ngokuzimela**

- Ukusebenzisa amagama avela esifundweni sokwakha amagama sangoLwesibili:
  - Yisho igama bese usiza abafundi ukuthi babone futhi babale imisindo.
  - Abafundi bakha amagama ngamakhadi abo.
  - Bheka (umfundi oyedwa ubhala igama ebhodini)
  - Bakopisha leli gama ezincwadini zabo zokubhalela.

ugogo
igeja
unesi
kune
igosa
ugesi

## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA — Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37



- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Abafundi bazijwayeza ukubhala uhlamvu lwegama ezincwadini.
- Zungeza futhi usize abafundi. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.

## UKUFUNDA NGOKUHLANYELA (3) — *UMnumzane uQhude Ozitshelayo*

I-NN amakh. 17–20

Imiz. 15




**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi UMnumzane Qhude Ozitshelayo
- Buza umbuzo **woSuku lwesi-3** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: isicabha, wedwa, umuntu ongaziwa, ukungqongqoza, umlilo**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.
- Beka amaflashikhadi oDongeni lwamaGama.



## UKUBHALA NGOKUZIMELA — Isiphetho esihlukile

Imiz. 15



**Phinda ufunde imisho yokuFunda ngokuHlanganyela esukela izolo**

**Abafundi babhala iziphetho zabo UMnuzane uQhude Ozitshelayo.**

- Bhala umusho bese uwudweba.



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF ikh. 32–35



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu B no-C

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda okwesibili**

- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA — Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UBUCIKO BOKWENZA — Yethula uhlelo lwamanje lokuphunyuka emlilweni

Imiz. 30



**Lungiselela**

- Amaqembu akha indlu ndawonye axoxa ngohlelo lokuphuma esimweni esiphuthumayo.

**Yethula lokhu**

- Abafundi bethula ekilasini uhlelo lokuphuma esimweni esiphuthumayo. Basebenzisa izindlu zabo zebhokisi ukuze bachaze.
- Kumele iqembu likhulunyelwe umfundi ongaphezu koyedwa.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## ULWESIHLANU



### UMHLANGANO WASEKUSENI

**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Izindaba**

**Abangababili**
- Sebenzisa *uhlaka o*luthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.

**Imiz. 15**






### IMISINDO

**Umdlalo wesibungu wezinhlamvu zamagama**

**Ngababili**
- Phonsa idayisi noma ukhombe izinombolo uvale amehlo.
- Hambisa into yokubala yaleyo nombolo yezikhala.
- Funda igama.
- Phinda.

**I-NF ikh. 31**
**Imiz. 15**






### UKUBHALA NGOKUZIMELA

**Isiphetho esihlukile**

**Buyekeza**
- Khumbuza abafundi mayelana neziphetho zabo zendaba abazibhalile.

**UkuBhala ngokuHlanganyela**
- Umfundi ngamunye uzofundela iqembu lakhe isiphetho sendaba yakhe.
- Uma sikhona isikhathi, bala bonke abafundi abaphakamise ukuthi uMnumzane Qhude wadliwa kanye nalabo abaphakamise ukuthi wasindiswa uNkosikazi Kati. Qhathanisa izinombolo.

**Xoxa ngeziphetho zendaba ezahlukene**
- Abafundi banikeza imibono yabo ngokuthi yikuphi okuhamba phambili, nokuthi kungani.

**Imiz. 15**





### UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

**I-NF amakh. 32–35**





### UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu D no-E**

**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

**Imiz. 30**

**I-HNF amakh. 24–27**



Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## UKUHLOLA NOMBIKO

Imiz. 15



**Cabanga ngesonto**
- Yini oyithandile ngamasonto akho okuqala esikoleni?
- Yini ongayijabulelanga?

**Hlola ukuSebenza ngokuZimela komfundi**
- Nikeza umbiko futhi ufundise kabusha uma kudingeka.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## UKUBUKEZA KUKATHISHA KWAMASONTO ONKE

**Kuleli sonto, ngenze lokhu okulandelayo:**
- **ngithathe izi-NF** ngase ngiphawula ngokuphathelene nokuBhala
- **ngihlole futhi ngalungisa amanye amakhasi ezi-NF** futhi ngahlonza izindawo ezikhathazayo noma abafundi abathile abadinga usizo olwengeziwe
- **ngibhekisele emuva Ekubukeni Isonto Ngeso Elibanzi** futhi ngahlonza nanoma yisiphi isifundo engingakwazanga ukusiphothula
- **ngiskene i-lap book yami** futhi ngaphawula nganoma yibaphi abafundi abadinga isikhathi esengeziwe sokufundisa umuntu ngamunye noma ukuzijwayeza ukufunda komuntu ngamunye nami ngesonto elizayo.

**Ngihlelele isikhathi ngesonto elizayo ngokuphathelene nalokhu:**
- **noma yikuphi ukuzama ukufika lapho kumele isifundo sibe khona** noma imbuyisambiko jikelele edingekayo.
- **ngamunye,** ukufundisa umuntu ngamunye, isb. uma ikilasi limatasatasa ngokuthile, noma ekuseni kakhulu.

**Sengilangazelela isonto elizayo** ukuqinisekisa ukuthi ngikulungele futhi nginakho konke engikudingayo ukuze ngiqale isonto.

## UKUBUKA ISONTO NGESO ELIBANZI



# Umzimba wami omangalisayo

### UKULUNGISELELA

**Amaflashikhadi**

izindlebe | amehlo | imilenze | imizimba | amazinyo

### UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA (FQHT) NOKUSEBENZA NGOKUZIMELA (SZ)

Thatha amaqembu amabili e-FQHT usuku ngalunye imizuzu engu-15 ngalunye (imizuzu engama-30 ngayinye Yohlelo lokubuyisela isikhathi esilahlekile).

Nika umsebenzi ozimele ezingeni elifanele lamanye amaqembu, usebenzisa le mithombo:

- Imisebenzi yokusebenza ngokuzimela e-NF
- Izincwadi zokusebenza ze-DBE, iphosta yokuxhumana ye-DBE noma izinsiza zakho

### IZINSIZA ZEMISEBENZI

- isikelo kanye neglu
- ipeni lomsizi
- amakhrayoni noma ama-koki
- uyinki noma upende weminwe
- iphepha elingu-A4 iziqephu ezi-3 kumfundi ngamunye
- izikhwama noma izitsha zezinhlamvu zamagama zesonto
- izinsiza ezidingekayo emisebenzini ekhethiwe yesiFundo sokuziVocavoca



# Umfowabo kaRefilwe

URefilwe wayeneminyaka eyisikhombisa futhi eseBangeni loku-1. Wayengenabo abafowabo kanye nodadewabo kwaze kwaba ngelinye ilanga, umama wakhe wabuya esibhedlela nokuthile okumangalisayo. Wayephethe umfanyana.

'Igama lakhe uNhlakanipho,' kusho uMama. 'Ungumfowenu omncane.'

URefilwe wayenesasasa kakhulu. 'Ngizomnakekela futhi ngimfundise yonke into okumele ayazi,' kusho yena. Wasiza umama wakhe ukuthi ageze, aphe ukudla futhi agqokise uNhlakanipho omncane zonke izinsuku. Kungaphelanga sikhathi eside waqala ukumamatheka kanye nokuhleka lapho embona. Ngesikhathi eya ngokukhula, wamsiza ukuthi afunde ukukhasa nokukhuluma kanye nokuhamba. Wayemlandela yonke indawo.

Kodwa u-Refilwe waqaphela ukuthi imilenze nezingalo zikaNhlakanipho zazimfushane kunezezinye izingane futhi wayengakhuli abe mude. Wakhuluma nomama wakhe ngakho.

UMama wathi, 'Refilwe, amathambo kaNhlakanipho akhula ngendlela ehlukile kuneyezinye izingane ngoba unokuthile okuthiwa **yi-dwarfism**. Uyohlale emncane kunabanye abantu.'

URefilwe waqala ukukhala, 'Kodwa Mama, ngabe abantu abazumphatha kabi? Ngabe uzokwazi ukuya esikoleni?'

UMama waphendula wathi, 'Yebo uzoya esikoleni. Kunabantu abaningi abanjengaye emhlabeni wonke ababizwa ngokuthi Abantu Abancane. Kumele siqiniseke ukuthi unamandla nokuthi izingane aziyilimazi imizwa yakhe.'

Ngosuku lokuqala lukaNhlakanipho, uRefilwe waya naye ngezinyawo esikoleni. Uthisha wakhuluma nekilasi. 'Zingane, siyajabula kakhulu ngokuba noNhlakanipho ekilasini lethu. Akasoze akhula abe mude njengani kodwa uyefana nani ngazo zonke ezinye izindlela. Uhlakaniphile, unobungane futhi unemizwa efana neyenu.' Waqhubeka wathi, 'Niyazi angithi ukuthi akulungile ukugcona noma yiziphi izingane ngokuphathelene nendlela ezibukeka ngayo.'

USimphiwe waphakamisa isandla. 'Thisha, ngiphatheka kabuhlungu uma abanye **bengigcona** ngoba **nginesisindo somzimba** esingaphezu kwesabo.'

'Nami kungenza ngidangale lapho izingane zingigcona ngoba nginezindlebe ezinkulu,' kusho uLerato.

'Yebo, ukungabi namusa lokho,' kusho uthisha wabo. 'Ngakho, ubani ongathanda ukuba umngane kaNhlakanipho futhi ozombonisa izindawo esikoleni?'

Ngesikhathi uRefilwe efika ekilasini ezolanda umfowabo ntambama, wajabula lapho ebona ukuthi wayemamathekile. 'Senginabangani ababili,' kusho yena, 'futhi ngicabanga ukuthi ngizosithanda isikole.'

## ULWAZIMAGAMA

**i-dwarfism** – isimo esenza abantu babe bafushane kakhulu

**ukugcona** – ukuhleka noma ukucasula othile ngendlela yokudlala noma enonya

**isisindo somzimba** – ukuthi usinda noma ulula kangakanani

# UMSOMBULUKO



## UMHLANGANO WASEKUSENI Izindaba

**Imiz. 15**




**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**
- Sebenzisa *uhlaka o*luthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.



## INDABA EFUNDWA NGOKUZWAKALAYO *Umfowabo kaRefilwe*

**I-NT ikh. 51**
**Imiz. 15**



**Ngaphambi kokufunda**
- Lena yindaba engomfana owayehluke kancane kwezinye izingane.

**Funda indaba ngokuzwakalayo, ukhombisa imizwa**
- Ungaphazamisi ukufunda ukuze uchaze noma ubuze imibuzo.

**Ngemva kokufunda**
- Abafundi basho lokho abakuthandile ngendaba noma lokho ababezibuza ngakho.

- Chaza kafushane ulwazimagama olugqanyisiwe
- Uma unesikhathi, buza ukuthi:
- Ngabe uRefilwe wayemthanda umfowabo? Ungasho kanjani?



## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP Umzimba wami omangalisayo

**NN ikh. 21**
**Imiz. 15**




**Ulwazi lokuqala**
- Biza izitho zomzimba ezihlukene bese ucela abafundi ukuthi bazithinte njengoba uzisho.

**Funda ikhasi**
- Bheka izithombe.

**Xoxa ngekhasi**
- Yini efanayo ngalezi zingane? Yini ehlukile?
- Ngabe sonke sikhula ngezinga elifanayo?
- Kungani ucabanga ukuthi indaba ibizwa ngokuthi Imizimba yethu emangalisayo?
- Yiziphi izinto ezimangalisayo umzimba wakho ongazenza?



## IMISINDO Umsindo Hh

**I-NF ikh. 37**
**Imiz. 15**




**Buyekeza imisindo**
- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Yethula imisindo**
- Lalela futhi usho umsindo omusha
- Qaphela okwenziwa umlomo wakho.

**Hlonza amagama analeyo misindo**
- Abafundi bahlinzeka amagama engeziwe ngemisindo.

**Funda umusho**
- Fundani umusho ndawonye ngokunensa.
- Kokelezela umsindo omusha.



## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA Ukunyakaza okukhulu

**Imiz. 15**

**I-HNF amakh. 31–37**




- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 41–44



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

Amaqembu A no-B

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda kokuqala: Iqembu A no-B**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Lungiselela**

- Khetha imisebenzi emine ehlukene evela ekhasini loku-1 lesonto.
- Beka noma yiziphi izinsiza ozidingayo.
- Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu amane esonto.

**Yethula iziteshi zomsebenzi**

- Bonisa izinsiza bese uchaza imisebenzi emine.
- Cela abafundi abazethembayo ukuthi bakhombise imisebenzi.

**Umsebenzi wekilasi lonke**

- Uma unesikhathi, dlala umdlalo onjengokunqaka, ushumpu, umacashelana.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.



## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO

IsiHlahla seZandla Ezisizayo

Imiz. 30





**Nikeza isikelo, ipensela, amakhrayoni/ama-kokis, iphepha elingu-A4 lomfundi ngamunye**

**Xoxani ngale mibuzo**

- Usebenzisela ini izandla zakho ekilasini?
- Sizisebenzisa kanjani izandla zethu ukuze sisizane?
- Ngabe izandla zethu zihlale ziwusizo? Nikeza izibonelo.

**Yenza isihlahla sezandla ezisizayo**

- Abafundi balandelela ngokudweba izandla zabo ngepensela.
- Kumele babhale amagama abo ezandleni zabo ngezinhlamvu zamagama ezicacile.
- Bafake imibala noma benze amaphethini azungeze amagama abo.

**Zungeza futhi usize**

- Siza abafundi ukuthi basike bakhiphe izandla zabo.
- Namathelisa izandla emagatsheni esihlahla osidwebile.

# ULWESIBILI

## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?

## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA

**Xoxa ngenhloso yendaba**

I-NT ikh. 51

Imiz. 15



**Khumbuza abafundi ngendaba: *Umfowabo kaRefilwe***

**Xoxani ngendaba njengekilasi**

- Ngabe indaba ibimayelana nobani?
- Kwenzekani?
- Yaphela kanjani?

**Abafundi babuzana imibuzo evulekile mayelana nendaba**

- Abafundi basebenza ngababili.
- Umfundi ngamunye unesikhathi sokukhuluma nesikhathi sokulalela.
- Baxoxa ngalokho abakufundile endabeni, ukuthi bayamazi yini umuntu onjengoRefilwe, nokuthi bayamazi yini umuntu onjengoNhlakanipho.

## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP

**Izingxenye zomzimba wami**

I-NF ikh. 38

Imiz. 15


Usuku

Izingxenye zomzimba wami

- Uthisha wakho uzofunda amagama.
- Dweba umugqa osuka emagameni uye engxenyeni efanele yomzimba.

1 ikhanda
2 amahlombe
3 isihlakala
4 isihluzu
5 iqakala
6 isandla
7 indololwane
8 idolo
9 ithanga
10 unyawo

38 ULwesibili

**Xoxani ngezithombe namalebula**

- Funda ilebula ngalinye.
- Abafundi bathinta leyo ngxenye yomzimba wabo njengoba besho igama.

**Abafundi badweba imigqa kusuka kumalebula kuya esithombeni**

- Besebenzisa ipensela elibukhali ne-ruler badweba imigqa kusuka kwilebula kuya engxenyeni yomzimba.

## IMISINDO

**Isakhiwo samagama esabiwe**

Imiz. 15

| | | |
|---|---|---|
| a | v | l |
| h | w | i |
| m | d | u |
| a | d | i |

**Lungiselela**

- Nika amakhadi ezinhlamvu zamagama esonto.
- Abafundi basika bakhiphe amakhadi ezinhlamvu zamagama.
- Bonisa amakhadi afanayo othisha ngokungahleliwe ebhodini.

**Yakhani amagama ndawonye**

**ihalavu** **ihawu** **iwa**

**idada** **idamu** **idami**

- Bizela umfundi ebhodini ngokuphathelene negama ngalinye.
- Yisho igama ngokuzwakalayo. Buza ukuthi: Uyini umsindo wokuqala? Ngakho, ngabe yiluphi uhlamvu lwegama lokuqala? Njalo njalo.
- Vumela umfundi ukuthi athole amakhadi ezinhlamvu zamagama bese ewabeka endaweni efanele.
- Abanye abafundi bazama ukukopisha igama ngamakhadi abo.

**Faka izinhlamvu zamagama esitsheni/esikhwameni ukuze uzisebenzise futhi**

## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

**Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela**

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37



- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Abafundi bazijwayeza ukubhala uhlamvu lwegama ezincwadini.
- Zungeza futhi usize abafundi. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.

## UKUFUNDA NGOKWABELANA (1) *Imizimba ehlukene*

**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi Imizimba ehlukene
- Buza umbuzo **woSuku loku-1** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: izindlebe, amehlo, imilenze, imizimba, amazinyo**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.

I-NN amakh. 22–25

Imiz. 15




## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NT amakh. 41–44



Imiz. 30

## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA *Amaqembu C no-D*

**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.

I-HNF amakh. 24–27



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA *Iziteshi zomsebenzi*

**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Iqembu ngalinye lenza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO *Yenza isithombe sekhathuni*

**Nikeza amaphepha amabili angu-A4 omfundi ngamunye, ipensela, isikelo, iglu, amakhrayoni/ama-kokis**

**Dweba noma ulandelele izitho zomzimba**

- Esiqeshini esisodwa sephepha, abafundi badweba lezi zingxenye zomzimba ezilandelayo (bazozikhipha kamuva ukuze zihlukaniswe): ikhanda, izingalo, imilenze isibhukuza somzimba.
- Faka umbala ezingxenyeni zomzimba.
- Abafundi basika bakhiphe izitho zomzimba (kungase kudingeke usize).

**Hlanganisa izingxenye zomzimba ndawonye**

- Ekhasini elingenalutho basebenzisa iglu ukuze bakhe umzimba ukusuka ezingxenyeni zabo zomzimba.
- Banikeza isithombe sabo sopopayi igama.

Imiz. 30



Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

# ULWESITHATHU



## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?



## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP Umndeni wami

I-NF ikh. 39

Imiz. 15

**Hlonza izingxenye zobuso**

- Fundela abafundi amalebula ngokuzwakalayo.
- Njengoba ufunda, abafundi babheka ubuso bomlingani wabo bese bekhomba isici (bangathintani).

**Dweba ubuso**

- Abafundi manje badweba ubuso bomlingani wabo kuhlanganise nemininingwane okuxoxwe ngayo.






## IMISINDO Umsindo Dd

I-NF ikh. 40

Imiz. 15

**Buyekeza imisindo**

- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Yethula umsindo omusha**

- Lalela ukuze usho umsindo.
- Qaphela okwenziwa umlomo wakho.

**Khomba amagama analowo msindo**

- Abafundi bahlinzeka amagama engeziwe ngomsindo.

**Funda umusho**

- Fundani umusho ndawonye ngokunensa.
- Kokelezela umsindo omusha.






## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA Ukunyakaza okukhulu

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37

- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.




Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## UKUFUNDA NGOKUHLANYELA (2) *Imizimba ehlukene*

I-NN amakh. 22–25

Imiz. 15

**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi Imizimba ehlukene
- Buza umbuzo **woSuku lwesi-2** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: izindlebe, amehlo, imilenze, imizimba, amazinyo**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.





## UKUBHALA NGOKUHLANGANYELA

**Ukugcwalisa ifomu**

Imiz. 15

- Kopisha ifomu ebhodini.
- Fundani ifomu ndawonye.
- Zisebenzise njengesibonelo, fanisa indlela yokugcwalisa ifomu ebhodini.

**Gcwalisa ifomu**

Igama ____________

Usuku lokuzalwa ____________

Ikheli ____________

IBanga I ☐ 2 ☐ 3 ☐

Isiginesha ____________



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 41–44



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu E no-A**

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda kokuqala kweQembu E**
- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

**Ukufunda kwesibili kweQembu A**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.



## UBUCIKO BOKWENZA

**Imisho yomnyakazo weqembu**

Imiz. 15

**Chaza futhi wenze umusho wokunyakaza nekilasi**
- Tshela abafundi ukuthi baqale bakubuke.
- Yisho igama futhi wenze isenzo ngasikhathi sinye.
- Isibonelo: Mina (thinta isifuba) ngithanda (shaya izandla kabili) IBanga loku-1 (shaya izithupha kabili).

**Abafundi badizayina imisho yabo yokunyakaza**
- Amaqembu azodizayina imisho yawo yokunyakaza esebenzisa la magama: Iqembu lethu lihamba phambili.
- Uma kunesikhathi, bacabanga ngemisho yab

**Lungiselela ukwethula lokhu**
- Bazokwethula imisho yabo yokunyakaza kusasa.

Mina (ukushaya isifuba) ngithanda (ukushaya itafula) abangani (shwilingana) enginabo (shaya izandla kabili) esikoleni (gxuma ubheke phezulu).

# ULWESINE

## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?

## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA

Umusho wokunyakaza

Imiz. 15



**Ukufudumeza umzimba**

- Nikeza iqembu ngalinye ivesi elilodwa leculo lesenzo ukuze licule futhi lenze izenzo.

**Fundisa umusho wokunyakaza**

- Fundisa umusho wokunyakaza usebenzisa imizimba, imisindo kanye nezinsimbi zomculo.
- Sebenzisa ukunyakaza noma imisindo ukumela igama ngalinye.

## IMISINDO

Ukwakha amagama ngokuzimela

Imiz. 15

**Ukubizwa ngamagama kwezinhlamvu zamagama kusetshenziswa amakhadi**

- Abafundi basakaza amakhadi ezinhlamvu zamagama edeskini.
- Uthisha usho umsindo.
- Abafundi baphakamisa ikhadi elihambisana nohlamvu lwegama

**Ukwakha amagama ngokuzimela**

- Yisho igama elivela esifundweni sokwakha amagama sangoLwesibili.
- Siza ikilasi ukuthi libone futhi libale imisindo esegameni.
- Abafundi bakha amagama ngamakhadi abo.
- Bheka (umfundi oyedwa ubhala igama ebhodini).
- Yenza lokhu ngamanye amagama amathathu noma amaningi.

ihalavu

ihawu

iwa

idada

idamu

idami

## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37



- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Abafundi bazijwayeza ukubhala uhlamvu lwegama ezincwadini.
- Zungeza futhi usize abafundi. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.

## UKUFUNDA NGOKUHLANYELA (3)

*Imizimba ehlukene*

I-NN amakh. 22–25

Imiz. 15




**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi Imizimba ehlukene
- Buza umbuzo **woSuku lwesi-3** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: izindlebe, amehlo, imilenze, imizimba, amazinyo**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.
- Beka amaflashikhadi oDongeni lwamaGama.



## UKUBHALA NGOKUZIMELA

**Ukugcwalisa ifomu**

Imiz. 15

- Abafundi bakopisha ifomu bese beligcwalisa ngemininingwane yabo.






## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NF amakh. 41–44



Imiz. 30



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu B no-C**

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda okwesibili**

- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UBUCIKO BOKWENZA

**Yethula imisho yomnyakazo**

Imiz. 30



**Amaqembu ethula imisho yamanje yokunyakaza**

- Bhekisisa njengoba iqembu ngalinye linikeza umusho walo wokunyakaza.

**Abafundi bahlola okwethuliwe**

- Ngabe acacile amagama?
- Ngabe ukunyakaza bekuhlaba umxhwele?

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## ULWESIHLANU



### UMHLANGANO WASEKUSENI Izindaba

**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**
- Sebenzisa *uhlaka o*luthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.

Imiz. 15






### IMISINDO Ukubizela

- Yisho igama ngalinye ngokunensa, kabili.
- Abafundi bayalalela bese bebhala igama ngalinye.
- Ngemva kwalokho, bhala amagama ebhodini ngenkathi ubonisa ukuthi ungawazwakalisa kanjani.
- Abafundi bayalungisa uma kunesidingo.

Imiz. 15

ihalavu
ihawu
iwa
idada
idamu
idami



### UKUBHALA NGOKUZIMELA Qagela ukuthi ubani?

**Buyekeza**
- Khumbuza abafundi ngamafomu abawagcwalisile.

**Khetha amafomu ama-3 ukuya kwama-5 aphothuliwe Ngikhethekile ukuze kufundwe ngokuzwakalayo**
- Fundela ikilasi amafomu ngokuzwakalayo.
- Abafundi baqagela ukuthi ngubani ogcwalise ifomu.

Imiz. 15





### UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NF amakh. 41–44





### UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA Amaqembu D no-E

**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## UKUHLOLA NOMBIKO

Imiz. 15



**Cabanga ngesonto**

- Yini oyithandile ngamasonto akho okuqala esikoleni?
- Yini ongayijabulelanga?

**Hlola ukuSebenza ngokuZimela komfundi**

- Nikeza umbiko futhi ufundise kabusha uma kudingeka.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## UKUBUKEZA KUKATHISHA KWAMASONTO ONKE

**Kuleli sonto, ngenze lokhu okulandelayo:**

- **ngithathe izi-NF** ngase ngiphawula ngokuphathelene nokuBhala
- **ngihlole futhi ngalungisa amanye amakhasi ezi-NF** futhi ngahlonza izindawo ezikhathazayo noma abafundi abathile abadinga usizo olwengeziwe
- **ngibhekisele emuva Ekubukeni Isonto Ngeso Elibanzi** futhi ngahlonza nanoma yisiphi isifundo engingakwazanga ukusiphothula
- **ngiskene i-lap book yami** futhi ngaphawula nganoma yibaphi abafundi abadinga isikhathi esengeziwe sokufundisa umuntu ngamunye noma ukuzijwayeza ukufunda komuntu ngamunye nami ngesonto elizayo.

**Ngihlelele isikhathi ngesonto elizayo ngokuphathelene nalokhu:**

- **noma yikuphi ukuzama ukufika lapho kumele isifundo sibe khona** noma imbuyisambiko jikelele edingekayo.
- **ngamunye,** ukufundisa umuntu ngamunye, isb. uma ikilasi limatasatasa ngokuthile, noma ekuseni kakhulu.

**Sengilangazelela isonto elizayo** ukuqinisekisa ukuthi ngikulungele futhi nginakho konke engikudingayo ukuze ngiqale isonto.



# Ngaphakathi komzimba wami

## UKULUNGISELELA

**Amaflashikhadi**

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| amathambo | -phukile | -lulama | -limele | uthando |

## UKUHLOLWA KWEMISEBENZI YOKUFUNDA ISONTO LESI-6

I-Funda Wande inikeze amasampula emisebenzi yokuhlola ngemuva kwale ncwadi. Sicela uqaphele ukuthi lezi yizibonelo nje kuphela. Kufanele ulandele imihlahlandlela yokuhlola ye-DBE ukuze uhlele eyakho imisebenzi yokuhlola ebonisa izidingo zabafundi bakho kanye nomongo ofundisa kuwo.

| | | | |
|---|---|---|---|
| ULwesibili – ULwesihlanu | IsiFundo sokuZivocavoca soku-1: Inkambo yesithiyo (amamaki ama-5) | Okwenziwayo | I-NT amakh. 65, 67, 69, 71, 73 |
| ULwesihlanu | LQ/QMQPP 1: Izingozi ekhaya (amamaki ayi-10) | I-NT ikh. 130 | I-NT ikh. 72 |
| ULwesihlanu | UkuBhala Kahle ngeSandla: Kopisha imisho (amamaki ama-5) | I-NT ikh. 131 | I-NT ikh. 72 |

## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA (FQHT) NOKUSEBENZA NGOKUZIMELA (SZ)

Thatha amaqembu amabili e-FQHT usuku ngalunye imizuzu engu-15 ngalunye (imizuzu engama-30 ngayinye Yohlelo lokubuyisela isikhathi esilahlekile).

Nika umsebenzi ozimele ezingeni elifanele lamanye amaqembu, usebenzisa le mithombo:
- Imisebenzi yokusebenza ngokuzimela e-NF
- Izincwadi zokusebenza ze-DBE, iphosta yokuxhumana ye-DBE noma izinsiza zakho

## IZINSIZA ZEMISEBENZI

- isikelo kanye neglu
- itheyiphu enamathelayo/i-masking tape, intambo
- amakhrayoni noma ama-koki
- iphepha elinombala
- izinto ezengeziwe eziyimfucuza (zamaqembu angakwazanga ukuyiqoqa)
- izikhwama noma izitsha zezinhlamvu zamagama zesonto
- izinsiza ezidingekayo emisebenzini ekhethiwe yesiFundo sokuziVocavoca



# UMnumzane Mathambo



Inkosi yezilwane, uNkosi uBhubesi, wayehlala emgedeni emadwaleni amakhulu. Njengoba ebuka ngaphandle embusweni wakhe, wabona ifu lothuli. Ezinye zezilwane zazilwa zibanga ukudla. Zonke zazifuna ukudla into efanayo.

Kumele ngikuxazulule lokhu, kucabanga yena. Izilwane kufanele zifunde ukudla izinto ezahlukene ukuze kungabibikho **izingxabano**.

UNkosi uBhubesi wabiza umhlangano wazo zonke izilwane. Ngokushesha kwase kunomugqa omude wazo zihamba ngezinyawo ziya emadwaleni amakhulu.

Kodwa sasisodwa kuphela isilwane esingazange sihlanganyele nezinye. UMpisi wayedlala odakeni eduze komfula. Ngizoya emhlanganweni ekuhambeni kwesikhathi, kuzicabangela yena, ngijabule kakhulu lapha.

Ngaleso sikhathi, uNkosi uBhubesi wayekhuluma nazo zonke ezinye izilwane.

'Kumele siqiniseke ukuthi kunokudla okwanele kwawo wonke umuntu. Ngike ngacabanga ngakho kanye nokuthi kuzosebenza kanjani lokhu. Ngenxa yokuthi ngiyinkosi, ngizodla inyama entsha. Bese abazala bami, uNgwe noNgulule, nabo bazodla inyama futhi.'

'UJakalase kanye nezinye izilwane ezincane zingadla **izinsalela** zenyama esiyishiyayo bese bonke abanye bedla izitshalo. Ndlulamithi, uwena omude kunazo zonke izilwane ungadla amaqabunga kuzo zonke izihlahla zethu ezinde. ZiNdlovu, nibakhulu kunazo zonke izilwane ngakho-ke ningadla izithelo ezivuthiwe ezisesihlahleni.'

'Bhejane, unamahloni kakhulu, ngakho-ke ungadla amaqabunga asezihlahleni ocasha kuzo. Mvubu nawe Nkonkoni, nobabili ningadla utshani obude, obumnandi kodwa uNkonkoni uzodla emini bese uMvubu edla ebusuku. MaDube kanye nani ziMpala, ningadla utshani obufushane ababushiya ngemuva.'

Zajabula zonke izilwane. Ngeke sisaphinde silwe.

Imambana ewuMpisi yayisadlala odakeni. Ngesikhathi ifika emadwaleni amakhulu, uNkosi uBhubesi yayihlukanise konke ukudla futhi ezinye izilwane zase zigodukile.

'Ngiyaxolisa kakhulu, Nkosi enkulu uBhubesi,' kusho yena. 'Ngicela ungitshele ukuthi yini engingayidla uma kungenjalo ngizolamba.'

'Ufike ngemva kwendaba okusho ukuthi uzothola izinsalela. Ungakwazi **ukuhlafuna** amathambo asele lapho uJakalase nabangani bakhe sebeqedile.'

Kusukela ngalolo suku kuqhubekela phambili uMpisi ubizwa ngokuthi uMnumzane uMathambo ngezinye izilwane.

## ULWAZIMAGAMA

**ingxabano** – ukulwa ngendlela enomsindo

**izinsalela** – izingcezu ezincane zokudla ezisele ngemva kokuqeda ukudla

**ukuhlafuna** – ukuluma nokugaya ukudla phakathi kwamazinyo akho ukuze kube lula ukugwinya

# UMSOMBULUKO

## UMHLANGANO WASEKUSENI — Izindaba

**Imiz. 15**




**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**
- Sebenzisa *uhlaka o*luthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.

## INDABA EFUNDWA NGOKUZWAKALAYO — *UMnumzane Mathambo*

**I-NT ikh. 63**
**Imiz. 15**



**Ngaphambi kokufunda**
- Bonisa isithombe seMpisi ekhasini lama-23 leNcwadi eNkulu. Ucabanga ukuthi zidlani izimpisi?

**Funda indaba ngokuzwakalayo, ukhombisa imizwa**
- Ungaphazamisi ukufunda ukuze uchaze noma ubuze imibuzo.

**Ngemva kokufunda**
- Abafundi basho lokho abakuthandile ngendaba noma lokho ababezibuza ngakho.
- Chaza kafushane ulwazimagama olugqanyisiwe
  - Uma unesikhathi, buza ukuthi:
  - Ubani ovunyelwe ukudla inyama entsha? Ngobani?
  - Ucabanga ukuthi uNkosi uBhubesi wakwazi ukuyekisa izilwane ukuthi zilwe? Kanjani?

## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP — Ngaphakathi komzimba wami

**NN ikh. 29**
**Imiz. 15**




**Ulwazi lokuqala**
- Cela abafundi ukuthi bakutshele ukuthi bacabanga ukuthi banani emizimbeni yabo.

**Funda ikhasi**
- Usebenzisa iNcwadi eNkulu, funda ilebula ngalinye bese uchaza injongo yelunga lomzimba.

**Xoxa ngekhasi**
- Funda amalebula futhi. Kulokhu, cela abafundi ukuthi bathinte lokho abacabanga ukuthi kusemizimbeni yabo.
- Bheka imibono eNcwadini eNkulu ukuze uchaze ukuthi kungani kubalulekile lokhu.

## IMISINDO — Umsindo Jj

**I-NF ikh. 45**
**Imiz. 15**




**Buyekeza imisindo**
- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Yethula imisindo**
- Lalela ukuze usho umsindo.
- Qaphela okwenziwa umlomo wakho.

**Hlonza amagama analeyo misindo**
- Abafundi bahlinzeka amagama engeziwe ngemisindo.

**Funda umusho**
- Fundani umusho ndawonye ngokunensa.
- Kokelezela umsindo omusha.



## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

**Ukunyakaza okukhulu**

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37




- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 49–52



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu A no-B**

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA UKUHLOLA KOKU-1

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Sebenzisa lo msebenzi wokuhlola oyisibonelo noma udizayine owakho.**

| | UBuciko bokuBonakalayo boku-1: Dweba izindaba zomndeni wakho (amamaki ayi-10) | Okwenziwayo | I-NT ikh. 89 |
| ULwesibili | LQ/QMQPP 2: Izingxenye zamalunga omzimba (amamaki ayi-10) | I-NT ikh. 135 | I-NT ikh. 90 |
| ULwesibili – ULwesithathu | UkuLalela nokuKhuluma kwesi-2: Khuluma ngomdwebo wakho (amamaki ama-5) | Ngomlomo | I-NT amakh. 91 no-93 |
| ULwesine | Ukufunda kwesi-2: Ukufunda Ngokuqondisisa (amamaki ama-5) | I-NT ikh. 136 | I-NT ikh. 115 |
| ULwesine | Ukubhala koku-1: Izindaba (amamaki ama-5) | Izincwadi Zokubhalela | I-NT ikh. 117 |

## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA (FQHT) NOKUSEBENZA NGOKUZIMELA (SZ)

Thatha amaqembu amabili e-FQHT usuku ngalunye imizuzu engu-15 ngalunye (imizuzu engama-30 ngayinye Yohlelo lokubuyisela isikhathi esilahlekile).

Nika umsebenzi ozimele ezingeni elifanele lamanye amaqembu, usebenzisa le mithombo:
- Imisebenzi yokusebenza ngokuzimela e-NF
- Izincwadi zokusebenza ze-DBE, iphosta yokuxhumana ye-DBE noma izinsiza zakho

## IZINSIZA ZEMISEBENZI

- amakhrayoni noma amakhrayoni ayipensela.
- izikhwama noma izitsha zezinhlamvu zamagama zesonto
- izinsiza ezidingekayo emisebenzini ekhethiwe yesiFundo sokuziVocavoca



# UFlorence Nightingale: Obulala Amagciwane



Cishe eminyakeni engama-200 eyedlule, intombazane igama layo linguFlorence Nightingale yayihlala ezweni elibizwa ngokuthi kuseNgilandi. Ngaleso sikhathi, amantombazane amaningi ayengayi esikoleni kodwa ubaba kaFlorence wayefuna ukuthi amadodakazi akhe afunde futhi wawafundisa isayensi kanye nomlando kanye nezibalo. UFlorence wayethanda ukusiza abantu abagulayo kanye nabahluphekayo emphakathini. Wayethatha obhasikidi bezithelo ezintsha, nemifino kanye nezinkwa azozishiyela imindeni egulayo.

Wabuza umama wakhe ukuthi kwakungani abanye abantu babegula, kodwa uma wakhe wayengazi. Babengabaningi abantu ababazi **ngamagciwane** ngalezo zikhathi. UFlorence wanquma ukuba unesi ukuze azame ukuthola kabanzi ngalokhu. Sasingekho isikole sonesi eNgilandi ngakho-ke, ngesikhathi eseneminyaka yobudala eyi-16, uFlorence waya eJalimane ukuze ayoqeqeshwa khona.

Yilapho afunda khona ngamagciwane okokuqala ngqa empilweni yakhe. Wafunda ukuthi amagciwane enza abantu bagule. Wafunda futhi ukuthi amagciwane athanda ukungcola.

Lapho esebuyele eNgilandi, waqala ukusebenza esibhedlela. Watshela abanye onesi ukuthi abagcine isibhedlela sihlanzeke ngokwedlulele, nokuthi bageze iziguli usuku ngalunye kanye bageze izandla zabo ngensipho enamanzi. Wayegcina futhi namafasitela esibhedlela evuliwe ukuze kungene umoya ohlanzekile. Zaya ngokuba ziningi iziguli ezaba ngcono.

Uhulumeni wezwa ngalo nesi owenza umsebenzi omuhle wase umcela ukuthi aye esibhedlela lapho okwakunamasosha amaningi **alimele**. Ngesikhathi efika lapho, wabona ukuthi kwakungcole yonke into - isibhedlela, iziguli kanye **namabhandishi** ayengcolile. Namanzi ayewaphuza imbala ayengahlanzekile. Kwakunamagciwane kuyo yonke indawo! Amasosha amsiza ukuthi ashukushe ehlanza yonke indawo ukusuka phezulu ukuya phansi. Wavula wonke amafasitela ukuze angenise umoya ohlanzekile. Bawasha zonke izingubo zokulala kanye namabhandishi emanzini ashisayo kanye nensipho. Waqinisekisa ukuthi amasosha ayephuza amanzi ahlanzekile nokuthi ayenokudla okusha angakudla. Njalo ebusuku wayezungeza esibhedlela ephethe ilambu ukuze abone ukuthi ngabe ayeba ngcono yini amasosha ayegula. Ayembiza ngeLeti eliphethe iLambu.

Ngemva kokubuya esibhedlela samasosha, waqala isikole sokuqeqesha amanesi eNgilandi ukuze afundise abanye onesi ukuthi balwe namagciwane. Namhlanje onesi emhlabeni, naseNingizimu Afrika imbala, banelambu elincane kumabheji abo ukuze bakhumbule uFlorence Nightingale kanye nokulwa kwakhe namagciwane.

## ULWAZIMAGAMA

**igciwane** – isilokazana (isidalwa) esincane ngokwedlulele (esincane kakhulu) esibangela izifo/ukugula

**alimele** – ukugqemeka ingozi noma ukuba nengozi

**namabhandishi** – iziqephu zendwangu zokubhandisha ukusikeka noma isilonda

# UMSOMBULUKO



## UMHLANGANO WASEKUSENI

**Izindaba**

**Imiz. 15**




### Lungiselela

- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

### Cabanga

- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

### Abangababili

- Sebenzisa *uhlaka o*luthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

### Yabelana

- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.



## UKUHLOLA UKULALELA NOKUKHULUMA KOKU-1

***UFlorence Nightingale: Obulala Amagciwane***

**I-NT ikh. 134**

**Imiz. 15**




**Sebenzisa lo msebenzi wokuhlola oyisibonelo noma udizayine owakho.**

- Funda umbuzo ngamunye kanye nempendulo okungaba yiyo nabafundi.
- Balinde ukuthi bakhethe impendulo (ngokuthula) ngaphambi kokuthi udlulele phambili.
- Embuzweni wokugcina, bazobhala u-1, ku-2 noma ku-3.
- Abafundi kumele basebenze ngokuzimela.

**Ukumaka:** Bheka ikhasi le-113
**Amamaki:** 5



## INDABA EFUNDWA NGOKUZWAKALAYO

***UFlorence Nightingale: Obulala Amagciwane***

**I-NT ikh. 87**

**Imiz. 15**

### Ngaphambi kokufunda

- Chaza ukuthi abafundi kumele balalele ngokucophelela ukuze benze ukuhlola kamuva.
- Buza ukuthi ngabe ukhona yini owake wezwa ngoFlorence Nightingale? Chaza ukuthi empeleni wayengu nesi odumile.

**Funda indaba ngokuzwakalayo bese uchaza ulwazimagama.**



## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP

**Ukuzigcina uphephile emagciwaneni**

**NN ikh. 36**

**Imiz. 30**




### Ulwazi lokuqala

- Ubani okhumbula ukugqoka isifonyo? Kungani kwakumele wenze lokho?

### Funda ikhasi

- Funda imisho bese uxoxa ngezithombe.
- Yini enye esingayenza ukuze sihlale siphilile?



## IMISINDO

**Umsindo Ss**

**I-NF ikh. 62**

**Imiz. 15**




### Buyekeza imisindo

- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

### Yethula umsindo omusha

- Lalela futhi usho umsindo omusha.
- Qaphela okwenziwa umlomo wakho.

### Khomba amagama analowo msindo

- Abafundi bangahlinzeka amagama engeziwe ngomsindo.

### Funda umusho

- Fundani umusho ndawonye ngokunensa.
- Kokelezela umsindo omusha.

## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA — Ukunyakaza okukhulu

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37




- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.

## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 65–68



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu A no-B

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.

## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA — Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Lungiselela**

- Khetha imisebenzi emine ehlukene evela ekhasini loku-1 lesonto.
- Beka noma yiziphi izinsiza ozidingayo.
- Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu amane esonto.

**Yethula iziteshi zomsebenzi**

- Bonisa izinsiza bese uchaza imisebenzi emine.
- Cela abafundi abazethembayo ukuthi bakhombise imisebenzi.

**Umsebenzi wekilasi lonke**

- Uma unesikhathi, dlala umdlalo onjengokunqaka, ushumpu, umacashelana.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO UKUHLOLA KOKU-1 — Izindaba zomndeni

Imiz. 15



**Sebenzisa lo msebenzi wokuhlola oyisibonelo noma udizayine owakho.**

**Abafundi badweba bese befaka umbala ezindabeni zomndeni wabo/ umsebenzi womndeni.**

- Yabelana nabo okudingekayo ngaphambi kwesikhathi (bheka ikhasi le-119).
- Bakhuthaze ukuthi bafake imininingwane nokuthi basebenzise ikhasi eligcwele.

**Ukumaka:** Bheka ikhasi le-119
**Amamaki:** 5

# ULWESIBILI

## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?

## UKUHLOLA KOLWAZI LOKUQALA KANYE NE-QMQPP KWESI-2

**Izingxenye zomzimba**

I-NT ikh. 135

Imiz. 15

**Sebenzisa lo msebenzi wokuhlola oyisibonelo noma udizayine owakho.**

- Kopisha leli khasi ku-NT. Yenza ikhophi yawo wonke umfundi.
- Funda amagama nabafundi bese uchaza umsebenzi.
- Abafundi baqedela iphepha lokusebenzela ngamunye.

**Ukumaka:** Bheka ikhasi le-118
**Amamaki:** 10




## IMISINDO

*Yakha amagama*

Imiz. 15

**Lungiselela**

- Nika amakhadi ezinhlamvu zamagama esonto.
- Abafundi basika bakhiphe amakhadi ezinhlamvu zamagama.
- Bonisa amakhadi afanayo othisha ngokungahleliwe ebhodini.

**Yakhani amagama ndawonye**

itafula utamatisi umata

isitulo sala iso

- Bizela umfundi ebhodini ngokuphathelene negama ngalinye.
- Yisho igama ngokuzwakalayo. Buza ukuthi: Uyini umsindo wokuqala? Ngakho, ngabe yiluphi uhlamvu lwegama lokuqala? Njalo njalo.
- Vumela umfundi ukuthi athole amakhadi ezinhlamvu zamagama bese ewabeka endaweni efanele.
- Abanye abafundi bazama ukukopisha igama ngamakhadi abo.

**Faka izinhlamvu zamagama esitsheni/esikhwameni ukuze uzisebenzise futhi**

| | | |
|---|---|---|
| a | l | i |
| f | a | m |
| i | u | t |
| s | o | t |

## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

*Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela*

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37



- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Abafundi bazijwayeza ukubhala uhlamvu lwegama ezincwadini.
- Zungeza futhi usize abafundi. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.

## UKUFUNDA NGOKWABELANA (1)

*UBusi no-Gogo*

I-NN amakh. 37–40

Imiz. 15




**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi UBusi kanye noGogo.
- Buza umbuzo **woSuku loku-1** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: amagciwane, isifonyo, insipho, okusha, ukugula**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

**I-NF amakh. 65–68**



**Imiz. 30**



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu C no-D**

**I-HNF amakh. 24–27**



**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

> Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

**Imiz. 30**

**I-HNF amakh. 51–52**



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Iqembu ngalinye lenza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UKUHLOLA UKULALELA NOKUKHULUMA KWESI-2

**Imiz. 15**

**Sebenzisa lo msebenzi wokuhlola oyisibonelo noma udizayine owakho.**

- Yenza ikilasi ukuthi lizinze ukuze lenze amakhasi okuSebenza ngokuZimela noma lidwebe.
- Biza abafundi oyedwa ngesikhathi ukuze bakhombise imidwebo yabo yezindaba zemindeni yabo.
- Babuze imibuzo emi-2–3 yale mibuzo mayelana nemidwebo yabo:
  - Ubani osesithombeni?
  - Ngabe uneminyaka emingaki ...?
  - Ngabe wenzani?
  - Ngabe yini eyokuqala oyenzile?
  - Ngabe kwenzeka kuphi lokhu?
- Hlola uhhafu wekilasi namhlanje.



**Ukumaka:** Bheka ikhasi le-113
**Amamaki:** 5

# ULWESITHATHU

## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?

## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA — Cula/yisho

Imiz. 15

**Fundisa umlolozelo wezinombolo**

- Xhumanisa umlolozelo nendikimba yaleli sonto.
- Abafundi bahlanganyela lapho bengakwazi khona.

**Amadoda ayikhekhe likajinja amahlanu.**
Amadoda ayikhekhe likajinja amahlanu amancane alele ethreyini,
Eyodwa yagxuma yase iyabaleka.
Imemeza ithi, "Ngibambe, ngibambe, ngibambe uma ungakwazi ...
Ngigijima kakhulu, ngiyindoda eyikhekhe likajinja!"

***Amane amancane, ... amathathu amancane, ... amabili amancane, ... eyodwa encane, ...***
Awasekho amadoda ayikhekhe likajinja alele ethreyini,
Agxuma onke abaleka.
Ewu, ngifisa sengathi ngabe ahlala nami ukuze sidlale.
Ngokuzayo ngizowadla ngaphambi kokuthi abaleke.

## IMISINDO — Umsindo Tt

I-NF ikh. 66

Imiz. 15

**Buyekeza imisindo**

- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Yethula umsindo omusha**

- Lalela futhi usho umsindo omusha.
- Qaphela okwenziwa umlomo wakho.

**Khomba amagama analowo msindo**

- Abafundi bangahlinzeka amagama engeziwe ngomsindo.

**Funda umusho**

- Fundani umusho ndawonye ngokunensa.
- Kokelezela umsindo omusha.




## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA — Ukunyakaza okukhulu

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37

- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.



## UKUFUNDA NGOKUHLANYELA (2) — *UBusi no-Gogo*

I-NN amakh. 37–40

Imiz. 15

**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi UBusi kanye noGogo.
- Buza umbuzo **woSuku lwesi-2** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: amagciwane, isifonyo, insipho, okusha, ukugula**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.





## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

**I-NT amakh. 65–68**



**Imiz. 30**



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu E no-A**

**I-HNF amakh. 24–27**



**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

**Ukufunda okwesibili**

- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

**Imiz. 30**

**I-HNF amakh. 51–52**



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.



## UKUHLOLA UKULALELA NOKUKHULUMA KWESI-2

**Imiz. 15**



**Sebenzisa lo msebenzi wokuhlola oyisibonelo noma udizayine owakho.**

- Yenza ikilasi ukuthi lizinze ukuze lenze amakhasi okuSebenza ngokuZimela noma lidwebe.
- Biza abafundi ukuze baphendule imibuzo emi-2–3 yale mibuzo emayelana nemidwebo yabo yezindaba zemindeni yabo:
  - Ubani osesithombeni?
  - Ngabe uneminyaka emingaki ...?
  - Ngabe wenzani?
  - Ngabe yini eyokuqala oyenzile?
  - Ngabe kwenzeka kuphi lokhu?
- Qedela ukuhlola namuhla.

**Ukumaka:** Bheka ikhasi le-113
**Amamaki:** 5

# ULWESINE

## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?

## IMISINDO *Ukwakha amagama ngokuzimela*

Imiz. 15

**Ukubizwa ngamagama kwezinhlamvu zamagama kusetshenziswa amakhadi**

- Abafundi basakaza amakhadi ezinhlamvu zamagama edeskini.
- Uthisha usho umsindo.
- Abafundi baphakamisa ikhadi elihambisana nohlamvu lwegama.

**Ukwakha amagama ngokuzimela**

- Yisho igama elivela esifundweni sokwakha amagama sangoLwesibili.
- Siza ikilasi ukuthi libone futhi libale imisindo esegameni.
- Abafundi bakha amagama ngamakhadi abo.
- Bheka (umfundi oyedwa ubhala igama ebhodini).
- Yenza lokhu ngamanye amagama amathathu noma amaningi.

**itafula**
**utamatisi**
**umata**
**isitulo**
**sala**
**iso**

## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA *Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela*

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37



- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Abafundi bazijwayeza ukubhala uhlamvu lwegama ezincwadini.
- Zungeza futhi usize abafundi. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.

## UKUFUNDA NGOKUHLANYELA (3) *UBusi no-Gogo*

I-NN amakh. 37–40

Imiz. 15

**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi UBusi kanye noGogo.
- Buza umbuzo **woSuku loku-3** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: amagciwane, isifonyo, insipho, okusha, ukugula**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.
- Beka amaflashikhadi oDongeni lwamaGama.


UBusi kanye noGogo

UGogo unomphimbo obuhlungu. Ube esefinya. Utshela uBusi ukuthi akahlange ngaphandle.

37

## UKUHLOLA UKUFUNDA (2) UBusi no-Gogo

I-NT ikh. 136

Imiz. 15

**Sebenzisa lo msebenzi wokuhlola oyisibonelo noma udizayine owakho.**

- Funda indaba kaBusi noGogo futhi (I-NN amakhasi 37–40).
- Kopisha i-NT ikhasi le-136 bese unikeza umfundi ngamunye ikhophi.
- Fundela abafundi umbuzo ngamunye ngesikhathi.
- Abafundi kufanele baphendule imibuzo ekhasini.

**Ukumaka:** Bheka ikhasi le-115
**Amamaki:** 5


IGAMA ______ USUKU ______

Beka isiphambano (X) eceleni kwempendulo efanele.

1 Ubekuphi uGogo?

2 UBusi wamtshela ukuthini uGogo?

3 Wayeqqokeni uBusi?

4 Kwakukhona ini kubhasikidi?

5 Ubani owayefuna ukwanga uGogo?

136 Isonto lesi-8 • ULwesine

UKUHLOLA ISIFUNDO SOKUQONDISISA KWESI-2



## UKUHLOLWA KOKUBHALA KAHLE NGESANDLA 1 | Izindaba

Imiz. 15



**Sebenzisa lo msebenzi wokuhlola oyisibonelo noma udizayine owakho.**

**Buyekeza**
- Phinda imibuzo ebalulekile yokubhala izindaba: nini, ubani, kuphi, kwenzekeni?
- Buyekeza izimpawu zokuloba zomusho.

**Cabanga bese ubhala**
- Abafundi bacabanga ngokuthi bazobhala ngani.
- Babhala okungenani umusho owodwa wezindaba.

**Ukumaka:** Bheka ikhasi le-117
**Amamaki:** 5



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 65–68



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA | Amaqembu B no-C

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA | Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UBUCIKO BOKWENZA | Amakhwaya amancane

Imiz. 30



**Amaqembu enza amakhwaya amancane bese ezijwayeza ukucula iculo.**
- Emaqenjini, abafundi bakhetha ingoma noma iculo abalazi bonke.
- Banquma ukuthi bazocula kuyiphi indawo eculweni kakhulu kanye naphansi.
- Banganquma futhi ukuthi ngabe amalungu eqembu angaba nezingxenye zokucula ngamunye.
- Bazijwayeza ukwenza lokhu uze ubabize ukuthi babuye.

**Yiba nefestivali yamakhwaya encane.**
- Lalela iculo leqembu ngalinye.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## ULWESIHLANU



### UMHLANGANO WASEKUSENI — Izindaba

**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**
- Sebenzisa *uhlaka o*luthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.

Imiz. 15






### UKULALELA NOKUKHULUMA — Buyekeza isonto

**Halalisela abafundi ngokusebenza kwabo kanzima kuleli sonto**
- Chaza ukuthi uzomaka wonke umsebenzi wabo.
- Uma ubona ukuthi bekukhona obekuthola kunzima ukwenza lokhu, uzobasiza ngokwengeziwe.

**Vumela abafundi ukuthi babuyekeze isonto**
- Cela abafundi ukuthi basho imisebenzi abayithandayo evela kuleli sonto.
- Futhi, bavumele ukuthi basho ukuthi yimiphi imisebenzi abangazange bayithande nokuthi kungani.

Imiz. 15





### IMISINDO — Umdlalo wesibungu wezinhlamvu zamagama

**Ngababili**
- Phonsa idayisi noma ukhombe izinombolo uvale amehlo.
- Hambisa into yokubala yaleyo nombolo yezikhala.
- Funda igama.
- Phinda.

I-NF ikh. 64

Imiz. 15






### UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NF amakh. 65–68



### UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu D no-E

**Ukufunda okwesibili**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.



## UKUHLOLA NOMBIKO

Imiz. 15



**Cabanga ngesonto**

- Yini oyithandile ngamasonto akho okuqala esikoleni?
- Yini ongayijabulelanga?

**Hlola ukuSebenza ngokuZimela komfundi**

- Nikeza umbiko futhi ufundise kabusha uma kudingeka.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## UKUBUKEZA KUKATHISHA KWAMASONTO ONKE

**Kuleli sonto, ngenze lokhu okulandelayo:**

- **ngithathe izi-NF** ngase ngiphawula ngokuphathelene nokuBhala
- **ngihlole futhi ngalungisa amanye amakhasi ezi-NF** futhi ngahlonza izindawo ezikhathazayo noma abafundi abathile abadinga usizo olwengeziwe
- **ngibhekisele emuva Ekubukeni Isonto Ngeso Elibanzi** futhi ngahlonza nanoma yisiphi isifundo engingakwazanga ukusiphothula
- **ngiskene i-lap book yami** futhi ngaphawula nganoma yibaphi abafundi abadinga isikhathi esengeziwe sokufundisa umuntu ngamunye noma ukuzijwayeza ukufunda komuntu ngamunye nami ngesonto elizayo.

**Ngihlelele isikhathi ngesonto elizayo ngokuphathelene nalokhu:**

- **noma yikuphi ukuzama ukufika lapho kumele isifundo sibe khona** noma imbuyisambiko jikelele edingekayo.
- **ngamunye,** ukufundisa umuntu ngamunye, isb. uma ikilasi limatasatasa ngokuthile, noma ekuseni kakhulu.

**Sengilangazelela isonto elizayo** ukuqinisekisa ukuthi ngikulungele futhi nginakho konke engikudingayo ukuze ngiqale isonto.



# Ukuzigcina uphephile kwabanye

## UKULUNGISELELA

**Amaflashikhadi**

| | | |
|---|---|---|
| wemukelekile | ukugconwa | isiqhwaga |
| ukungabi namusa | -dudulwa | |

## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA (FQHT) NOKUSEBENZA NGOKUZIMELA (SZ)

Thatha amaqembu amabili e-FQHT usuku ngalunye imizuzu engu-15 ngalunye (imizuzu engama-30 ngayinye Yohlelo lokubuyisela isikhathi esilahlekile).

Nika umsebenzi ozimele ezingeni elifanele lamanye amaqembu, usebenzisa le mithombo:

- Imisebenzi yokusebenza ngokuzimela e-NF
- Izincwadi zokusebenza ze-DBE, iphosta yokuxhumana ye-DBE noma izinsiza zakho

## IZINSIZA ZEMISEBENZI

- iphepha elingu-A4 noma ikhadibhodi lemisebenzi emi-2
- amakhrayoni, opende noma ama-koki
- izikhwama noma izitsha zezinhlamvu zamagama zesonto
- izinsiza ezidingekayo emisebenzini ekhethiwe yesiFundo sokuziVocavoca



# UKiki




Endaweni ekude kakhulu, kwakuhlala **ama-alien** anobungani. Ayenezikhumba eziluhlaza okotshani kanye nezinwele eziluhlaza okwesibhakabhaka. Futhi ayenamachashaza ansomi ezikhunjeni zawo!

Vala amehlo akho bese ucabanga ukuthi ayebukeka kanjani. Ngabe ungathanda ukubona isithombe seyodwa? Ngabe **ayafana** nalokho okucabangile? (Bonisa indaba yeNcwadi eNkulu ekhasini lama-42.)

Empeleni, njengawe, lawa ma-alien kwakumele aye esikoleni. Kwakumele afunde ukwazi ukufunda nokubhala kanye nokubala. Ngolunye usuku uthisha wabo, uMnumzane Magagula, wamemezela, 'Kunengane entsha ekilasini lethu namuhla. Sidinga ukuyenza izizwe imukelekile. Igama layo nguKiki.'

UKiki wangena enamahloni. Wayebukeka ehluke kancane kwezinye izingane. Wayenamachofoza aphinki esikhundleni sansomi. Izingane ezimbalwa zahleka lapho zimbona. (Ngabe bekukhombisa umusa lokho?)

Ngesikhathi sekhefu, abanye abafana abadala bathatha amashibusi kaKiki kanye nejusi yakhe base beyabaleka. UKiki waqala ukukhala. Amantombazane **amgcona** futhi ambiza ngokuthi Uyisitetemi, Isiwula Esinamachofoza Aphinki.

Lapho efika ekhaya, unina waqaphela ukuthi wayengamamathekile. Wambuza, 'We Kiki, ngabe kukhona okwenzeke esikoleni? Ungangitshela ngaso sonke isikhathi uma kukhona okwenzekile.'

UKiki watshela umama wakhe ukuthi kwakwenzekeni. Umama wakhe wathi, 'Uma izingane zilimaza imizwa yakho noma zikuphatha kabi ngenhloso, kubizwa ngokuthi ubuqhwaga. Akekho okufanele ahlukunyezwe yiziqhwaga. Kufanele utshele uMnumzane Magagula. Futhi ungesabi ukuthi, "Cha. Ungakwenzi lokho" ngezwi elikhulu uma othile ekuhlukumeza njengesiqhwaga.'

Ngakusasa, uKiki watshela uMnumzane Magagula okwenzekile. Wakhuluma nekilasi. 'Ngidumele kakhulu ngokuzwa ngokulimazwa kwemizwa kaKiki izolo,' kusho yena. 'Lokho kuwukuhlukumezwa yiziqhwaga. Angizithandi iziqhwaga. Sonke siyikilasi elilodwa, noma ngabe sinamachofoza aphinki noma ansomi!'

Ekuphumuleni ngalolo suku, uKiki waphumela ngaphandle ezethemba. Lapho umfana omdala eza kuye, washo ngokuzwakalayo, 'Cha, lesi yisidlo sami sasemini.' Wabe esenezela, 'Kodwa ungathatha ishibusi uma uthanda.' Wamnikeza ishibusi.

## ULWAZIMAGAMA

**ama-alien** – izidalwa ezicatshangelwayo ezivela komunye umhlaba

**efanayo** – icishe ifane

**wagcona** – ukuhleka umuntu ukuze umcasule

# UMSOMBULUKO

## UMHLANGANO WASEKUSENI — Izindaba

**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**
- Sebenzisa *uhlaka o*luthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.

Imiz. 15




## INDABA EFUNDWA NGOKUZWAKALAYO — *UKiki*

**Ngaphambi kokufunda**
- Ngabe uyazi ukuthi iyini i-alien? Yisidalwa esicatshangelwayo (hhayi esingokoqobo) esingahlali emhlabeni. Indaba yethu namuhla imayelana nama-alien.

**Funda indaba ngokuzwakalayo, ukhombisa imizwa**
- Ungaphazamisi ukufunda ukuze uchaze noma ubuze imibuzo.

**Ngemva kokufunda**
- Abafundi basho lokho abakuthandile ngendaba noma lokho ababezibuza ngakho.
- Chaza kafushane ulwazimagama olugqanyisiwe
- Uma unesikhathi, buza ukuthi:
  - Ngabe bekukhona ukuhlukunyezwa yiziqhwaga endabeni?
  - Ubani owahlukunyezwa yiziqhwaga?
  - Zazingobani lezi ziqhwaga?

I-NT ikh. 99
Imiz. 15



## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP — Imithetho yekilasi mayelana nokuhlukunyezwa yiziqhwaga

**Ingxoxo yekilasi: Ngabe kuyini ukuhlukunyezwa yiziqhwaga?**
- Xoxani ngokuthi 'ukuhlukumeza kweziqhwaga' kusho ukuthini nokuthi kubukeka kanjani.
- Khuluma ngezinhlobo ezahlukene zokuhlukunyezwa yiziqhwaga: ngokomzimba, ngamazwi, ngokuhlobana.
- Ukuhlukunyezwa yiziqhwa kwenza abantu bazizwe kanjani?

**Fundani futhi uxoxe ngekhasi**
- Fundani imithetho ndawonye.
- Phinda ugcizelele ukubaluleka kwemithetho yokugcina abantu beyigcina.
- Khuluma ngalokho okwenzekayo uma wephula umthetho.

I-NN amakh. 41–45
Imiz. 15




## IMISINDO — Buyekeza imisindo

- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.
- Qedela ikhasi le-NF
  - Bheka isithombe.
  - Yisho igama ekhanda lakho.
  - Ngabe uthini umsindo wohlamvu lwegama lokuqala?
  - Bhala usonhlamvukazi kanye nezinhlamvu zamagama ezincane.
  - Make sihlole.

I-NF ikh. 69
Imiz. 15





## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

**Ukunyakaza okukhulu**

- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37





## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NF amakh. 73–76





## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

**Amaqembu A no-B**

**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

**Iziteshi zomsebenzi**

**Lungiselela**

- Khetha imisebenzi emine ehlukene evela ekhasini loku-1 lesonto.
- Beka noma yiziphi izinsiza ozidingayo.
- Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu amane esonto.

**Yethula iziteshi zomsebenzi**

- Bonisa izinsiza bese uchaza imisebenzi emine.
- Cela abafundi abazethembayo ukuthi bakhombise imisebenzi.

**Umsebenzi wekilasi lonke**

- Uma unesikhathi, dlala umdlalo onjengokunqaka, ushumpu, umacashelana.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52





## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO

**Yenza imbali yobungani**

**Khipha iphepha, amakhrayoni.**

**Xoxa**

- Ngabe benzani abangani? Bhala amagama ebhodini, isibonelo, siza abanye, ube nomusa, udlale ndawonye, wabelane, uthande, umamatheke, uxolise.

**Yenza imbali yobungani**

- Dweba imbali enamacembe amane. Qiniseka ukuthi amacembe makhulu ngokwanele ukuthi ungabhala amagama futhi uwafake imibala.
- Khetha amagama amane ebhodini. Wabhale emacembeni.
- Faka umbala bese usika ukhiphe imbali yakho.

**Yenza umbukiso wengadi yobungani**

- Abafundi 'batshala' izimbali zabo zobungani embukisweni weNgadi yobuNgani.

Imiz. 30



# ULWESIBILI



## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?



## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA Ingxoxo

Imiz. 15

**Chaza futhi ubonise ingxoxo**
- Ingxoxo iyingxoxo phakathi kwabantu ababili, u-A no-B.
- Bhala iziqalo zengxoxo ebhodini. Ukufunda ndawonye.
- Lapho bebona khona amachashaza nalapho bedinga khona ukugcwalisa imininingwane.

**Ngababili**
- Abafundi banquma ukuthi ubani ongu-A nokuthi ubani ongu-B.
- Kumele basebenzise iziqalo zengxoxo ukuze benze ingxoxo mayelana nezimo obanikeza zona, isibonelo:
  - wabiza umfana ngegama elingathandeki
  - utshele intombazane ukuthi iyisiphukuphuku
  - ubengavumi ukuthi othile ajoyine umdlalo
  - wagcona umfana ngezingubo zakhe
  - wadudula umfana owayesemgqeni
  - wathatha amashibusi othile






## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP Ukuxazulula izinkinga

I-NT ikh. 70
Imiz. 15

**Bheka izithombe**
- Funda lokho okushiwo yizingane.

**Xoxani ngezithombe**
- Ngabe indaba ingaba kanjani nomphumela omuhle?
- Ngabe yini umuntu angayisho ukuze axazulule inkinga?






## IMISINDO Yakha amagama

Imiz. 15

**Lungiselela**
- Nika amakhadi ezinhlamvu zamagama esonto.
- Abafundi basika bakhiphe amakhadi ezinhlamvu zamagama.
- Bonisa amakhadi afanayo othisha ngokungahleliwe ebhodini.

**Yakhani amagama ndawonye**

ikati ubisi ikama

ujusi uju ijuba

- Bizela umfundi ebhodini ngokuphathelene negama ngalinye.
- Yisho igama ngokuzwakalayo.

Buza ukuthi: Uyini umsindo wokuqala? Ngakho, ngabe yiluphi uhlamvu lwegama lokuqala? Njalo njalo.
- Vumela umfundi ukuthi athole amakhadi ezinhlamvu zamagama bese ewabeka endaweni efanele.
- Abanye abafundi bazama ukukopisha igama ngamakhadi abo.

**Faka izinhlamvu zamagama esitsheni/esikhwameni ukuze uzisebenzise futhi**

| | | |
|---|---|---|
| t | k | i |
| j | b | a |
| s | m | i |
| a | u | u |



## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37

- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Abafundi bazijwayeza ukubhala uhlamvu lwegama ezincwadini.
- Zungeza futhi usize abafundi. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.



## UKUFUNDA NGOKWABELANA (1) *UKiki*

**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi UKiki.
- Buza umbuzo **woSuku loku-1** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: -mukelekile, wagconwa, wadudulwa, ubuqhwaga, angenabungani**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.

**I-NN amakh. 42–45**
**Imiz. 15**




## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

**I-NF amakh. 73–76**



**Imiz. 30**

## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA  Amaqembu C no-D

**Ukufunda kokuqala**

- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.

**I-HNF amakh. 24–27**



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA  Iziteshi zomsebenzi

**Imiz. 30**
**I-HNF amakh. 51–52**

**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Iqembu ngalinye lenza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO  Dweba i-alien enobungani

**Imiz. 30**

**Khipha iphepha, amapensela, amakhrayoni/ama-koki**

**Vala amehlo bese ucabanga nge-alien enobungani**

- Khuthaza abafundi ukuthi babe nobuciko futhi benze abangajwayele ukukwenza.
- I-alien inamehlo, izingalo, imilenze emingaki? Linamiphi imibala?

**Abafundi badweba ama-alien abo**

- Abafundi kufanele bagcine imidwebo yabo yomsebenzi wokubhala ngokuhamba kwesikhathi esontweni.

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.



# ULWESITHATHU



## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?



## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP — Imithetho ye-PANTS

Imiz. 15




**Kusho ukuthini uma okuthile kungokwangasese?**

- Ezinye izingxenye zomzimba wethu ziyizitho zangasese – zingezethu kuphela.

**Xoxa**

- **Izitho zomzimba zangasese.** Izingubo zakho zangaphansi zimboza izitho zakho zomzimba zangasese.
- **Khumbula njalo ukuthi umzimba wakho ungowakho.** Akekho okufanele akwenze wenze izinto ezenza ungazizwa kahle.
- **Ukuthi cha kusho ukuthi cha.** Ungenqaba kunoma ubani – ilungu lomndeni, umuntu omthandayo noma umuntu ongamazi.
- **Khuluma ngezimfihlo ezimbi.** Uma imfihlo ikwenza uzizwe udabukile noma ukhathazekile, tshela othile.
- **Khuluma.** Tshela umuntu omdala (umama, ilungu lomndeni, uthisha noma omunye umuntu omdala). Noma ucingo lwe-Childline (08000 55555 – mahhala).



## IMISINDO — Ukubukeza

I-NF ikh. 71
Imiz. 15




**Buyekeza imisindo**

- Bonisa ngokushesha okukhulu, bonisa amanye amaflashikhadi ezinhlamvu zamagama esezivele zifundisiwe. Abafundi basho imisindo.

**Qedela ikhasi le-NF**

- Siyini lesi sithombe?
- Yimuphi umsindo owuzwayo ekuqaleni kwegama?
- Bhala amagama.



## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA — Ukunyakaza okukhulu

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37



- Cula noma udlale ingoma ephathelene nohlamvu lwegama.
- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Siza abafundi ukuthi bachaze ukunyakaza kwabo ngesikhathi benza lokhu.

Yithi **Sawubona** ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## UKUFUNDA NGOKUHLANYELA (2) — UKiki

I-NN amakh. 42–45
Imiz. 15




**Funda eNcwadini eNkulu**

- Fundela ikilasi uKiki.
- Buza umbuzo **woSuku lwesi-2** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: -mukelekile, wagconwa, wadudulwa, ubuqhwaga, angenabungani**

- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.



## UKUBHALA NGOKUHLANGANYELA

Imiz. 15

**Lungiselela uhlaka lokubhala**
- Bhala imibuzo ebhodini.
- Yithi: Ake senze sengathi i-alien enobungane ibivakashele ikilasi lethu. Sizobhala indaba emayelana nokuvakasha.

**Ukubhala ngokuhlanganyela**
- Cela imibono.
- Cela abafundi ukuthi bapele amagama afanele.

**Fundani indaba ngokuzwakalayo ndawonye**

<u>I-alien yethu enobungane</u>
Yayibukeka kanjani? (imilenze, izingalo, isikhumba, amehlo, njll.)
I-alien yethu yayi ...
Kwakungubani igama layo?
Igama layo kwakungu ...
Sayimukela kanjani?
Ukuze yamukeleke sa (yibonisa isikole, sadlala nayo, sahlanganyela ukudla kwethu kwasemini, sayisa ekhaya lethu, sayifundisa amaculo ethu nokunye)



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 73–76



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA

Amaqembu E no-A

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda kokuqala (Iqembu E)**
- Yethula indaba.
- Funda indaba nabafundi. Yima ekugcineni kwekhasi ngalinye bese ubuza imibuzo.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

**Ukufunda okwesibili (Iqembu A)**
- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi.
- Balalele befunda. Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

MG pp. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.



## UBUCIKO BOKWENZA

Ukudlala indima: Yekisa ubuqhwaga

Imiz. 30



**Abafundi bazosebenza ngamaqembu abantu abathathu**
- Amaqembu kufanele axoxe ngesimo lapho othile ehlukunyezwa khona yiziqhwaga.
- Kumele baphakamise izindlela umuntu ngamunye kulaba abathathu angaqeda ngazo isimo sobuqhwaga.

**Dlala indima yomuntu ngamunye ekuqedeni ubuqhwaga**
- Amaqembu kumele anqume ukuthi ozolingisa isiqhwaga, umuntu ohlukunyezwa yisiqhwaga, kanye nesibukeli.
- Bazodlala indima yokuthi umuntu ngamunye angakuyekisa kanjani ukuhlukunyezwa yiziqhwaga.
- Khetha iqembu ozolenzela ikilasi kusasa.

# ULWESINE



## UMHLANGANO WASEKUSENI

Imiz. 15

- Irejista, ikhalenda, isimo sezulu
- Dlala umdlalo wamagama nabanye abafundi
- Ngabe umsindo ofanayo noma ohlukile?



## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA Cula/yisho

Imiz. 15

- Fundisa iculo kanye neminyakazo.
- Abafundi bahlanganyela lapho bengakwazi khona.

**Lapho sihlangana ngokwengeziwe**
Uma sihlangana ndawonye, ndawonye, ndawonye
Lapho sihlangana ngokwengeziwe,
Sizojabula ngokwengeziwe.
Ngoba umngani wakho ungumngani wami,
futhi umngani wami ungumngani wakho,
Lapho sihlangana ngokwengeziwe,
Sizojabula ngokwengeziwe.



## IMISINDO Ukwakha amagama ngokuzimela

Imiz. 15

**Ukubizwa ngamagama kwezinhlamvu zamagama kusetshenziswa amakhadi**
- Abafundi basakaza amakhadi ezinhlamvu zamagama edeskini.
- Uthisha usho umsindo.
- Abafundi baphakamisa ikhadi elihambisana nohlamvu lwegama.

**Ukwakha amagama ngokuzimela**
- Yisho igama elivela esifundweni sokwakha amagama sangoLwesibili.
- Siza ikilasi ukuthi libone futhi libale imisindo esegameni.
- Abafundi bakha amagama ngamakhadi abo.
- Bheka (umfundi oyedwa ubhala igama ebhodini).
- Yenza lokhu ngamanye amagama amathathu noma amaningi.

ikati
ubisi
ikama
ujusi
uju
ijuba



## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA Ukuzijwayeza ezincwadini zokubhalela

Imiz. 15

I-HNF amakh. 31–37



- Abafundi basebenzisa ukunyakaza okukhulu ukwakha uhlamvu lwamagama olufundiswa ngemisindo – emoyeni, phansi, nemidiya ehlukile (bheka iseluleko ku-HNF).
- Abafundi bazijwayeza ukubhala uhlamvu lwegama ezincwadini.
- Zungeza futhi usize abafundi. Qaphela ukubamba ipensela nokuma komzimba.



## UKUFUNDA NGOKUHLANYELA (3) *Kiki*

I-NN amakh. 42–45

Imiz. 15




**Funda eNcwadini eNkulu**
- Fundela ikilasi uKiki.
- Buza umbuzo **woSuku lwesi-3** ekhasini ngalinye.
- Phindani nifunde indaba ndawonye njengekilasi.

**Buyekeza amagama amaflashikhadi: -mukelekile, wagconwa, wadudulwa, ubuqhwaga, angenabungani**
- Phakamisa amaflashikhadi bese usho amagama ngokuzwakalayo kanye nabafundi.
- Qondanisa amaflashikhadi negama eliseNcwadini eNkulu.
- Beka amaflashikhadi oDongeni lwamaGama.



## UKUBHALA NGOKUZIMELA — I-alien yami enobungani

Imiz. 15



**Phinda ufunde indaba yokubhala ngohlanganyela mayelana ne-alien enobungani.**

- Abafundi babhala ngama-alien abo anobungani:
- Ubani igama layo?
- Ngizoyenza kanjani izizwe yemukelekile? (khuthaza abafundi ukuthi bacabange ngalokhu)



## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

I-NF amakh. 73–76



- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.



## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu B no-C

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27



**Ukufunda okwesibili**

- Ngababili, abafundi bafunda amanye amakhasi. Balalele befunda.
- Bhala phansi ukuphawula kwakho.
- Kuye ngezinga leqembu, gxila ekubhaleni komsindo wezinhlamvu zamagama, ukuhlukanisa nokuhlanganisa amagama noma ukukhuluma ngokunganqikazi.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.





## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA — Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**

- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**



## UBUCIKO BOKWENZA — Dlala indima

Imiz. 30



**Abafundi bethula ukudlala indima kwabo kokuxazulula izinkinga**

- Amaqembu ethula ukudlala kwawo indima (noma akhethe iqembu elilodwa noma amaningi ukuba enze kanjalo).
- Xoxani ngezixazululo ezahlukahlukene ezethulwa amaqembu. Buza ukuthi ngabe abafundi bayavumelana noma abavumelani yini nezixazululo.

**Bonga iqembu ngalinye futhi ulituse ngokuphathelene nokuxazulula izinkinga**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

# ULWESIHLANU



## UMHLANGANO WASEKUSENI — Izindaba

**Lungiselela**
- Nikeza abafundi isihloko abazoxoxa ngaso izindaba.

**Cabanga**
- Yiziphi izindaba ofuna ukwabelana ngazo ngalesi sihloko?

**Abangababili**
- Sebenzisa *uhlaka o*luthi Izindaba Zami ukuxoxela umlingani wakho.

**Yabelana**
- Khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane nekilasi.

Imiz. 15






## IMISINDO — Ukubizela

- Yisho igama ngalinye ngokunensa, kabili.
- Abafundi bayalalela bese bebhala igama ngalinye.
- Ngemva kwalokho, bhala amagama ebhodini ngenkathi ubonisa ukuthi ungawazwakalisa kanjani.
- Abafundi bayalungisa uma kunesidingo.

Imiz. 15

ikati
ubisi
ikama
ujusi
uju
ijuba



## UKUBHALA NGOKUZIMELA — Yabelana ngokubhalile

**Yabelana ngokubhalile**
- Abafundi bayashintshana ukuze bafundele ikilasi mayelana nama-alien abo.
- Iqembu ngalinye likhetha eliyithokozele kakhulu ukuze ifundelwe ikilasi.

**Umfundi oyedwa eqenjini ngalinye ufundela ikilasi**

Imiz. 15





## UKUSEBENZA NGOKUZIMELA

- Yabela umsebenzi wokusebenza ngokuzimela ezingeni elifanele leqembu ngalinye.
- Khumbuza abafundi ukuthi basebenze buthule bebodwa.
- Uma ikilasi selizinzile, bizela iqembu lokuqala kumata ukuze wenze FQHT.

I-NF amakh. 73–76





## UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKUHOLWA UTHISHA — Amaqembu D no-E

**Ukufunda okwesibili**
- Phindani nifunde indaba ngokuzwakalayo ndawonye.
- Abafundi bafunda ngababili.
- Balalele befunda.

Yithi Sawubona ku-060 017 0000 ngokuphathelene nemibuzo ongayibuza ngendaba.

Imiz. 30

I-HNF amakh. 24–27





## UKUHLOLA NOMBIKO

Imiz. 15



**Cabanga ngesonto**
- Yini oyithandile ngamasonto akho okuqala esikoleni?
- Yini ongayijabulelanga?

**Hlola ukuSebenza ngokuZimela komfundi**
- Nikeza umbiko futhi ufundise kabusha uma kudingeka.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA Iziteshi zomsebenzi

Imiz. 30

I-HNF amakh. 51–52



**Ukufudumeza umzimba**

**Iziteshi zomsebenzi**
- Thumela iqembu ngalinye esiteshini somsebenzi.
- Benza umsebenzi.
- Uthisha ubuka okwenzekayo bese eluleka.

**Ukupholisa umzimba**

Ohlelweni lokubuyisela emuva isikhathi, shintsha lesi sifundo ufake UkuFunda kweQembu okuHolwa uThisha, kuyilapho ikilasi lenza amakhasi avela encwadini yokusebenzela ye-DBE.

## UKUBUKEZA KUKATHISHA KWAMASONTO ONKE

**Kuleli sonto, ngenze lokhu okulandelayo:**
- **ngithathe izi-NF** ngase ngiphawula ngokuphathelene nokuBhala
- **ngihlole futhi ngalungisa amanye amakhasi ezi-NF** futhi ngahlonza izindawo ezikhathazayo noma abafundi abathile abadinga usizo olwengeziwe
- **ngibhekisele emuva Ekubukeni Isonto Ngeso Elibanzi** futhi ngahlonza nanoma yisiphi isifundo engingakwazanga ukusiphothula
- **ngiskene i-lap book yami** futhi ngaphawula nganoma yibaphi abafundi abadinga isikhathi esengeziwe sokufundisa umuntu ngamunye noma ukuzijwayeza ukufunda komuntu ngamunye nami ngesonto elizayo.

**Ngihlelele isikhathi ngesonto elizayo ngokuphathelene nalokhu:**
- **noma yikuphi ukuzama ukufika lapho kumele isifundo sibe khona** noma imbuyisambiko jikelele edingekayo.
- **ngamunye,** ukufundisa umuntu ngamunye, isb. uma ikilasi limatasatasa ngokuthile, noma ekuseni kakhulu.

**Sengilangazelela isonto elizayo** ukuqinisekisa ukuthi ngikulungele futhi nginakho konke engikudingayo ukuze ngiqale isonto.

# Ukuhlanganiswa nokubuyekeza

Leli yisonto lokubuyekeza ngakho alunalo uhlelo oluhleliwe lwansuku zonke. Iziphakamiso zemisebenzi yokubuyekeza engenziwa noma nini phakathi nesonto.

## UKULALELA KANYE NOKUKHULUMA

- Vumela abafundi ukuthi bakhethe indaba abangathanda ukuthi bayifunde futhi.
- Ngemva kwalokho, cela umfundi oyedwa noma ababili ukuthi baxoxe kabusha indaba.
- Abangababili: batshela umlingani wabo indaba abayithandayo.
- Huba imilolozelo noma izinkondlo ngamunye noma ngamaqembu amancane.
- Mema umuntu wasemphakathini ukuthi azovakasha bese exoxa ngezindlela abasiza ngayo umphakathi, isibonelo, unesi, umsizi wasemtatsheni wolwazi.



## UKUFUNDA

- Phinda ufunde izindaba ku-NN abafundi abaye bazijabulela ngokukhethekile kule themu.
- Shintshanani ngokudlala indima nabafundi abangaba ‘othisha’ ezindabeni ezehlukene.
- Ngamunye: funda izincwadi zasekhoneni lokufunda/ emtatsheni wolwazi.



## IMISINDO

- Phinda imisebenzi yokwakha amagama.
- Dlala futhi umdlalo wemisindo wangoLwesihlanu.
- Amaqembu: enza imisebenzi yokuhlela ngamagama amaflashikhadi, isibonelo: thola amagama ayishumi anezinhlamvu zamagama ezilinganayo; thola amagama amahlanu aqala ngo-B njalo njalo.
- Abangababili baphinde bafunde amagama emakhasini omsindo.
- Cula amaculo emisindo.
- Abafundi baqedela nanoma yimiphi imiSebenzi yokuZimela ku-NFS ebebengayiqedanga. Hlola ukuthi yenziwe kahle.
- Imisebenzi yomsindo encwadini yokusebenzela ye-DBE.



## UKUBHALA NGOKUHLANGANYELA

- Hlinzeka abafundi ngephepha lokudweba isithombe bese ubhala isihloko.
- Tshela abafundi ukuthi bazame ukuzwakalisa amagama angaziwa noma basebenzise amagama oDonga lwamaGama.





## ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP

- Abafundi benza noma yimaphi amakhasi angaqediwe encwadini yomsebenzi ye-DBE AmaKhono eMpilo. Eminye yemisebenzi idlulela ngale kwemisebenzi yepensela nephepha futhi ihlanganisa ukudweba, ukulingisa, ukwakha kanye nengxoxo.




## UBUCIKO BOKUBONAKALAYO

- Hlinzeka izinto zamakhrayoni, amakoki kanye namaphepha awubukhulu obehlukene noma imibala bese uvumela abafundi ukuthi bakhethe lokho abangathanda ukukudweba.
- Vumela abafundi babonise umsebenzi wabo eqenjini noma ekilasini futhi bachaze ukuthi bakhethe ukudweba ini.



## UBUCIKO BOKWENZA

- Amaqembu: buyekeza izinkondlo kaye nemilolozelo ehlinzekwe eSontweni 1–9. Khetha okukodwa abazozijwayeza kona bese bekwethula.



## ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA

- Yiba nosuku lwezemidlalo lapho amaqembu engancintisana khona enza imisebenzi evela kuthemu eyedlule.



## ISAMPULA YOHLELO LOKUHLOLA, ITHEMU YESI-2

**Kuhlinzekwe izibonelo zemisebenzi yokuhlola. Sebenzisa lokhu, noma uzakhele okwakho kokuhlola.**

| Ukuhlolwa kwemisebenzi yokuFunda: Ithemu yesi-2 | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | | | **Umsebenzi womfundi** | **Uhlelo lwesifundo** | **Irubhrikhi** |
| **Isonto lesi-6** | ULwesibili–ULwesihlanu | IsiFundo sokuZivocavoca soku-1: Inkambo yesithiyo (amamaki ama-5) | Okwenziwayo | I-NT amakh. 65, 67, 69, 71, 73 | I-NT ikh. 121 |
| | ULwesihlanu | LQ/QMQPP 1: Izingozi ekhaya (amamaki ayi-10) | I-NT ikh. 130 * | I-NT ikh. 72 | I-NT ikh. 118 |
| | ULwesihlanu | ukuBhala Kahle ngeSandla A1: Kopisha umusho (amamaki ama-5) | I-NT ikh. 131 * | I-NT ikh. 72 | I-NT ikh. 116 |
| **Isonto lesi-7** | UMsombuluko–ULwesihlanu | Ukufunda koku-1: UkuFunda koMuntu ngaMunye kuZwakale (amamaki ayi-5) | I-NT ikh. 132 * | I-NT ikh. 77, 79, 81, 83, 85 | I-NT ikh. 115 |
| | ULwesine | UBuciko boKwenza boku-1: Ingoma yeqembu (amamaki ayi-10) | Okwenziwayo | I-NT ikh. 83 | I-NT ikh. 120 |
| | ULwesihlanu | Imisindo 1: Imisindo (amamaki ama-5) Imisindo 2: Ukubizela (Amamaki ayi-10) | I-NT ikh. 133 * | I-NT ikh. 84 | I-NT ikh. 114 |
| **Isonto lesi-8** | Umsombuluko | UkuLalela nokuKhuluma koku-1: Ukufunda Ngokuqondisisa (amamaki ama-5) | I-NT ikh. 134 * | I-NT ikh. 88 | I-NT ikh. 113 |
| | UMsombuluko–ULwesibili | UBuciko bokuBonakalayo boku-1: Dweba umndeni wakho (amamaki ayi-10) | Okwenziwayo | I-NT ikh. 89 | I-NT ikh. 119 |
| | ULwesibili | LQ/QMQPP 2: Izingxenye zamalunga omzimba (amamaki ayi-10) | I-NT ikh. 135 * | I-NT ikh. 90 | I-NT ikh. 118 |
| | ULwesibili-ULwesithathu | UkuLalela nokuKhuluma kwesi-2: Khuluma ngomdwebo wakho (amamaki ama-5) | Ngomlomo | I-NT ikh. 91 no 93 | I-NT ikh. 113 |
| | ULwesine | Ukufunda kwesi-2: Ukufunda Ngokuqondisisa (amamaki ama-5) | I-NT ikh. 136 * | I-NT ikh. 94 | I-NT ikh. 115 |
| | ULwesine | Ukubhala koku-1: Izindaba zami (amamaki ama-5) | Izincwadi Zokubhalela | I-NT ikh. 95 | I-NT ikh. 117 |

* Ikhasi elingakopishwa lalokhu kuhlola elisekugcineni kwale ncwadi.

## UKUHLOLWA KOKUFUNDA NOKUBHALA KWETHEMU YESI-2 (kuhambisana nekhasi lokumaka)

<table>
<tr><td colspan="6">UKULALELA NOKUKHULUMA: UMSEBENZI WOKUHLOLA OKUHLELIWE KOKU-1 UKUBHALA: UKUFUNDA NGOKUQONDISISA OKULALELWAYO<br>ISONTO LESI-8, UMSOMBULUKO: INDABA EFUNDWA NGOKUZWAKALAYO<br>I-NT ikhasi le-88, ikhasi elingakopishwa le-NT ikhasi le-134 Amamaki ama-5</td></tr>
<tr><td colspan="6">Izimpendulo:<br>1. unesi (imaki eli-1)<br>2. isibani (imaki eli-1)<br>3. Izithombe zenombolo 2, 3, 1 (imaki eli-1 ngasinye)</td></tr>
<tr><td colspan="6">UKULALELA NOKUKHULUMA: IMISINDO umSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-2 Okushiwo ngomlomo: Ukhuluma ngomdwebo wakhe<br>Isonto lesi-8, ngoMsombuluko nangoLwesibili: UBuciko bokuBonakalayo<br>I-NT ikhasi le-88, ikhasi elingakopishwa le-NT ikhasi le-134 Amamaki ama-5</td></tr>
<tr><td rowspan="2">Umfundi:<br>• Uyayiqonda imibuzo<br>• Uhlinzeka izimpendulo ezifanele<br>• Usebenzisa imisho egcwele<br>• Ikhono lolimi (isakhiwo esifanele, ulwazimagama olubanzi)<br>• Ikhono lokukhuluma (ivolumu, ukuphimisela, isivinini, ukushelela).</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr>
<tr><td>Ufeza Uhlobo olu-1</td><td>Ufeza Uhlobo olu-2</td><td>Ufeza Uhlobo olu-3</td><td>Ufeza Uhlobo olu-4</td><td>Ufeza Uhlobo olu-5</td></tr>
<tr><td colspan="6">UKULALELA NOKUKHULUMA: UmSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-3<br>Ukubuka ekilasini phakathi nezifundo zokuLalela nokuKhuluma, Isonto 1–8 (qaphela, ungacabangela nezifundo ezidluliselwa ngomlomo kwezinye izifundo, isibonelo, AmaKhono eMpilo) Amamaki ama-5</td></tr>
<tr><td rowspan="2">Umfundi:<br>• Ulalela abanye ngaphandle kokubaphazamisa<br>• Uhlanganyela kumakhorasi, imilolozelo kanye namaculo<br>• Uyahlanganyela/ubamba iqhaza ezingxoxweni<br>• Imibuzo nezimpendulo zemibuzo<br>• Usebenzisa ulimi olufanele</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr>
<tr><td>Ufeza Uhlobo olu-1</td><td>Ufeza Uhlobo olu-2</td><td>Ufeza Uhlobo olu-3</td><td>Ufeza Uhlobo olu-4</td><td>Ufeza Uhlobo olu-5</td></tr>
<tr><td colspan="6">Inani eliphelele Amamaki ayi-15</td></tr>
</table>

# ISAMPULA LOKUHLOLA

**IMISINDO: Umsebenzi Wokuhlola Okuhleliwe koku-1**
**Ukubhala: Gcwalisa izinhlamvu zamagama ezinqunyiwe**
**Isonto lesi-7, uLwesihlanu**
I-NT ikhasi le-84, ikhasi elingakopishwa le-NT ikhasi le-133 — **Amamaki ama-5**

imaki eli-1 lomsindo ofanele wohlamvu lwegama ngalinye
1. ihawu
2. idada
3. ijusi
4. ipani
5. iqaqa

**IMISINDO: Umsebenzi Wokuhlola Okuhleliwe koku-2**
**Ukubhala: Ukubizela**
**Isonto lesi-7 uLwesihlanu**
I-NT ikhasi le-84, ikhasi elingakopishwa le-NT ikhasi le-133 — **Amamaki ayi-10**

amamaki ama-2 ngegama ngalinye elifanele ngokuphelele, noma imaki eli-1 ngegama ngalinye elinengxenye efanele:
1. iqanda
2. iqaqa
3. iqolo
4. ipani
5. idada

**IMISINDO: UmSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-3**
Ukubuka ikilasi ngesikhathi sokuqwashisa ngemiSindo kanye nemisebenzi yokwakha amagama — **Amamaki ama-5**

| Umfundi: | **1** | **2** | **3** | **4** | **5** |
|---|---|---|---|---|---|
| • Ubonisa ukwazi ngemisindo<br>• Ukukhomba ngokushesha ubuhlobo bezinhlamvu nomsindo wezinhlamvu zamagama ezifundiswa kulo nyaka<br>• Ungahlukanisa amagama abe yimisindo<br>• Ungaxuba imisindo ndawonye ukuze wenze amagama ngomlomo<br>• Ngokuzimela wakha amagama ngokuzethemba okukhulayo | Ufeza Uhlobo olu-1 | Ufeza Uhlobo olu-2 | Ufeza Uhlobo olu-3 | Ufeza Uhlobo olu-4 | Ufeza Uhlobo olu-5 |

**Inani eliphelele** — **Amamaki ayi-20**

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **UKUFUNDA NOKUQONDISISA: IMISINDO umSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-1**<br>**Okushiwo ngomlomo: Ukufunda komuntu ngamunye ngokuzwakalayo**<br>**ISonto lesi-7 ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu**<br>Amakhasi e-NT 77, 79, 81, 83, 85, ikhasi le-NT elikopishwayo 132 | | | | | **Amamaki ama-5** |
| Umfundi:<br>• Ufunda ngejubane elihle<br>• Uyaqaphela amagama okubuka afundiswe kakhulu<br>• Uzwakalisa noma yimaphi amagama angaziwa<br>• Uqaphela izimpawu zokuloba<br>• Ubonisa ukufundela ukuthola ulwazi | **1**<br>Ufeza Uhlobo olu-1 | **2**<br>Ufeza Uhlobo olu-2 | **3**<br>Ufeza Uhlobo olu-3 | **4**<br>Ufeza Uhlobo olu-4 | **5**<br>Ufeza Uhlobo olu-5 |
| **UKUFUNDA NOKUQONDISISA: Umsebenzi Wokuhlola Okuhleliwe koku-2**<br>**Ukubhala: Ukufunda isifundo sokuqondisisa**<br>**Isonto lesi-8, ULwesine**<br>I-NT ikhasi le-94, ikhasi elingakopishwa le-NT ikhasi le-136 | | | | | **Amamaki ama-5** |
| Imaki eli-1 lempendulo efanele ngayinye:<br>1. indlu<br>2. i-Covid<br>3. isifonyo<br>4. igrosa<br>5. Busi | | | | | |
| **UKUFUNDA NOKUQONDISISA: UmSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-3**<br>**Ukuqaphela ngesikhathi sokuFunda ngokuHlanganyela nokuFunda ngamaQembu okuHolwa uThisha, Isonto 1–6, 8 no 9** | | | | | **Amamaki ama-5** |
| Umfundi:<br>• Ubamba iqhaza ezifundweni zokuFunda ngokuHlanganyela<br>• Ubamba iqhaza ezifundweni zokuFunda kweQembu okuHolwa uThisha<br>• Ufunda nomlingani ekuFundeni kweQembu okuHolwa uThisha<br>• Uyakwazi ukubona amagama amaningi afundisiwe ngokomongo (incwadi enkulu)<br>• Ufunda ngokuqonda | **1**<br>Ufeza Uhlobo olu-1 | **2**<br>Ufeza Uhlobo olu-2 | **3**<br>Ufeza Uhlobo olu-3 | **4**<br>Ufeza Uhlobo olu-4 | **5**<br>Ufeza Uhlobo olu-5 |
| **Inani eliphelele** | | | | | **Amamaki ayi-15** |

| **UKUBHALA KAHLE NGESANDLA: Umsebenzi Wokuhlola Okuhleliwe koku-1**<br>**Ukubhala: UkuBhala kaHle ngeSandla**<br>**Isonto lesi-6 uLwesihlanu**<br>I-NT ikhasi le-72, ikhasi elingakopishwa le-NT ikhasi le-131 | | | | | **Amamaki ama-5** |
|---|---|---|---|---|---|
| Umfundi:<br>• Wakha izinhlamvu zamagama ngendlela efanele, uqala futhi agcine endaweni efanele<br>• Faka izinhlamvu zamagama ezincane ngendlela efanele emigqeni<br>• Ufaka osonhlamvukazi ngendlela efanele emigqeni<br>• Ubhala amagama anezikhala ezifanele ngaphakathi kwamagama<br>• Ubhala amagama anezikhala ezifanele phakathi namagama | **1**<br>Ufeza Uhlobo olu-1 | **2**<br>Ufeza Uhlobo olu-2 | **3**<br>Ufeza Uhlobo olu-3 | **4**<br>Ufeza Uhlobo olu-4 | **5**<br>Ufeza Uhlobo olu-5 |
| **UKUBHALA KAHLE NGESANDLA: Umsebenzi Wokuhlola Okuhleliwe koku-2**<br>**Ukubhala: UkuBhala kaHle ngeSandla**<br>Ukuqaphela kuyo yonke imisebenzi ebhaliwe phakathi namaSonto 1–8 | | | | | **Amamaki ama-5** |
| Umfundi:<br>• Ubamba ipensela ngendlela efanele<br>• Ubonisa ukwakheka kwezinhlamvu zamagama okuhle<br>• Izinhlamvu zamagama zinobukhulu obungaguquguquki<br>• Izinhlamvu zamagama zihlala zinezikhala<br>• Amagama anesikhala esihle | **1**<br>Ufeza Uhlobo olu-1 | **2**<br>Ufeza Uhlobo olu-2 | **3**<br>Ufeza Uhlobo olu-3 | **4**<br>Ufeza Uhlobo olu-4 | **5**<br>Ufeza Uhlobo olu-5 |
| **Inani eliphelele** | | | | | **Amamaki ayi-10** |

<table>
<tr><td colspan="6">UKUBHALA: Umsebenzi Wokuhlola Okuhleliwe woku-1<br>UkuBhala: Umusho wezindaba<br>Isonto lesi-8 ULwesine: UkuBhala komuntu ngamunye<br>i-NT ikhasi lama-95 Amamaki ama-5</td></tr>
<tr><td rowspan="2">Umfundi:<br>• Umusho usitshela ukuthi ubani, nini, kuphi, wenzeni<br>• Umbono wenza umqondo/unengqondo<br>• Uhlelo lolimi (ukuhleleka kwamagama kanye nenkathi efanele)<br>• Izimpawu zokuloba (usonhlamvukazi ekuqaleni, ungqi ekugcineni)<br>• Isipelingi (sibonisa ulwazi lwemisindo noma ulwazi lwegama elibonwayo)</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr>
<tr><td>Ufeza Uhlobo olu-1</td><td>Ufeza Uhlobo olu-2</td><td>Ufeza Uhlobo olu-3</td><td>Ufeza Uhlobo olu-4</td><td>Ufeza Uhlobo olu-5</td></tr>
<tr><td colspan="6">UKUBHALA: UmSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-2<br>Ukubuka ikilasi ngesikhathi sokuBhala ngokuHlanganyela: Isonto 1–7<br>Ukuqaphela imisebenzi yokuBhala yoMuntu ngaMunye: Isonto 1–7 (i-NF) Amamaki ama-5</td></tr>
<tr><td rowspan="2">Umfundi:<br>• Ubamba iqhaza ezifundweni zokuBhala ngokuHlanganyela (kunomthelela emibonweni, isipelingi, uhlelo lolimi, izimpawu zokuloba)<br>• Ufundela ikilasi ukuBhala ngokuHlanganyela<br>• ImiSebenzi yokuBhala ngokuZimela amasonto 1-6 ubonisa imibono yobuciko<br>• ImiSebenzi yokuBhala ngokuZimela ikhombisa ukusetshenziswa kolwazi lwemisindo ngokuphathelene nokupela<br>• ImiSebenzi yokuBhala ngokuZimela ibonisa imisho efanele yohlelo lolimi, nezimpawu zokuloba ezifanele</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr>
<tr><td>Ufeza Uhlobo olu-1</td><td>Ufeza Uhlobo olu-2</td><td>Ufeza Uhlobo olu-3</td><td>Ufeza Uhlobo olu-4</td><td>Ufeza Uhlobo olu-5</td></tr>
<tr><td colspan="6">Inani eliphelele Amamaki ayi-10</td></tr>
</table>

## ISAMPULA LOKUHLOLA

<table>
<tr><td colspan="6">ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP: UMSEBENZI WOKUHLOLA OKUHLELIWE KOKU-1 UKUBHALA: HLOLA IZINGOZI EKHAYA<br>Isonto lesi-6, uLwesihlanu<br>I-NT ikhasi le-72, ikhasi elingakopishwa le-NT ikhasi le-130 Amamaki ayi-10</td></tr>
<tr><td colspan="6">Umhlahlandlela wokumaka kanye nemigomo: Imaki elilodwa lengozi ngayinye ehlonziwe (umkhawulo we-10)<br>• ikhandlela eliseduze kwekhethini<br>• i-plug ephukile<br>• ingilazi ephukile<br>• isiphuzo esishisayo<br>• amaphilisi<br>• insiza yokuhlanza (detergent)<br>• umentshisi<br>• amathoyizi<br>• intambo esibanini<br>• ibhakede lamanzi</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP: Umsebenzi Wokuhlola Okuhleliwe koku-2<br>Ukubhala: Thola ezinye izingxenye zangaphakathi nezangaphandle zomzimba<br>Isonto lesi-8, uLwesibili<br>I-NT ikhasi le-90, ikhasi elingakopishwa le-NT ikhasi le-135 Amamaki ayi-10</td></tr>
<tr><td colspan="6">Umhlahlandlela wokumaka kanye nemigomo<br>• Amamaki ayi-6 endawo efanele yezitho zomzimba<br>• Amamaki ama-2 okukokelezela ngakunye inhliziyo nobuchopho (izingxenye zomzimba ezingaphakathi)</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP: UmSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-3<br>Hlola amakhasi e-NF LQ/QMQPP aqediwe phakathi neSonto 1–8 Amamaki ama-5</td></tr>
<tr><td colspan="6">Umhlahlandlela wokumaka<br>• Amakhasi e-NF aqediwe: imaki eli-1 lokuphothuliwe okungama-25%, amamaki ama-2 okuqediwe okungama-50%, amamaki ama-3 okuqediwe okungu-75%, amamaki ama-4 okuqediwe okungu-100%,<br>• Kubonisa ukuzibandakanya nesihloko namakhono amasha (imaki eli-1)</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWAZI LOKUQALA NE-QMQPP: UmSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-4<br>Hlola ukubamba iqhaza emiHlanganweni yaseKuseni phakathi neSonto 1–8 Amamaki ama-5</td></tr>
<tr><td rowspan="2">Umfundi:<br>• Ulalela abanye ngaphandle kokubaphazamisa<br>• Unegalelo/ubamba iqhaza emihlanganweni<br>• Uphendula ngendlela efanele, isibonelo, ubonisa ukuzwelana nabanye<br>• Sichaza isimo sezulu ngendlela efanele<br>• Ubamba iqhaza emisebenzini yekhalenda</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr>
<tr><td>Ufeza Uhlobo olu-1</td><td>Ufeza Uhlobo olu-2</td><td>Ufeza Uhlobo olu-3</td><td>Ufeza Uhlobo olu-4</td><td>Ufeza Uhlobo olu-5</td></tr>
<tr><td colspan="6">Inani eliphelele Amamaki angama-30</td></tr>
</table>

<table>
<tr><td colspan="6">UBUCIKO BOKUBONAKALAYO: UmSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-1<br>Okubhaliwe: Dweba futhi ufake umbala kusithombe somsebenzi womndeni<br>Isonto lesi-8, uLwesibili<br>TI-NT ikhasi lama-89 Amamaki ama-5</td></tr>
<tr><td rowspan="2">Umfundi:<br>• Udweba imifanekiso (isimo)<br>• Usebenzisa yonke indawo<br>• Usebenzisa umbala ngokoqobo<br>• Ukulawula kahle ipensela namakhrayoni (imigqa, ukucindezela okungaguquki)<br>• Idizayini yobuciko (umbono/ imininingwane ethakazelisayo)</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr>
<tr><td>Ufeza Uhlobo olu-1</td><td>Ufeza Uhlobo olu-2</td><td>Ufeza Uhlobo olu-3</td><td>Ufeza Uhlobo olu-4</td><td>Ufeza Uhlobo olu-5</td></tr>
<tr><td colspan="6">UBUCIKO BOKUBONAKALAYO: UmSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-1<br>Hlola amakhasi e-NF oBuciko bokuBonakalayo aqediwe<br>Ukuqaphela ukwakhiwa kwe-3-D (izithombe, indlu, onodoli bephepha) Amamaki ama-5</td></tr>
<tr><td rowspan="2">Umfundi:<br>2D:<br>• Kunenani elifanele lemidwebo eqediwe<br>• Izinto eziveziwe ziyabonakala, imibala ye-3D engokoqobo<br>3D:<br>• Ukwakhiwa kuyathakazelisa futhi kubonisa ubuciko<br>• Kuqinile futhi kwenziwe ngokucophelela<br>• Ukulawula kahle isikelo neglu</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr>
<tr><td>Ufeza Uhlobo olu-1</td><td>Ufeza Uhlobo olu-2</td><td>Ufeza Uhlobo olu-3</td><td>Ufeza Uhlobo olu-4</td><td>Ufeza Uhlobo olu-5</td></tr>
<tr><td colspan="6">Inani eliphelele Amamaki ayi-10</td></tr>
</table>

## ISAMPULA LOKUHLOLA

| **UBUCIKO BOKWENZA: UMSEBENZI WOKUHLOLA OKUHLELIWE KOKU-1**<br>**Okwenziwayo: Amaqembu aveza iculo lesenzo noma umlolozelo**<br>**Isonto lesi-7, uLwesine**<br>I-NT ikhasi lama-83 | | | | | **Amamaki ama-5** |
|---|---|---|---|---|---|
| Umfundi:<br>• Uhlanganisa iculo nokunyakaza<br>• Ikhono lokwazi ukubona nokungafani (okuzwakala kakhulu/okusholo phansi; okuphezulu/okuphansi)<br>• Umuzwa womlolozelo nesigqi<br>• Okushiwo umzimba (ukubheka emehlweni, ukuma, ukuzethemba).<br>• Usebenzisana namaqembu | **1**<br>Ufeza Uhlobo olu-1 | **2**<br>Ufeza Uhlobo olu-2 | **3**<br>Ufeza Uhlobo olu-3 | **4**<br>Ufeza Uhlobo olu-4 | **5**<br>Ufeza Uhlobo olu-5 |
| **UBUCIKO BOKWENZA: UmSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-2**<br>Buka abafundi nemisebenzi ye-SV phakathi neSonto 1–7 | | | | | **Amamaki ama-5** |
| Umfundi:<br>• Ubamba iqhaza emisebenzini ye-SV<br>• Ubonisa amakhono obuciko bokwenza (ukunyakaza, izwi)<br>• Ubonisa ikhono lokuthuthukisa (ukudlala indima, izincazelo)<br>• Okushiwo umzimba okufanele (ukubheka emehlweni, ukuma, ukuzethemba)<br>• Usebenzisana namaqembu | **1**<br>Ufeza Uhlobo olu-1 | **2**<br>Ufeza Uhlobo olu-2 | **3**<br>Ufeza Uhlobo olu-3 | **4**<br>Ufeza Uhlobo olu-4 | **5**<br>Ufeza Uhlobo olu-5 |
| **Inani eliphelele** | | | | | **Amamaki ayi-10** |

<table>
<tr><td colspan="6">ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA UmSebenzi wokuHlola okuHleliwe koku-1<br>OKWENZIWAYO: Qedela inkambo yesithiyo<br>Isonto lesi-6, uLwesibili ukuya kuLwesihlanu<br>Amakhasi e-NT 65, 67, 69, 71, 73 Amamaki ama-5</td></tr>
<tr><td rowspan="2">Umfundi:<br>• Ukusebenzisana okuhle (iso-isandla-unyawo, ukusebenzisa amalungu omzimba)<br>• Ukwazi ngendawo<br>• Ukuzimelela<br>• Amakhono okwazi ukusebenzisa izinzwa<br>• Uqeda izifundo ngejubane elikahle</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr>
<tr><td>Ufeza Uhlobo olu-1</td><td>Ufeza Uhlobo olu-2</td><td>Ufeza Uhlobo olu-3</td><td>Ufeza Uhlobo olu-4</td><td>Ufeza Uhlobo olu-5</td></tr>
<tr><td colspan="6">ISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA UmSebenzi wokuHlola okuHleliwe kwesi-2<br>Buka abafundi ngesikhathi seSV sangaphakathi nangaphandle phakathi neSonto 1–8 Amamaki ama-5</td></tr>
<tr><td rowspan="2">Umfundi ubonisa okwemukelekile:<br>• Ukufaneleka okuvamile nokunyakaza (ukunyakazisa amalungu omzimba)<br>• Ijubane/isivinini<br>• Ukusebenzisana, ukuzimelela (ukwazi ukusebenzisa amalungu omzimba)<br>• Isigqi<br>• Ukubamba iqhaza (emidlalweni nasemidlalweni yeqembu)</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr>
<tr><td>Ufeza Uhlobo olu-1</td><td>Ufeza Uhlobo olu-2</td><td>Ufeza Uhlobo olu-3</td><td>Ufeza Uhlobo olu-4</td><td>Ufeza Uhlobo olu-5</td></tr>
<tr><td colspan="6">Inani eliphelele Amamaki ayi-10</td></tr>
</table>

## IRUBHRIKHI EYISIBONELO YE-DBE

| UKULALELA NOKUKHULUMA | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **UHLOBO** | **1** | **2** | **3** | **4** | **5** |
| **Ukhuluma ngokwenzeke empilweni yakhe, isb. Izindaba** | Akakwazi ukuveza okwenzeke empilweni yakhe. | Uyakwazi ukukhuluma umusho o-1 kuya kwemi-2 ngokuphathelene nokwenzeke empilweni yomuntu, kodwa ngokusekelwa. | Uyakwazi ukukhuluma imisho emi-3 kuya kwemi-4 ngokuphathelene nokwenzeke empilweni yomuntu. | Uyakwazi ukukhuluma imisho emi-5 kuya kweyi-6 ngokuphathelene nokwenzeke empilweni yomuntu. | Uyakwazi ukukhuluma imisho engaphezu kweyi-6 ngokuphathelene nokwenzeke empilweni yomuntu. |
| **Uchaza izinto esebenzisa ulwazimagama olulungile ngokwezici ezi-5 ezingokoqobo (iminyaka yobudala, ubukhulu, umbala, isimo, isiqondiso, ibanga, njll.)** | Umfundi uyakwazi ukusebenzisa ulwazimagama olufanele ukuchaza izinto ngokwesici esi-1 esingokoqobo ngokusekelwa. | Umfundi uyakwazi ukusebenzisa ulwazimagama olufanele ukuchaza izinto ngokwezici ezi-2 ezingokoqobo. | Umfundi uyakwazi ukusebenzisa ulwazimagama olufanele ukuchaza izinto ngokwezici ezi-3 ezingokoqobo. | Umfundi uyakwazi ukusebenzisa ulwazimagama olufanele ukuchaza izinto ngokwezici ezi-4 ezingokoqobo. | Umfundi uyakwazi ukusebenzisa ulwazimagama olufanele ukuchaza izinto ngokwezici ezi-5 ukuya kweziyi-6 ezingokoqobo. |
| **Uphendula imibuzo emi-2 ukuya kwemi-3 ehlobene nendaba exoxwayo noma efundwayo** | Akakwazi ukuphendula imibuzo ehlobene nendaba noma umbhalo ngaphandle kosizo lukathisha. | Uphendula umbuzo o-1 ohlobene nendaba noma umbhalo. | Uphendula imibuzo emi-2 ehlobene nendaba noma umbhalo. | Uphendula imibuzo emi-3 ehlobene nendaba noma umbhalo. | Uphendula izimpendulo zemibuzo engaphezu kwemi-3 ehlobene nendaba noma umbhalo ngendlela efanele. |

| IMISINDO | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **UHLOBO** | **1** | **2** | **3** | **4** | **5** |
| **Uhlonza ubudlelwano bezinhlamvu zamagama nomsindo wezinhlamvu zamagama** | Uhlonza ubudlelwano bezinhlamvu zamagama nomsindo wezinhlamvu zamagama eziyi-0 ukuya kolu-5 ngendlela efanele. | Uhlonza ubudlelwano bezinhlamvu zamagama nomsindo wezinhlamvu zamagama eziyi-6 ukuya kolu-10 ngendlela efanele. | Uhlonza ubudlelwano bezinhlamvu zamagama nomsindo wezinhlamvu zamagama eziyi-11 ukuya kolu-15 ngendlela efanele. | Uhlonza ubudlelwano bezinhlamvu zamagama nomsindo wezinhlamvu zamagama eziyi-16 ukuya kolu-20 ngendlela efanele. | Uhlonza ubudlelwano bezinhlamvu zamagama nomsindo wezinhlamvu zamagama ezingama-21 ukuya kuma-26 ngendlela efanele. |
| **Uxuba futhi wakha amagama amafushane (ngomlomo nangokubhala)** | Uxuba futhi wakha amagama amafushane eli-1 ukuya kwama-2, ngokusekelwa. | Uxuba futhi wakha amagama amafushane ayi-3 ukuya kwayi-4. | Uxuba futhi wakha amagama amafushane ama-5 ukuya kwayi-6. | Uxuba futhi wakha amagama amafushane ayi-7 ukuya kwayi-8. | Uxuba futhi wakha amagama amafushane ayi-9 ukuya kwayi-10. |

# IRUBHRIKHI EYISIBONELO YE-DBE

| UKUFUNDA NOKUQONDISISA | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **UHLOBO** | **1** | **2** | **3** | **4** | **5** |
| **UkuFunda ngokuQondisisa okulalelwayo** | Akakwazi ukuphendula imibuzo ehlobene nendaba noma umbhalo ngaphandle kosizo lukathisha. | Uphendula umbuzo o-1 ohlobene nendaba noma umbhalo. | Uphendula imibuzo emi-2 ehlobene nendaba noma umbhalo. | Uphendula imibuzo emi-3 ehlobene nendaba noma umbhalo. | Uphendula izimpendulo zemibuzo engaphezu kwemi-3 ehlobene nendaba noma umbhalo ngendlela efanele. |
| **Ukwazi ukubona amagama** | Ukwazi ukubona amagama ajwayelekile aphakathi kweli-1 ukuya kwayi-9 ngokwesekelwa. | Ukwazi ukubona amagama ajwayelekile aphakathi kwayi-10 ukuya kwayi-19. | Ukwazi ukubona amagama ajwayelekile aphakathi kwangama-20 ukuya kwangama-29. | Ukwazi ukubona amagama ajwayelekile aphakathi kwayi-30 ukuya kwayi-40. | Ukwazi ukubona amagama ajwayelekile angaphezu kwangama-40. |
| **Ukufunda Ngomlomo** | Ufunda encwadini yakho umbhalo wamagama a-1 ukuya kwangama-9 ngokwesekwa uthisha. | Ufunda igama negama kumbhalo wamagama angama-10 ukuya kwangama-19. | Ufunda ngokuzwakalayo encwadini yakhe umbhalo wamagama angama-20 ukuya kwangama-29. | Ufunda ngokugelezayo encwadini yakhe umbhalo wamagama anguma-30 ukuya kwangama-40. | Ufunda ngokugelezayo encwadini yakhe umbhalo wamagama angama-40. |

| UKUBHALA KAHLE NGESANDLA | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **UHLOBO** | **1** | **2** | **3** | **4** | **5** |
| **Ukopisha futhi abhale izinhlamvu zamagama ezingebona osonhlamvukazi ezingama-20 ngokunembile enakisisa ukwakheka kwezinhlamvu zamagama, ubukhulu kanye nezikhala ezifanele** | Uyakwazi ukukopisha nokubhala uhlamvu lwegama olu-1 ukuya kwezi-5 ngokusekelwa, kodwa ukuthola kunzima ukwakha izinhlamvu zamagama ngendlela efanele. | Ukwazi ukukopisha kanye nokubhala uhlamvu lwegama olu-1 ukuya kweziyi-5 ngendlela efanele enakisisa ukwakheka kwezinhlamvu ezifanele, ubukhulu kanye nesikhala. | Ukwazi ukubhala izinhlamvu zamagama ezingebona osonhlamvukazi eziyi-6 ukuya kweziyi-7 ngendlela efanele enakisisa ukwakheka kwezinhlamvu ezifanele, ubukhulu kanye nokubheka endaweni efanele. | Ukwazi ukukopisha kanye nokubhala uhlamvu lwegama olu-11 ukuya kweziyi-15 ngendlela efanele enakisisa ukwakheka kwezinhlamvu ezifanele, ubukhulu kanye nesikhala. | Ukwazi ukubhala izinhlamvu zamagama ezingebona osonhlamvukazi eziyi-16 ukuya kweziyi-7 ngendlela efanele enakisisa ukwakheka kwezinhlamvu ezifanele, ubukhulu kanye nokubheka endaweni efanele. |
| **Ukopisha bese ebhala amagama anezinhlamvu zamagama ezi-2 nezi-3, unaka ukwakheka ngendlela efanele kwezinhlamvu zamagama, ubukhulu nezikhala** | Uyakwazi ukukopisha nokubhala izinhlamvu zamagama ama-2 ngokusekelwa, kodwa ukuthola kunzima ukwakha izinhlamvu zamagama ngendlela efanele. | Uyakwazi ukukopisha nokubhala amagama anezinhlamvu ezi-2 nezi-3 kodwa udinga ukunaka kakhudlwana ukwakheka kwezinhlamvu zamagama okufanele. | Uyakwazi ukukopisha nokubhala amagama anezinhlamvu ezi-2 nezi-3 bese enza izinhlamvu ngendlela efanele. Ubukhulu nezikhala kusadinga ukunakwa. | Ukwazi ukukopisha nokubhala izinhlamvu zamagama ezi-2 ukuya kwezi-3 enakisisa ukwakheka kwezinhlamvu ezifanele, ubukhulu kanye nokubheka endaweni efanele kanye nobukhulu. | Ukwazi ukubhala izinhlamvu zamagama ezi-2 ukuya kwezi-3 ngendlela efanele enakisisa ukwakheka kwezinhlamvu ezifanele, ubukhulu kanye nokubheka endaweni efanele. Uboniswe amakhono amahle okubhala kahle ngesandla nokuhlanzeka. |

| UKUBHALA | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **UHLOBO** | **1** | **2** | **3** | **4** | **5** |
| **Ubhala umusho o-1 ukuya kwemi-2 ehlobene nesithombe** | Uyakwazi ukubhala igama eli-1 lesithombe ngokusekelwa | Uyakwazi ukubhala igama elifanele eli-1 ukuya kwama-2 esithombe. | Uyakwazi ukubhala umusho o-1 ofanele wamagama ama-3 ukuya kwama-4. | Uyakwazi ukubhala umusho o-1 ofanele wamagama ama-5 esebenzisa uhlamvu lwegama olungusonhlamvukazi kanye nongqi. | Uyakwazi ukubhala imisho emi-2 efanele kahle usebenzisa izinhlamvu zamagama ezingosonhlamvukazi kanye nongqi. |

# IRUBHRIKHI EYISIBONELO YE-DBE

Amarubhrikhi alandelayo angalungiswa njengoba kufanele, kuye ngamakhono afundiswayo.

| IRUBHRIKHI YOKUBUKA ISIMO SEZULU | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **UHLOBO** | **Kuhle kakhulu Amamaki ama-4** | **Kuhle Amamaki ama-3** | **Kuyathuthuka Amamaki ama-2** | **Kuyaqala imaki eli-1** |
| **Ukubheka Isimo Sezulu** | Uqaphela futhi uchaza zonke izici eziyinhloko (isib. ilanga, amafu, umoya, imvula) ngokuningiliziwe. | Uqaphela izici eziningi ngokucacile futhi uyazichaza. | Uqaphela ezinye izici kodwa unikeza imininingwane elinganiselwe noma eyisisekelo. | Uqaphela izici ezimbalwa kakhulu; unikeza incazelo engacacile noma engekho. |
| **Umdwebo noma ukubhala** | Imidwebo noma ukubhala kuhlanzekile futhi kubonisa izici nezimpawu zezulu ezifanele. | Imidwebo noma amanothi abonisa izici eziningi ngendlela efanele. | Kukhona umzamo wokudweba/ukubhala, kodwa kuntula ukucaca noma ukunemba. | Imidwebo/amanothi kungamahliphihliphi noma ayinayo imininingwane ebalulekile. |
| **Ulwazimagama kanye nezincazelo zesimo sezulu** | Usebenzisa amagama anembile esimo sezulu (kunelanga, kunomoya, kunamafu) futhi unezela imininingwane enjengezinga lokushisa noma lomoya. | Usebenzisa kakhulu amagama esimo sezulu afanele; kufakiwe eminye imininingwane. | Usebenzisa amagama ambalwa esimo sezulu; ayikho imininingwane. | Usebenzisa amagama esimo sezulu angafanele noma awekho; ayikho incazelo. |
| **Ukukala isimo sezulu** | Ubhala ngokunembile izinga lokushisa, lomoya, noma lemvula elinezinombolo namayunithi afanele. | Isikhathi esiningi ukala ngendlela efanele wenza amaphutha ambalwa. | Uyazama ukukala kodwa wenza amaphutha aphindaphindiwe. | Akukho ukukala noma ukubhala okungafanele. |
| **Ukungaguquguquki** | Ukubhalwa kwesimo sezulu nsuku zonke (noma njengoba kwabelwe), kubonisa ukulandela okucacile ngokuhamba kwesikhathi. | Ubhala izinsuku eziningi; kunesikhala esisodwa noma ezimbili. | Ubhala izikhathi ezimbalwa; kunezikhala eziningi ekubukeni. | Akavamile ukubhala; ayikho iphethini noma ukulandela. |

| IRUBHRIKHI YESETHULO SESAYENSI YOMLOMO/IPHOSTA | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **UHLOBO** | **Kuhle kakhulu Amamaki ama-4** | **Kuhle Amamaki ama-3** | **Kuyathuthuka Amamaki ama-2** | **Kuyaqala imaki eli-1** |
| **Ukuqonda isihloko** | Uchaza imibono ngokucacile futhi ubonisa ukuqonda okuhle isihloko. | Uchaza imiqondo eminingi ngokucacile futhi ubonisa ukuqonda okuyisisekelo. | Unikeza okulinganiselwe noma izincazelo ezingaphelele; kubonakala ukudideka okuthile. | Ubonisa ukuqonda okuncane; izincazelo ezingafanele noma ezingacacile. |
| **Ukusetshenziswa kolwazimagama lwesayensi** | Usebenzisa ulwazimagama lwesayensi olusemqoka ngendlela efanele futhi uchaza incazelo yalo. | Usebenzisa olunye ulwazimagama esayensi anencazelo enembile. | Usebenzisa amagama ambalwa esayensi. Amanye akuwona afanele noma awacacile. | Usebenzisa amagama esayensi amancane noma angasebenzisi nhlobo; kunamagama ikakhulukazi okungewona afanele. |
| **Ukuhlelwa kwemiqondo** | Imiqondo ivezwa ngendlela ecacile, eyenza umqondo futhi okulula ukuyilandela. | Imiqondo icacile futhi ihlelekile, kunokudideka okuncane. | Imiqondo ngezinye izikhathi iyadida noma igxume ibe kwezinye izindawo. | Imiqondo ayicacile futhi ayihlelekile. |
| **Ukusetshenziswa kwezithombe/ izinsizakulingisa** | Usebenzisa izithombe noma izinsizakulingisa ngokuphumelelayo ukusekela okwethulwayo. | Usebenzisa izithombe noma izinsizakulingisa, kodwa akuxhumene ngokucacile ngaso sonke isikhathi nesihloko. | Usebenzisa izithombe noma izinsizakulingisa ezinokuxhumeka okulinganiselwe noma ukusetshenziswa okungacacile. | Akasebenzisi izithombe noma izinsizakulingisa, noma ziyaphazamisa noma ziyadida. |

| UKUHLOLWA KWESAYENSI YEMVELO | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **UHLOBO** | **Kuhle kakhulu Amamaki ama-4** | **Kuhle Amamaki ama-3** | **Kuyathuthuka Amamaki ama-2** | **Kuyaqala imaki eli-1** |
| **Ukuqaphela** | Uqaphela zonke izinguquko ezibalulekile ngokucophelela. | Uqaphela izinguquko eziningi ngokucacile. | Uqaphela izinguquko ezithile kodwa uphuthelwa imininingwane. | Uqaphela izinguquko ezimbalwa noma azikho aziqaphelayo. |
| **Umdwebo noma ukubhala** | Udweba izithombe ezicacile, ezinemininingwane noma amarekhodi okuphawuliwe. | Imidwebo noma amarekhodi kunemininingwane eminingi. | Imidwebo noma amarekhodi abonisa ukukhula okuthile kodwa kuntula imininingwane. | Imidwebo noma amarekhodi awacacile noma awaphelele. |
| **Ukukala** | Ukala ngokunembile esebenzisa amathuluzi – isikali esijwayelekile noma esingesona esijwayelekile namarekhodi anembile | Ukala ngokuyinhloko ngokunembile enza amaphutha amancane. | Uyazama ukukala kodwa wenza amaphutha amaningi. | Akakali noma arekhode ngendlela efanele. |
| **Ukusho okutholakele** | Uchaza ngokucacile okwenzekile, esebenzisa imisho elula kanye nolwazimagama olufanele. | Uchaza ingxenye enkulu yalokho okwenzekile ngokucacile. Usebenzisa olunye lolwazimagama. | Uchaza eminye imiqondo kodwa hhayi ngokucacile. | Unenkinga yokuchaza okwenzekile. |
| **Ukungaguquguquki nokujwayelekile** | Uqopha okubhekwayo njalo njengoba kudingeka (nsuku zonke noma masonto onke). | Amarekhodi okubhekwayo ngokuvamile. | Amarekhodi okubhekwayo ngezinye izikhathi, kodwa hhayi kaningi. | Akuvamile noma akukaze kubhale okuphawuliwe njalo. |

| UMDWEBO/OKUDWETSHWAYO | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **UHLOBO** | **Kuhle kakhulu Amamaki ama-4** | **Kuhle Amamaki ama-3** | **Kuyathuthuka Amamaki ama-2** | **Kuyaqala imaki eli-1** |
| **Ukusetshenziswa kombala** | Ukukhetha imibala okucatshangelwe kahle nokuphumelelayo; imibala ithuthukisa umdwebo. | Ukusetshenziswa kombala okufanele; okuhlukahlukene nokungafani. | Izinhlobo zombala ezilinganiselwe; okukhethiwe akusekeli umsebenzi wobuciko ngaso sonke isikhathi. | Ukusetshenziswa kombala okuncane noma okungahleliwe; akunayo inhloso noma ukwehluka. |
| **Ubuciko nokubonakaliswa** | Umqondo wokuqala; ukubonakaliswa okuqinile komuntu uqobo nomcabango. | Zikhona izinto zobuciko; ukubonakaliswa okuthile komuntu uqobo. | Kuboniswe ubuciko obuthile; umqondo ungase ucace kakhudlwana. | Ubuciko obuncane; ukukopisha noma ukungabi bikho okufakwe umuntu uqobo. |
| **Ubuchwepheshe nokulawula** | Ukulawula okuhle kakhulu kwebhulashi noma ipensela, imigqa ehlanzekile, nemidwa yangamabomu. | Ukulawula okuhle kakhulu kwebhulashi noma ipensela, imigqa ehlanzekile, nemidwa yangamabomu. | Ubuchwepheshe buyathuthuka; ukulawula akuhlale kufana. | Untula ukulawula; umahliphihliphi noma ukhombisa ukunganaki umsebenzi webhulashi noma umsebenzi wepensela. |
| **Umzamo nokuphothula** | Kuphothulwe ngokucophelela; kunakekelwe imininingwane nomzamo ogcwele yonke indawo. | Kuphothulwe ngomzamo olinganiselwe; kuqediwe okuningi. | Akuphelele noma kwenziwe sekusheshwa; kunakwe kancane imininingwane. | Kuboniswe umzamo ongaphelele noma omncane. |

# IRUBHRIKHI EYISIBONELO YE-DBE

| UBUCIKO BOKWENZA: Ukwenza umdlalo, ukuxoxa ngomlomo, ukuxoxa izindaba, ukukhuluma | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **UHLOBO** | **Kuhle kakhulu Amamaki ama-4** | **Kuhle Amamaki ama-3** | **Kuyathuthuka Amamaki ama-2** | **Kuyaqala imaki eli-1** |
| **Ukuphimisa ulimi** | Ukhuluma ngokucacile futhi kalula; kulula ukuwaqonda wonke amagama. | Kucacile isikhathi esiningi; ukungabaza okumbalwa noma izingxenye ezingacacile. | Kunzima ukuqonda ezinye izingxenye; nginqikaza kaningi. | Kunzima ukukuqonda; amagama adidayo noma angacacile. |
| **Ukuhumusha (ukuveza indlela azizwa ngayo kanye nemizwa)** | Usebenzisa kahle ukubonakalisa imizwa ngobuso, ukunyakaza, nezwi ukuze ubonise umuzwa. | Ubonisa umuzwa nomlingiswa; izwi liveza umuzwa. | Okunye ukukhombisa imizwa kodwa kungase kuzwakale kuyisicaba noma kukhombisa ukungaqiniseki. | Akukho ukubonisa umuzwa; ukhuluma ngendlela eyisicaba enemizwa emincane. |
| **Iphimbo kanye nokuzwakala** | Izwi linamandla futhi licacile; lishintsha iphimbo ngokuphathelene nencazelo. | Ukuzwakala kanye nephimbo enhle; okuhambisana nokwenziwayo. | Ngezinye izikhathi kuphansi kakhulu noma kunomsindo omkhulu kakhulu; iphimbo alifani nesigcawu ngaso sonke isikhathi. | Liphansi kakhulu noma linomsindo; iphimbo alihambisani nesizinda. |
| **Ukuphimiswa kwamagama** | Usho wonke amagama ngendlela efanele futhi ecacile. | Usho amagama amaningi ngendlela efanele; ambalwa awacacile. | Amanye amagama aphimiswe kabi; kudingeka ukuthi olalele aqagele incazelo. | Amagama amaningi awacacile noma akuwona afanele; kunzima ukulandela. |
| **Umzamo wokwenza okuthile** | Ufaka ukucabanga ngokucophelela nomzamo ukuveza imiqondo yakhe. | Umzamo omuhle nomcabango othile ekuhleleni. | Umzamo othile, kodwa usheshisiwe noma awucaci ezingxenyeni ezithile. | Umzamo noma umqondo omncane kakhulu ohlelweni lokwenza okuthile. |

| UBUCIKO – BUNGASETSHENZISELWA IZINHLOBO EZAHLUKENE | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **UHLOBO** | **Kuhle kakhulu Amamaki ama-4** | **Kuhle Amamaki ama-3** | **Kuyathuthuka Amamaki ama-2** | **Kuyaqala imaki eli-1** |
| **Ubuciko nokusungulwayo** | Ubonisa umqondo wokuqala onombono oqinile nesitayela somuntu uqobo esicacile. | Ufaka okunye okukhombisa ubuciko kanye nesandla sakhe uqobo. | Ubonisa umqondo oyisisekelo onemicabango elinganiselwe noma ongokoqobo. | Kukopishiwe noma kuphindwe imiqondo yabanye; ayinakho okwenziwe umuntu uqobo. |
| **Ukubonakaliswa komuntu uqobo** | Umsebenzi wobuciko noma ukusebenza kubonisa imizwa ecacile, imibono, noma izindaba okuvela kumfundi. | Enye incazelo yomuntu uqobo noma inkulumo iyabonakala. | Ukuthintana okumbalwa komuntu uqobo kodwa akucaci kahle. | Izwi lomuntu uqobo elincane kakhulu noma umuzwa obonisiwe. |
| **Ukucabanga ngokuthatha-ingozi** | Uzame okuthile okusha noma okuhlukile; uhlolisise imibono ngobuciko. | Ubonise ukuzimisela okuthile ukuzama izinto ezintsha. | Uhlale ngaphakathi komqondo ophephile noma owaziwayo; uthathe ubungozi obuthile. | Ayikho ingozi noma into yokuqala; wenze okuphephile. |
| **Umzamo wokwenza okuthile** | Ufaka ukucabanga ngokucophelela nomzamo ukuveza imiqondo yakhe. | Umzamo omuhle nomcabango othile ekuhleleni. | Umzamo othile, kodwa usheshisiwe noma awucaci ezingxenyeni ezithile. | Umzamo noma umqondo omncane kakhulu ohlelweni lokwenza okuthile. |

| UHLU LWEZINTO OKUMELE ZENZIWE KWISIFUNDO SOKUZIVOCAVOCA | | | | |
|---|---|---|---|---|
| Faka u-✓ noma ku-✗ kumfundi ngamunye emgqeni ngamunye. Bala inani loqhwishi (umkhawulo we-16) | | | | |
| | Igama Lomfundi | Igama Lomfundi | Igama Lomfundi | Igama Lomfundi |
| **Ukunyakazisa amalungu omzimba**<br>• Ngabe umfundi angenza inkambo yezithiyo enesikhwama sikabhontshisi esandleni noma ehlombe? | | | | |
| • Ngabe umfundi angenza inkambo yezithiyo enesikhwama sikabhontshisi onyaweni noma ekhanda? | | | | |
| **Ukuthuthuka kwezinzwa**<br>• Ngabe umfundi angaphonsa ibhola lomphebezo? | | | | |
| • Ngabe umfundi anganqaka ibhola lomphebezo? | | | | |
| **Isigqi**<br>• Ngabe umfundi angakwazi ukujomba intambo eqenjini labathathu? (Abafundi ababili basonga intambo, oyedwa weqa. Bayashintshashintshana ngokudlala indima.) | | | | |
| • Ngabe umfundi angakwazi ukuzwinga kubha evundlile ye-jungle gym? | | | | |
| **Ukusebenzisana kwezitho zomzimba**<br>• Ngabe umfundi uyakwazi ukunqaka ibhola? | | | | |
| • Ngabe umfundi uyakwazi ukuphonsa ibhola? | | | | |
| **Ukuzimelela**<br>• Ngabe umfundi uyakwazi ukushwiba ihulahuphu esebenzisa izingalo? | | | | |
| • Ngabe umfundi angakwazi ukushwiba ihulahuphu esebenzisa ukhalo? | | | | |
| **Ukwazi ngendawo**<br>• Ngabe umfundi uyakwazi ukukhasa ngaphansi kwezihlalo? | | | | |
| • Ngabe umfundi uyakwazi ukukhasa ngaphansi kwamathayi ezimoto? | | | | |
| **Izinhlangothi**<br>• Ngabe umfundi uyakwazi ukuphonsa ibhola emaceleni? | | | | |
| • Ngabe umfundi angaphonsa ibhola kweSokunxele/kweSokudla njengokudlala ibhola lombhoxo? | | | | |
| **Imidlalo**<br>• Ngabe umfundi uyakwazi ukulandela imithetho emdlalweni? | | | | |
| • Ngabe umfundi angabamba iqhaza ngenkuthalo emdlalweni? | | | | |

IGAMA ______________________ USUKU ______________

Funda imisho.

1 

Usuku lokuzalwa kukagogo.

2 

Leli yikhadi likaMama.

3 


UGundane laseDolobheni waya epulazini.

4 


UMnumzane Qhude wayesele yedwa ekhaya.

5 

Impala inamadlebe amakhulu.

6 

Ushaka unamazinyo amaningi.

7 

UPhila uphuke ingalo.

UKUHLOLWA KOKUFUNDA KOKU-1

**IGAMA** ______________________ **USUKU** ______________________

Beka isiphambano (✗) eceleni kwempendulo efanele.

**1** U-Florence Nightingale wayedume ngokuba:




☐



☐

**2** Ebusuku, uFlorence Nightingale wayephatha:



☐



☐

**3** Yini eyenzeka okokuqala, okwesibili nokwesithathu? Bhala 1, 2 noma u-3.



☐



☐



☐

UKUHLOLWA KOKULALELA NOKUKHULUMA KOKU-1

IGAMA ______________________ USUKU ______________________

Dweba umugqa usuka engxenyeni yelungu lomzimba uye lapho likhona emzimbeni.





amaphaphu



indlebe



inhliziyo



indololwane



isithende



ingqondo

Kokelezela izingxenye zamalungu omzimba ezingaphakathi komzimba

**IGAMA** ______________________ **USUKU** ______________________

Beka isiphambano (✗) eceleni kwempendulo efanele.

1 Ubekuphi uGogo?

 ☐  ☐

2 UBusi wamtshela ukuthini uGogo?

 ☐  ☐

3 Wayegqokeni uBusi?

 ☐  ☐

4 Kwakukhona ini kubhasikidi?

 ☐  ☐

5 Ubani owayefuna ukwanga uGogo?

 ☐  ☐

UKUHLOLA ISIFUNDO SOKUQONDISISA KWESI-2

